


Uhlelo Lokwenza Ngcono Ulimi Ebangeni R  
Grade R Language Improvement Programme

# Umhlahlandlela Wemisebenzi Activity Guide

Ithemu 2  
Term 2



IsiZulu | English



Lomhlahandlela Wemisebenzi ungaphansi kwelayisensi ye – Creative Commons Attribution 4.0 (<http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/>).

Le layisensi ivumela abasebenzisi kabusha ukusabalalisa, ukuxuba kabusha, ukuvumelanisa, nokwakha phezu kokuqukethwe kunoma iyiphi indlela noma ifomethi ngenjongo okungeyona eyentengiso, futhi uma uzonikezwa umsunguli. Uma uxubanisa kabusha, ushitsha, noma wakhela kokuqukethwe, kufanele unikeze ilayisense enemigomo efanayo.

Umhleli wochungechunge: Siân Rees

Ukukhunyushwa kwesiZulu: Lawrence Molefe, uZenzele Mazibuko noThembeka Radebe

Ukuhlela nokuhloliswa kwesiZulu: Lawrence Molefe noThembeka Radebe

Ukuhlela nokuhloliswa kwesiNgisi: Magdel Palm

Imifanekiso: Jiggs Snaddon-Wood

Uhlelo lokuthayipha: Heath White

Ukudizayinwa kwekhava: Jacqui Botha

*This Activity Guide is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 License (<http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/>).*

*This license allows re-users to distribute, remix, adapt, and build upon the material in any medium or format for non-commercial purposes only, and only so long as attribution is given to the creator. If you remix, adapt, or build upon the material, you must license the modified material under identical terms.*

*Series editor: Siân Rees*

*IsiZulu translation: Lawrence Molefe, Zenzele Mazibuko and Thembeka Radebe*

*IsiZulu editing and proofreading: Lawrence Molefe and Thembeka Radebe*

*English editing and proofreading: Magdel Palm*

*Illustrations: Jiggs Snaddon-Wood*

*Typesetting: Jacqui Botha*

*Cover and text design: Jacqui Botha*



# ★ Okuqukethwe

Umlayezo ovela Kumphathi womnyango .....	5
<b>ISINGENISO</b>	
Umhlahlandlela Womsebenzi weThemu 2 .....	6
Uhlelo Lwansuku Zonke Lokufundisa Ulimi Lwasekhaya Ebangeni R .....	8
Uhlelo lwamasonto amabili olimini lwasekhaya .....	10
Uhlelo lwemisebenzi yokwenziwa olulungiswe ngokwe-CAPS .....	14
<b>UNGUMAMA WAMI WENA?</b>	
Indaba .....	18
Iculo no Amagama amasha endabeni .....	20
Isonto 1 .....	22
Isonto 2 .....	36
<b>UMNTWANA ULINDELWE</b>	
Indaba .....	50
Iculo no Amagama amasha endabeni .....	52
Isonto 1 .....	54
Isonto 2 .....	68
<b>ISIDLEKE ESAKHIWE NGESIGQOKO SEWULI</b>	
Indaba .....	82
Iculo no Amagama amasha endabeni .....	84
Isonto 1 .....	86
Isonto 2 .....	100
<b>UFUDU NEGOBOLONDO LALO</b>	
Indaba .....	112
Iculo no Amagama amasha endabeni .....	114
Isonto 1 .....	116
Isonto 2 .....	130
<b>UGOLIDO</b>	
Indaba .....	144
Umlolozelo no Amagama amasha endabeni .....	146
Isonto 1 .....	148
Isonto 2 .....	162
<b>Ukuhlola</b>	
Ithemu 2: Isibonelo serekhodi lokuhlola okuqhubekayo (uhla lokuzoqinisekiswa) .....	178
Ithemu 2: Ukulalela nokukhuluma Irubhrikhi 1 & 2 .....	180
Ithemu 2: Imisindo, Ukufunda Nokubuka Irubhrikhi 1–3 .....	182
Ithemu 2: Ukubhala kahle ngesandla kokuqala Irubhrikhi 1–3 .....	184
Ungayenza kanjani inhlama yokudlala nencwadi encane .....	186
Amakhasi omsebenzi .....	188

# ★ Contents

Foreword from the Head of Department .....	5
<b>INTRODUCTION</b>	
The Term 2 Activity Guide .....	7
Teaching Home Language in the Grade R daily programme.....	9
The Home Language two-week cycle .....	11
Programme activities are CAPS aligned .....	15
<b>ARE YOU MY MOTHER?</b>	
Story.....	19
Song and vocabulary from the story.....	21
Week 1.....	23
Week 2.....	37
<b>WAITING FOR BABY</b>	
Story.....	51
Song and vocabulary from the story.....	53
Week 1.....	55
Week 2.....	69
<b>THE BEANIE NEST</b>	
Story.....	83
Song and vocabulary from the story.....	85
Week 1.....	87
Week 2.....	99
<b>TORTOISE AND HIS SHELL</b>	
Story.....	113
Song and vocabulary from the story.....	115
Week 1.....	117
Week 2.....	131
<b>GOLDBLOCKS</b>	
Story.....	145
Rhyme and vocabulary from the story .....	147
Week 1.....	149
Week 2.....	163
<b>ASSESSMENTS</b>	
Term 2: Exemplar record of continuous assessment (checklist).....	179
Term 2: Listening and speaking Rubric 1 and 2.....	181
Term 2: Phonics, reading and viewing Rubric 1 to 3.....	183
Term 2: Emergent writing and handwriting Rubric 1 to 3 .....	185
How to make playdough and a little book .....	187
Activity pages .....	188

# ★ Umlayezo Ovela KuMphathi Womnyango



**GAUTENG PROVINCE**  
EDUCATION  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

**GGT 2030**  
GROWING GAUTENG TOGETHER

Dear Teacher/Practitioner


Welcome to the training of the Grade R teachers/practitioners. The Gauteng Department of Education (GDE) has prioritized Early Childhood Development as its Strategic Goal 1. This is to ensure that we can lay a solid foundation and seamless transitioning of learners to Grade 1.

The Grade R Mathematics and Language Improvement Project has been developed to provide the much-needed classroom based support for the Grade R teachers/practitioners in Gauteng. It is about classroom practices with exciting techniques and methodology most appropriate for Grade R Teaching and Learning. This is in response to a study that reported that 65% of children across South Africa have not mastered the skills required to be able to succeed in Literacy and Numeracy when entering Grade 1. This project is intended to support the Grade R practitioners/teachers to address this challenge.

The Department's expectation is that you are ready to learn and be a more empowered Grade R teacher/practitioner. Your commitment to the training process and thereafter the implementation of lessons learnt in your classroom will contribute to the improvement of Grade R learner readiness for Grade 1.

We trust that this intervention will help enhance your potential, innovation and creativity as you lay an important foundation for learning of our children. This project would not have been possible without the support of our partners. The GDE is grateful for the support of the GEDT, Zenex Foundation and USAID who contributed to this initiative. I trust you will learn a great deal from this training programme and improve the learning experience of the young children in your care.

Yours Sincerely

  
**MR EDWARD MOSUWE**  
**HEAD OF DEPARTMENT**  
DATE: 3/6/2020

## Umhlahlandlela Womsebenzi weThemu 2

Umhlahlandlela Womsebenzi weThemu 2 wethula uhlaka lokufundisa ulimi lwasekhaya ebangeni R. Imisebenzi yokwenziwa kuwo isuselwa ezindabeni kanti ihlelwe ngokohlelo lokufundisa lwamasonto amabili endabeni ngayinye.

Qaphela lokhu okulandelayo:

- ★ uhla lwezinto odinga ukuzilungiselela kulokhu kufundisa indaba emasontweni amabili
- ★ uhlelo lwamasonto amabili olunemisebenzi yokwenziwa usuku nosuku aze aphele amasonto
- ★ ikhasi lokuhlola okuqhubekayo eliqukethe imisebenzi yokwenziwa yethemu elilungele ukusetshenziselwa ukuqopha inqubekela phambili kule themu
- ★ irubhrikhi yokuhlola
- ★ amakhasi akopishekayo omsebenzi wokwenziwa, izincwadi ezincane kanye nohlaka lwezinhlamvu.

## Imithombo

Nansi imibono yezindaba, izindikimba zazo, kanye nezinhlamvu zokuqashelwa kuThemu 2.

Indaba	Indikimba	Imisindo okuzogxilwa kuyo
Ungumama wami wena?	Ikhaya, Ukulondeka	<b>b</b> no- <b>e</b>
Umntwana ulindelwe	Inzalo yami, Izinsuku zesonto	<b>t</b> no- <b>i</b>
Isidleke esakhiwe ngesigqoko sewuli	Izulu	<b>q</b> no- <b>e</b>
Ufudu negobolondo lalo	Umsindo, ukubuka, ukuthinta	<b>o</b> no- <b>u</b>
UGoldo	Ukuzwangomolomo, iphunga	<b>g</b> no- <b>a</b>

Kuzodingeka uzakhele imithombo yakho ngokuhamba kwesikhathi ukuze ube nohlelo lokufundisa. Eminye imithombo inikezwe njengengxenywe yohlelo lokufundisa, eminye uzoziqoqela yona, kanti eminye uzoyenza wena qobo lwakho. Siphakamisa ukuthi ulungiselele isifundo sakho lisaqala isonto, ulungise izinto ozozidinga ngaphambi kwesikhathi. Kuqinisekise lokho konke kumi ngomumo ngaphambi kokuthi isifundo siqale, ukuze usisebenzise kahle isikhathi sakho uma sewunabafundi.

## Izinto Ozozidingela Isifundo Solimi

Kumhlahlandlela Womsebenzi weThemu ngayinye uzothola izinto ozozidinga ezifana nalokhu:

- ★ amaphaphethi endaba ngayinye
- ★ izithombe zokulandelana kwendaba ngayinye
- ★ Incwadi Enkulu yendaba ngayinye
- ★ imidlalo namaphazili (*ngakunye kuzodinga ukusikwa kulungiswe*)

# ★ Introduction

## The Term 2 Activity Guide

The Home Language Term 2 Activity Guide offers a structure for teaching Home Language in the second term of Grade R. The activities are based on stories and structured according to a two-week teaching cycle for each story.

Look out for the following:

- ★ a list of what you need to prepare for each two-week story cycle
- ★ a two-week cycle that maps out activities for every day
- ★ a continuous assessment page which is based on the term's activities and can be used to record each learner's progress during the term
- ★ assessment rubrics
- ★ photocopiable activity pages, little books and letter templates.

## Resources

Here is an overview of the stories, related themes and focus letters/sounds for Term 2.


Story	Theme	Focus letters/sounds
<b>Are you my mother?</b>	Home, Safety	<b>b</b> and <b>e</b>
<b>Waiting for baby</b>	My family, Days of the week	<b>t</b> and <b>i</b>
<b>The beanie nest</b>	Weather	<b>q</b> and <b>e</b>
<b>Tortoise and his shell</b>	Sound, sight and touch	<b>o</b> and <b>u</b>
<b>Goldilocks</b>	Taste and smell	<b>g</b> and <b>a</b>

You will need to build up your own resources over time to teach the programme. Some are given to you as part of the programme, some you need to collect and some you can make yourselves. We suggest that you plan your lessons at the beginning of each week and prepare all the materials you will need in advance. Make sure everything is set up before you start your lessons, so you can make the most of your time with learners.

### Language resource pack

With each Term Activity Guide you will receive a resource pack containing:

- ★ puppets for each story
- ★ sequence pictures for each story
- ★ a Big Book for each story
- ★ games and puzzles (*which will need to be cut up and prepared*).



## Izinsiza ozoziqoqa noma uzithenge

- ★ izinto okumele ziqoqwe ezihambisana nendaba ezizosetshenziswa uma kuxoxwa indaba, ukudlala ngokuzenzisa kanye nokulingisa
- ★ izinto ebesezilahlwe zobuciko kanye nezokwakha: iphepha eselisebenzile, utshani, izimpaphe, izinswazi, ikotiniwuli, amabhokisi amaqanda, izivalo zamabhodlela, amabhodlela epulasitiki, amabhokisi kamentshiso, amatshe amancane, amapuleti ephepha, izimfologo zepulasitiki, intambo namafosu ezicathulo, amaseviyethi
- ★ izinto ezishicilelwe ezimayelana nendaba ngayinye: izincwadi zezithombe, amapheshana okuthenga, amaphephabhuku kanye namaphosta
- ★ Inhlanganisela yamakhayoni asamafutha, upende, kanye namabhulashi okupenda, isikele, iglu, amakoki namapeni okumaka ebhodini elimhlophe
- ★ iphepha eliyi-A4, ikhadibhodi kanye nephepha leshadi eliqheqekayo
- ★ izinto noma amakhadi anezithombe noma amagama athathwe ohlwini lwamagama amasha endabeni ngayinye
- ★ izinto zasemabhokisini ezinhlamvu
- ★ izithombe zamakhaya ezilwane ezahlukahlukene kanye namalungu ahlukahlukene omndeni
- ★ izinto noma izithombe zesifanekiso sezinhlamvu emsebenzini wokwenziwa: iphepha iphepha elibomva, iphepha elidala noma iphephandaba

## Ukulungiselela indaba ngayinye

- ★ Qoqa izinto zokusiza ukuxoxa indaba, zokulingisa kanye nezokudlala ukuzenzisa.
- ★ Enza ikhophi yamakhasi omsebenzi womfundi ngamunye.
- ★ Lungisa imidlalo kanye namaphazili ngokukufaka esikhwameni noma esitsheni
- ★ Yenza inhlama yokudlala uyibeke kumata wayo (indlela yokwenza ifakwe nayo emakhasini omsebenzi wokwenziwa).
- ★ Enza ikhophi bese ugoqa incwadi encane yomfundi ngamunye (imiyalelo ikhona emakhasini omsebenzi wokwenziwa).
- ★ Yakha amabhokisi amabili ezinhlamvu zendaba ngayinye: Gcwalisa isitsha sika ayisikhilimu ngezinto (ezifana nezithombe zezinto) ezinomsindo othile. Isibonelo, ibhokisi elinohlamvu **s** luzoba nezinto ezinamagama agcizelela umsindo /**s**/. Sebenzisa izinhlamvu zamagama ukuze kube lula ukukhetha izinto ezizongena emabhokisini. Bhala amagama ngaphandle kwamabhokisi usizwa yizinhlaka zezinhlamvu. Kuwumbono omuhle ukuthungatha izinhlaka lezi endwangwini, esiponjini noma kusaniphepha ukuze abantwana bakwazi ukusizwa ngokusithinta isimo sohlamvu.

## Uhlelo Lwansuku Zonke Lokufundisa Ulimi Lwasekhaya Ebangeni R


Isikhathi sokuqaphela izinto ezibalulekile Olimini Lwasekhaya sidingeka ekilasini lonke kanye nasemisebenzini eyenziwa ngamaqenjana amancane nsuku zonke. Imisebenzi yokwenziwa ingahlelwa ngezindlela ezahlukahlukene:

- ★ Uthisha angahola ikilasi emi phambi kwalo.
- ★ Uthisha angahlala neqenjana elincane alisize ukuze abafundi basebenze ngokucophelela.
- ★ Uthisha uchaza umsebenzi wokwenziwa bese ecela abafundi ukuthi basebenze ngokuzimisela bengamaqenjana.

Indlela yokusebenza ngokwamasonto amabili yethula imisebenzi yokwenziwa yansuku zonke emasontweni amabili. Leyo misebenzi yenziwe ngendlela yokuthi yakha iphinde ifake umfutho olimini lwendaba, bese ithuthukisa ukufunda ngokucaphuna kokushiwo yindaba. Lolu hlelo luyaphindaphindeka kulo msebenzi wamasonto amabili. Ukulandela lolu hlelo kugcina sekujwayeleka bese kusiza uthisha kanye nabafundi ngokufanayo. Othisha baba nomdlandla wokufundisa ngale ndlela, abafundi bona bazizwe beneqholo ngesizathu sokwazi ukuthi yini elindeleke kubo.







## Resources to collect or buy

- ★ props and costumes related to the story to use during storytelling, pretend play and role play
- ★ scrap materials for art and construction activities: scrap paper, grass, feathers, sticks, cotton wool, egg boxes, bottle tops, plastic bottles, matchboxes, small rocks, paper plates, plastic forks, string and shoelaces, serviettes
- ★ printed materials connected to each story: picture books, shopping flyers, magazines and posters
- ★ jumbo wax crayons, paints and paintbrushes, scissors, glue, kokis and whiteboard markers
- ★ A4 paper, cardboard and flipchart paper
- ★ objects or picture cards for the vocabulary list for each story
- ★ objects for letter boxes
- ★ pictures of different animal homes and different family members
- ★ items or small pictures for letter template activities: red paper, scrap paper or newspaper.

## Preparation for each story

- ★ Collect props for storytelling, role play and pretend play.
- ★ Photocopy the activity pages for each learner.
- ★ Prepare the games and puzzles and store in a packet or container.
- ★ Make playdough and playdough mats (recipe included with the activity pages).
- ★ Photocopy and fold a little book for each learner (instructions in the activity pages).
- ★ Make two letter boxes for each story: Fill empty ice-cream containers with objects (or pictures of objects) that start with a specific sound. For example, the **s** box will contain objects whose names begin with the sound /s/. Use the word lists to help you choose items for the boxes. Label each letter box using the letter templates. It is a good idea to trace the templates onto felt, foam or sandpaper so that learners can feel the shape of the letter.


# Teaching Home Language in the Grade R daily programme

The Home Language focus time includes whole class and small group activities every day. Activities are organised in different ways:

- ★ The teacher leads from the front of the class.
- ★ The teacher sits with a small group to guide and engage carefully with learners.
- ★ The teacher explains an activity and asks learners to work more independently in groups.






The two-week cycle on the next page maps out activities for every day, for two weeks. The activities are designed to build on and reinforce the language of the story, and develop important literacy concepts within a meaningful story context. The structure is repeated for each two-week cycle. This routine becomes familiar and benefits both teachers and learners. Teachers become confident to teach in this way and learners feel secure when they know what is expected of them.






# Uhlelo lwamasonto amabili olimini lwasekhaya






## Isonto 1


Umsebenzi wekilasi lonke	uMsombuluko	uLwesibili	uLwesithathu	uLwesine	uLwesihlanu
Imisebenzi yokwenziwa esuselwa endabeni	<b>Ukuxoxa indaba nokwakha uhlu lwamagama amasha</b>	<b>Ukuxoxa indaba kanye nokucula</b>	<b>Ukuxoxa indaba kanye nokuyidlala</b>	<b>Ukulandelanisa izithombe</b>	<b>Yakha, udwebe bese uyabhala</b>
	Abafundi indaba bayizwa okokuqala ngenkathi befunda amagama amasha.	Abafundi baphinda balalele indaba futhi, bacule iculo elihambisana nendaba.	Abafundi badlala izindawo ezahlukahlukene besebenzisa ulimi lwendaba ngokwabo, ngenkathi ixoxwa indaba.	Abafundi bayayixoxa futhi indaba besebenzisa izithombe.	Abafundi bayayimela imibono yabo ngendaba ngokwenza utho, umdwebo, isithombe noma ngokuzibandakanya ekubhaleni bebambisene.
Imisebenzi yokwenziwa ngohlamvu nangemisindo	<b>Ukwethula umsindo othathwe endabeni</b>	<b>Ukwakha uhlamvu</b>	<b>Amabhokisi ezinhlamvu</b>	<b>Ukulalela imisindo okugxilwe kuyo</b>	<b>Ukuhlanganisa nokuhlukanisa (amalunga)</b>
	Abafundi bethulelwa umsindo okuzogxilwa kuwo kanye nohlamvu oluxhumene namagama asuselwa endabeni.	Abafundi bakha uhlamvu okugxilwe kulo besebenzisa izinto ezahlukahlukene, okubasiza ukukhulisa izinzwa zabo zomzimba.	Abafundi babona, babamba baphinde bakhulume ngezinto nangezithombe ezinohlamvu okugxilwe kulo.	Abafundi bahlonza imisindo okugxilwe kuyo emagameni.	Abafundi baxuba imisindo ukwenza amagama bese behlukanisa imisindo yamagama.
<b>Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane</b>	<b>uMsombuluko</b>				
	<b>uLwesibili</b>				
	<b>uLwesithathu</b>				
	<b>uLwesine</b>				
	<b>uLwesihlanu</b>				
	UStella uyakhomba ukuthi yimiphi imisebenzi yamaqenjana abafundi azosizwa nguthisha usuku ngalunye.				
Iqembu elisasibhakabhaka	<b>Umsebenzi 1: Ukudweba nokubhala okuvelayo</b> 	<b>Umsebenzi 2: Amaphazili nemidlalo</b>	<b>Umsebenzi 3: Ukufunda ngokuzimela</b>	<b>Umsebenzi 4: Amakhono omzimba nokubhala ngesandla</b>	<b>Umsebenzi 5: Ukulingisa kokuzenzisa</b>
	Abafundi baqopha imibono yabo ngokudweba kanye nangokubhala okuvelayo.	Abafundi benza amaphazili bese bedlala imidlalo ebandakanya ulimi.	Abafundi bafunda ngokuzimela bathokozele izincwadi kanye nokunye okuphrintiwe.	Abafundi benza imisebenzi edinga imizimba yabo bazijwayeze nokwakha izinhlamvu.	Abafundi bakhela phezu kolimi lwendaba bese benza sengathi bayadlala.
Iqembu elisatshani	<b>Umsebenzi 5: Ukulingisa kokuzenzisa</b>	<b>Umsebenzi 1: Ukudweba nokubhala okuvelayo</b> 	<b>Umsebenzi 2: Amaphazili nemidlalo</b>	<b>Umsebenzi 3: Ukufunda ngokuzimela</b>	<b>Umsebenzi 4: Amakhono omzimba nokubhala ngesandla</b>
Iqembu eliphuzi	<b>Umsebenzi 4: Amakhono omzimba nokubhala ngesandla</b>	<b>Umsebenzi 5: Ukulingisa kokuzenzisa</b>	<b>Umsebenzi 1: Ukudweba nokubhala okuvelayo</b> 	<b>Umsebenzi 2: Amaphazili nemidlalo</b>	<b>Umsebenzi 3: Ukufunda ngokuzimela</b>
Iqembu elibomvu	<b>Umsebenzi 3: Ukufunda ngokuzimela</b>	<b>Umsebenzi 4: Amakhono omzimba nokubhala ngesandla</b>	<b>Umsebenzi 5: Ukulingisa kokuzenzisa</b>	<b>Umsebenzi 1: Ukudweba nokubhala okuvelayo</b> 	<b>Umsebenzi 2: Amaphazili nemidlalo</b>
Iqembu elibukhwebezane	<b>Umsebenzi 2: Amaphazili nemidlalo</b>	<b>Umsebenzi 3: Ukufunda ngokuzimela</b>	<b>Umsebenzi 4: Amakhono omzimba nokubhala ngesandla</b>	<b>Umsebenzi 5: Ukulingisa kokuzenzisa</b>	<b>Umsebenzi 1: Ukudweba nokubhala okuvelayo</b> 



# The Home Language two-week cycle


## Week 1

Whole class activities	Monday	Tuesday	Wednesday	Thursday	Friday
<b>Story-based activities</b>	<b>Storytelling and building vocabulary</b> Learners hear the story for the first time while learning new vocabulary.	<b>Storytelling and singing</b> Learners listen to the story again and sing a song related to the story.	<b>Storytelling and role play</b> Learners take on different roles and use the story language themselves, while the story is narrated.	<b>Sequencing pictures</b> Learners retell the story by using pictures.	<b>Make, draw and write</b> Learners represent their ideas about the story by making an object, drawing a picture or participating in shared writing.
	<b>Introducing a sound from the story</b> Learners are introduced to a focus sound linked to words from the story.	<b>Forming the letter</b> Learners form the focus letter using different materials which give them a rich sensory experience.	<b>Letter boxes</b> Learners see, hold and talk about objects and pictures that start with the focus sound.	<b>Listening for focus sounds</b> Learners identify focus sounds in words.	<b>Blending and segmenting</b> Learners blend sounds to make words and break up words into sounds.
<b>Letter and sound activities</b>					
Small group activities	Monday	Tuesday	Wednesday	Thursday	Friday
	Stella indicates which small group activities are teacher-guided each day.				
<b>The blue group</b>	<b>Activity 1: Drawing and emergent writing</b>  Learners record their ideas through drawing and emergent writing.	<b>Activity 2: Puzzles and games</b> Learners do puzzles and play language games.	<b>Activity 3: Independent reading</b> Learners read independently and enjoy books and other printed material.	<b>Activity 4: Fine motor skills and handwriting</b> Learners do fine motor activities and practise forming letters.	<b>Activity 5: Pretend play</b> Learners build on the story language and theme through pretend play.
	<b>The green group</b>	<b>Activity 5: Pretend play</b>	<b>Activity 1: Drawing and emergent writing</b> 	<b>Activity 2: Puzzles and games</b>	<b>Activity 3: Independent reading</b>
<b>The yellow group</b>	<b>Activity 4: Fine motor skills and handwriting</b>	<b>Activity 5: Pretend play</b>	<b>Activity 1: Drawing and emergent writing</b> 	<b>Activity 2: Puzzles and games</b>	<b>Activity 3: Independent reading</b>
<b>The red group</b>	<b>Activity 3: Independent reading</b>	<b>Activity 4: Fine motor skills and handwriting</b>	<b>Activity 5: Pretend play</b>	<b>Activity 1: Drawing and emergent writing</b> 	<b>Activity 2: Puzzles and games</b>
<b>The purple group</b>	<b>Activity 2: Puzzles and games</b>	<b>Activity 3: Independent reading</b>	<b>Activity 4: Fine motor skills and handwriting</b>	<b>Activity 5: Pretend play</b>	<b>Activity 1: Drawing and emergent writing</b> 




## Isonto 2

Umsebenzi wekilasi lonke	uMsombuluko	uLwesibili	uLwesithathu	uLwesine	uLwesihlanu
Imisebenzi yokwenziwa esuselwa endabeni	<b>Okunye ukulandelanisa izithombe</b>	<b>Ukufunda ngokubambisana – Incwadi Enkulu</b>	<b>Ukuzejwayeza ukulalela</b>	<b>Funda bese wenza</b>	<b>Yakha, udwebe bese uyabhala</b>
	Abafundi bahlanganisa ulwazi lwabo lwezindaba ngokulandelanisa izithombe ngokuzimela	Abafundi balalela indaba abayaziyo lapho ifundwa ngenkathi uthisha enza isibonelo sokuthi kufundwa kanjani	Abafundi balalela ngokucophelela baphinde balandele imiyalelo eyenziwayo	Abafundi bahumsha izifanekiso zezithombe kanye nezokushicilelwe	Abafundi bayayimela imibono yabo ngendaba ngokwenza utho, umdwebo, isithombe noma ngokuzibandakanya ekubhaleni bebambisene.
Imisebenzi yokwenziwa ngohlamvu nangemisindo	<b>Ukwethula umsindo othathwe endabeni</b>	<b>Ukwakha uhlamvu</b>	<b>Amabhokisi ezinhlamvu</b>	<b>Ukulalela imisindo okugxilwe kuyo</b>	<b>Ukuhlanganisa nokuhlukanisa (amalunga)</b>
	Abafundi bethulelwa umsindo okuzogxilwa kuwo kanye nohlamvu oluxhumene namagama asuselwa endabeni.	Abafundi bakha uhlamvu okugxilwe kulo besebenzisa izinto ezahlukahlukene, okubasiza ukukhulisa izinzwa zabo zomzimba.	Abafundi babona, babamba baphinde bakhulume ngezinto nangezithombe ezinohlamvu okugxilwe kulo.	Abafundi bahlonza imisindo okugxilwe kuyo emagameni.	Abafundi baxuba imisindo ukwenza amagama bese behlukanisa imisindo yamagama.
<b>Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane</b>	<b>uMsombuluko</b>	<b>uLwesibili</b>	<b>uLwesithathu</b>	<b>uLwesine</b>	<b>uLwesihlanu</b>
	UStella uyakhomba ukuthi yimiphi imisebenzi yamaqenjana abafundi azosizwa nguthisha usuku ngalunye.				
Iqembu elisasibhakabhaka	<b>Umsebenzi 1: Ukudweba nokubhala okuvelayo</b>	<b>Umsebenzi 2: Amaphazili nemidlalo</b>	<b>Umsebenzi 3: Ukufunda ngokuzimela</b>	<b>Umsebenzi 4: Amakhono omzimba nokubhala ngesandla</b>	<b>Umsebenzi 5: Ukulingisa kokuzenzisa</b>
	Abafundi baqopha imibono yabo ngokudweba kanye nangokubhala okuvelayo.	Abafundi benza amaphazili bese bedlala imidlalo ebandakanya ulimi.	Abafundi bafunda ngokuzimela bathokozele izincwadi kanye nokunye okuphrintiwe	Abafundi benza imisebenzi edinga imizimba yabo bazijwayeze nokwakha izinhlamvu.	Abafundi bakhela phezu kolimi lwendaba bese benza sengathi bayadlala.
Iqembu elisatshani	<b>Umsebenzi 5: Ukulingisa kokuzenzisa</b>	<b>Umsebenzi 1: Ukudweba nokubhala okuvelayo</b>	<b>Umsebenzi 2: Amaphazili nemidlalo</b>	<b>Umsebenzi 3: Ukufunda ngokuzimela</b>	<b>Umsebenzi 4: Amakhono omzimba nokubhala ngesandla</b>
Iqembu eliphuzi	<b>Umsebenzi 4: Amakhono omzimba nokubhala ngesandla</b>	<b>Umsebenzi 5: Ukulingisa kokuzenzisa</b>	<b>Umsebenzi 1: Ukudweba nokubhala okuvelayo</b>	<b>Umsebenzi 2: Amaphazili nemidlalo</b>	<b>Umsebenzi 3: Ukufunda ngokuzimela</b>
Iqembu elibomvu	<b>Umsebenzi 3: Ukufunda ngokuzimela</b>	<b>Umsebenzi 4: Amakhono omzimba nokubhala ngesandla</b>	<b>Umsebenzi 5: Ukulingisa kokuzenzisa</b>	<b>Umsebenzi 1: Ukudweba nokubhala okuvelayo</b>	<b>Umsebenzi 2: Amaphazili nemidlalo</b>
Iqembu elibukhwebezane	<b>Umsebenzi 2: Amaphazili nemidlalo</b>	<b>Umsebenzi 3: Ukufunda ngokuzimela</b>	<b>Umsebenzi 4: Amakhono omzimba nokubhala ngesandla</b>	<b>Umsebenzi 5: Ukulingisa kokuzenzisa</b>	<b>Umsebenzi 1: Ukudweba nokubhala okuvelayo</b>



## Week 2


Whole class activities	Monday	Tuesday	Wednesday	Thursday	Friday
<b>Story-based activities</b>	<b>More sequencing pictures</b> Learners consolidate their story knowledge by sequencing pictures more independently.	<b>Shared reading – Big Book</b> Learners listen to a familiar story being read as the teacher models the reading process.	<b>Learning to listen</b> Learners listen carefully and follow verbal instructions.	<b>Read and do</b> Learners interpret written and picture cues.	<b>Make, draw and write</b> Learners represent their ideas about the story by making an object, drawing a picture or participating in shared writing.
	<b>Introducing a sound from the story</b> Learners are introduced to a focus sound linked to words from the story.	<b>Forming the letter</b> Learners form the focus letter using different materials which give them a rich sensory experience.	<b>Letter boxes</b> Learners see, hold and talk about objects and pictures that start with the focus sound.	<b>Listening for focus sounds</b> Learners identify focus sounds in words.	<b>Blending and segmenting</b> Learners blend sounds to make words and break up words into sounds.
<b>Letter and sound activities</b>					
<b>Small group activities</b>	<b>Monday</b>	<b>Tuesday</b>	<b>Wednesday</b>	<b>Thursday</b>	<b>Friday</b>
	Stella indicates which small group activities are teacher-guided each day.				
<b>The blue group</b>	<b>Activity 1: Drawing and emergent writing</b> Learners record their ideas through drawing and emergent writing.	<b>Activity 2: Puzzles and games</b> Learners do puzzles and play language games.	<b>Activity 3: Independent reading</b> Learners read independently and enjoy books and other printed material.	<b>Activity 4: Fine motor skills and handwriting</b> Learners do fine motor activities and practise forming letters.	<b>Activity 5: Pretend play</b> Learners build on the story language and theme through pretend play.
<b>The green group</b>	<b>Activity 5: Pretend play</b>	<b>Activity 1: Drawing and emergent writing</b>	<b>Activity 2: Puzzles and games</b>	<b>Activity 3: Independent reading</b>	<b>Activity 4: Fine motor skills and handwriting</b>
<b>The yellow group</b>	<b>Activity 4: Fine motor skills and handwriting</b>	<b>Activity 5: Pretend play</b>	<b>Activity 1: Drawing and emergent writing</b>	<b>Activity 2: Puzzles and games</b>	<b>Activity 3: Independent reading</b>
<b>The red group</b>	<b>Activity 3: Independent reading</b>	<b>Activity 4: Fine motor skills and handwriting</b>	<b>Activity 5: Pretend play</b>	<b>Activity 1: Drawing and emergent writing</b>	<b>Activity 2: Puzzles and games</b>
<b>The purple group</b>	<b>Activity 2: Puzzles and games</b>	<b>Activity 3: Independent reading</b>	<b>Activity 4: Fine motor skills and handwriting</b>	<b>Activity 5: Pretend play</b>	<b>Activity 1: Drawing and emergent writing</b>



## Uhlelo lwemisebenzi yokwenziwa olulungiswe ngokwe-CAPS

Leli thebhula likhombisa imisebenzi yokwenziwa ngokwakha amakhono olimi ku-CAPS ohlelweni lwamasonto amabili, kanti luyakhombisa ukuthi ungayisebenzisa kanjani lemisebenzi yokwenziwa ukuhlola inqubekela phambili yabafundi ngokwesesekelo sokuhlola nge-CAPS.

Uhlelo lokufundisa lwamasonto amabili	Imisebenzi yekilasi lonke ebhekiswe endabeni	Amakhono olimi ngokwe-CAPS	Uhla lwezinto zokuqinisekiswa	Irubhriki yokuhlola
			(kwakhelwe esesekelweni sokuhlola nge-CAPS)	
<b>Isonto 1:</b> UMsombuluko	Ukuxoxa indaba nokwakha uhlu lwamagama amasha	Ukulalela nokukhuluma	Ukulela izindaba ezimfushane azenamele bese ehlanganyela emculweni ngesikhathi esifanele Uyayibuza imibuzo	
ULwesibili	Ukuxoxa indaba kanye nokucula	Ukulalela nokukhuluma	Uyawacula amaculo alula awanyakazele (ngokusizwa)	
ULwesithathu	Ukuxoxa indaba kanye nokuyidlala	Ukulalela nokukhuluma	Wenza okusendabeni ngokwenza iminyakazo kanye nemisebenzi esamidlalo	
ULwesine	Ukulandelanisa izithombe	Ukulalela nokukhuluma		<b>Irubhriki 1 Ukulalela nokukhuluma:</b> Uyazixoxa izindaba aziphindaphinde ngamazwi akhe
ULwesihlanu	Yakha, udwebe bese uyabhala	Ukulalela nokukhuluma Ngesandla kokuqala	Uyayifaka imibono esebenzisa imidwebo bese ehlanganyela futhi emishweni ngesikhathi ikilasi libhala Uyadweba noma apende izithombe ukudlulisa imilayezo	
<b>Isonto 2:</b> UMsombuluko	Okunye ukulandelanisa izithombe	Ukulalela nokukhuluma Ukufunda nokubuka		<b>Irubhriki 2 Ukulalela nokukhuluma:</b> Uyazihlela izithombe ezithile ngendlela yokuthi ziyakhe indaba kube nokulandelana okunomqondo ezehlakalweni uma zixoxwa endabeni eyakhekile
ULwesibili	Ukufunda ngokubambisana – Incwadi Enkulu	Ukufunda nokubuka	Uyayifunda imibhalo ekhulisiwe njengezinkondlo, izincwadi ezinkulu namaphosta nekilasi lonke	
ULwesithathu	Ukuzewayeza uku lalela	Ukulalela nokukhuluma	Uyayilalela imiyalelo elula bese enza okufanele	
ULwesine	Funda bese wenza	Ukufunda nokubuka	Uyalibona igama lakhe kanye namagama abanye abafundi	
ULwesihlanu	Yakha, udwebe bese uyabhala	Ukulalela nokukhuluma Ngesandla kokuqala	Ufaka imibono ngemibono esebenzisa imidwebo bese ehlanganyela futhi emishweni ngesikhathi ikilasi libhala Uyadweba noma apende izithombe ukudlulisa imilayezo	



## Programme activities are CAPS aligned

This table shows how the activities of the two-week cycle build specific CAPS language skills, and shows how you can use these activities to assess learner progress against CAPS assessment criteria.

Two-week cycle	Whole class story-based activities	CAPS language skills	Assessment checklist	Assessment rubric
			(derived from the CAPS assessment criteria)	
<b>Week 1:</b> Monday	Storytelling and building vocabulary	Listening and speaking	Listens to short stories with enjoyment and joins in choruses at the appropriate time Asks questions	
Tuesday	Storytelling and singing	Listening and speaking	Sings simple songs and does actions (with help)	
Wednesday	Storytelling and role play	Reading and viewing	Acts out part of a story, song or rhyme	
Thursday	Sequencing pictures	Listening and speaking		<b>Listening and Speaking Rubric 1:</b> Tells stories and retells stories in own words
Friday	Make, draw and write	Listening and speaking Emergent writing	Contributes ideas by means of drawings and contributes sentences to a class piece of writing Draws or paints pictures to convey messages	
<b>Week 2:</b> Monday	More sequencing pictures	Listening and speaking Reading and viewing		<b>Listening and Speaking Rubric 2:</b> Arranges a set of pictures in such a way that they form a story and a logical sequence of events when verbalised and relates the story created
Tuesday	Shared reading – Big Book	Reading and viewing	“Reads” enlarged texts such as poems, Big Books and posters as a whole class with the teacher	
Wednesday	Learning to listen	Listening and speaking	Listens to simple instructions and acts on them	
Thursday	Read and do	Reading and viewing	Recognises own name and some names of other learners	
Friday	Make, draw and write	Listening and speaking Emergent writing	Contributes ideas by means of drawings and contributes sentences to a class piece of writing Draws or paints pictures to convey messages	



Uhlelo lokufundisa lwamasonto amabili	Imisebenzi yekilasi lonke ebhekiswe endabeni	Amakhono olimi ngokwe-CAPS	Uhla lwezinto zokuqinisekiswa	Irubhriki Yokuhlola
<b>Isonto 1 no-2:</b> UMSombuluko	Ukwethula umsindo othathwe endabeni	Imisindo		<b>Irubhriki 1 Imisindo, Ukufunda Nokubuka:</b> Uyababona ongwaqa nawonkamisa abathile ngokukhuluma kanye nangamehlo
ULwesibili	Ukwakha uhlamvu	Ukubhala kahle	Uyazakha izinhlamvu ngezindlela ezahlukene esebenzisa ukupenda ngeminwe, ukupenda ngamabhulashi, ngamakhrayoni asamafutha, njll. esukela lapho kufanele khona athathe inkombandlela efanele	<b>Irubhriki 1 Ukubhala kahle ngesandla kokuqala:</b> Uyathuthuka ngamakhono okunyakazisa izicubu ezincane kanye nokusebenzisa umzimba
ULwesithathu	Amabhokisi ezinhlamvu	Imisindo	Uyababona ongwaqa nawonkamisa abathile ngokukhuluma kanye nangamehlo ikakhulu abangasekuqaleni kwegama	<b>Irubhriki 1 Imisindo, Ukufunda Nokubuka:</b> Uyababona ongwaqa nawonkamisa abathile ngokukhuluma kanye nangamehlo
ULwesine	Ukulalela imisindo okugxilwe kuyo	Imisindo		<b>Irubhriki 2 Imisindo, Ukufunda Nokubuka:</b> Uqala ukuqonda ukuthi amagama akhiwa ngemisindo: uyawethula umsindo wokuqala osegameni lakhe
ULwesihlanu	Ukuhlanganisa nokuhlukanisa	Imisindo	Uyakwazi ukwehlukanisa amalunga emagameni amalunga-maningi: uyakusebenzisa ukushaya izandla noma isigubhu elungeni ngalinye egameni noma ahlonze inani lamalunga (eshaya izandla) uma ekilasini kusetshenziswa amagama abafundi	
Uhlelo lokufundisa lwamasonto amabili	Imisebenzi yekilasi lonke ebhekiswe endabeni	Amakhono olimi ngokwe-CAPS	Uhla lwezinto zokuqinisekiswa	Irubhriki Yokuhlola
<b>Isonto 1 no-2:</b> UMSombuluko	Ukudweba nokubhala okuvelayo	Ngesandla kokuqala	Wenza sengathi uyabhala wenza imidwebo engewona amagama. 'Bafunda' imibhalo yabo ' bafunda' abakubhale noma kanjani ngemidwebo Amakhrayoni uwabamba ngendlela efanele esebenzisa indlela elibanjwa ngayo ipensela	<b>Irubhriki 2 Ukubhala kahle ngesandla kokuqala:</b> Uyazidweba izithombe eziveza umqondo oqavile ezindabeni, emaculweni noma emilolozelweni <b>Irubhriki 3:</b> Uyakuqonda ukuthi ukubhala kanye nokudweba yizinto ezingafani: ukwenza sengathi uyabhala uyakwenza ngemigqa egobile
ULwesibili	Amaphazili nemidlalo	Imisindo Ukulalela nokukhuluma	Sebenzisa ulimi ukucabanga nokuthola isisusa: ifanisa izinto ezihamba ndawonye bese iqhathanise izinto ezahlukene	<b>Irubhriki 1 Imisindo, Ukufunda Nokubuka:</b> Uyababona ongwaqa nawonkamisa abathile ngokukhuluma kanye nangamehlo
ULwesithathu	Ukufunda ngokuzimela	Ukufunda nokubuka	"Ufunda" izincwadi ukuzijabulisa ngokuzimela kumtapo wezincwadi noma kwikhona lokufunda ekilasini Ubamba incwadi ngendlela efanele bese uphenya amakhasi ngendlela efanele	<b>Irubhriki 3 Imisindo, Ukufunda Nokubuka:</b> Uyakwazi ukwakha indaba yakhe "ngokufunda" izithombe
ULwesine	Amakhono omzimba nokubhala ngesandla	Ukubhala kahle	Uyazakha izinhlamvu ngezindlela ezahlukene esebenzisa ukupenda ngeminwe, ukupenda ngamabhulashi, ngamakhrayoni asamafutha, njll. esukela lapho kufanele khona athathe inkombandlela efanele Uyazikopisha izinhlamvu azaziyo ezisegameni lakhe emsebenzini wokubhala: uyalikopisha igama lakhe Uthuthukisa ukulawula izicubu ezincane, esebenzisa isikelo ukusika amaphepha, imifanekiso, izimo, njll.	<b>Irubhriki 1 Ukubhala kahle ngesandla kokuqala:</b> Uyathuthuka ngamakhono okunyakazisa izicubu ezincane kanye nokusebenzisa umzimba
ULwesihlanu	Ukulingisa kokuzenzisa	Ukulalela nokukhuluma Ngesandla kokuqala	Uyakulingisa ukubhala emidlalweni: uyayithatha imilayezo yocingo, abhale ithikithi lomgwaqo, njll. Uyakukopisha okushicilelwe okuseduze kwakhe ngenkathi edlala.	







Two-week cycle	Whole class letters and sounds activities	CAPS language skills	Assessment checklist	Assessment rubric
<b>Week 1 and 2:</b> Monday	Introducing a letter from the story	Phonics		<b>Phonics, Reading and Viewing Rubric 1:</b> Recognises aurally and visually some consonants and vowels
Tuesday	Forming the letter	Handwriting	Forms letters in various ways using finger-painting, paintbrushes, wax crayons, etc. starting at the right point and following the correct direction	<b>Emergent Writing and Handwriting Rubric 1:</b> Develops small muscle skills and fine motor skills
Wednesday	Letter boxes	Phonics	Recognises aurally and visually some initial consonants and vowels especially at the beginning of a word	<b>Phonics, Reading and Viewing Rubric 1:</b> Recognises aurally and visually some consonants and vowels
Thursday	Listening for focus sounds	Phonics		<b>Phonics, Reading and Viewing Rubric 2:</b> Begins to recognise that words are made up of sounds: gives the beginning sound of own name
Friday	Blending and segmenting	Phonics	Divides multisyllabic words into syllables: uses clapping or drum beats on each syllable in the word or identifies the number of syllables (claps) in the names of the learners in the class	
Two-week cycle	Small group activities	CAPS language skills	Assessment checklist	Assessment rubric
<b>Week 1 and 2:</b> Monday	Drawing and emergent writing	Emergent writing	Makes an attempt to write letters using squiggles, scribbles, etc. and "reads" own writing: "reads" what squiggles say Holds crayons correctly using an acceptable pencil grip	<b>Emergent Writing and Handwriting Rubric 2:</b> Draws pictures capturing main idea of the stories, songs or rhymes <b>Rubric 3:</b> Understands that writing and drawing are different: pretend writing represented using squiggles
Tuesday	Puzzles and games	Phonics Listening and speaking	Uses language to think and reason: matches things that go together and compares things that are different	<b>Phonics, Reading and Viewing Rubric 1:</b> Recognises aurally and visually some consonants and vowels
Wednesday	Independent reading	Reading and viewing	"Reads" independently books for pleasure in the library or classroom reading corner Holds the book the right way up and turns pages correctly	<b>Phonics, Reading and Viewing Rubric 3:</b> Makes up own story by "reading" the pictures
Thursday	Fine motor skills and handwriting	Handwriting	Forms letters in various ways using finger-painting, paintbrushes, wax crayons, etc. starting at the right point and following the correct direction Copies known letters in own name to represent writing: copies own name Develops fine motor control using scissors to cut out bold outlined pictures, shapes, etc.	<b>Emergent Writing and Handwriting Rubric 1:</b> Develops small muscle skills and fine motor skills
Friday	Pretend play	Listening and speaking Emergent writing	Role-plays writing in play situations: takes a telephone message, writes a traffic fine, etc. Copies print from the environment while playing	

# ★ Ungumama wami wena?


## Indaba

Kwesukasukela. Umama wenyoni wakha isidleke esihle esihlahleni esikhulu. Wazalela iqanda esidlekeni, wayeselifukamela izinsuku eziningi. Phakathi eqandeni kwakukhona iphuphu elalikhula.

Emva kwesikhashana, uMama Wenyoni wezwa elambile. Kwadingeka ukuba andize ashiye isidleke ayofuna ukudla. Ucabanga ukuthi kwenzekani ngenkathi esahambile? Iphuphu elalilincane kakhulu, kodwa selilungele ukuphuma eqandeni, lachofa ngaphakathi eqandeni ngonqhwaku lenza imbobo encane. Ladudula embotsheni ngonqhwaku, laze lafa iqanda, lachamusela. Lajabula kakhulu, lanyakazisa amaphiko alo amancane. Laqalaza lifuna umama walo. Lathi, "Uphi kanti umama?" Laqalaza phansi, laqalaza phezulu, laqalaza yonke indawo; alangambona.

"Ngizozula ngize ngimthole umama," kusho iphuphu. Lasho liphuma esidlekeni, uzobona-ke ukuthi kwabe sekwenzekani. Lavele lathaqaka enhlabathini! Ingani belingakakwazi ukundiza – beliselincane kakhulu. Lasukuma lapho lazithintitha, laqhubeka layofuna umama walo.

Endleleni labona inkomo. "Nkomazi, ungumama wami wena?" kubuza iphuphu. "Moooo," kuphendula inkomazi. "Cha, angiyena umama wakho, kodwa ngizokunika ubisi." "Cha, ngiyabonga," kusho iphuphu, "kufanele ngimthole umama wami," lasho liqhubeka lihamba.



Labuye lahlangani nembuzi. "Mbuzi, ungumama wami wena?" kubuza iphuphu. "Meee, meee," kusho imbuzi, inikina inhloko yayo enoboya. "Cha, angiyena umama wakho, kodwa woza uzodla kanye nami utshani, bumnandi." "Cha ngiyabonga," kusho iphuphu, "kufanele ngithole umama wami." Lasho lihamba futhi.





Laseliqala ukukhathazeka iphuphu manje. Lacabanga: "Ngabe ngisazomthola nje umama wami?"

Ngaleso sikhathi uGogo wayehamba endleleni ephethe ubhasikidi, wezwa izwi elincane lithi: "Tshwiyo-tshwiyo-tshwiyo-tshwiyo." Wayengazi ukuthi yiphuphu lizama ukumbuza ukuthi umama walo ukuphi.

Wena-ke ucabanga ukuthi uGogo wenzani? Wavele walicosha iphuphu walifaka kubhasikidi. "Ubukeka ulahlekile," kusho uGogo. "Ngiyazi mina ukuthi umama wakho ukuphi." UGogo wasibona isidleke, wayeselibuyisela kahle iphuphu. Wayesehlala etsheni wabheka ukuthi kuzokwenzekani. Ucabanga ukuthi kwabe sekwenzekani?

UMama Wenyoni wathola isibungu esimnandi, wandiza wabuyela esidlekeni esiphethe ngonqhwaku. Iphuphu lalingakaze limbone ngoba lalikade lihlezi ngaphakathi eqandeni. Labuza lijabulile: "Ungumama wami wena? Ngiyazi ukuthi nguweni umama wami!" UMama Wenyoni wathi: "Yebo, ngane yami enhle, yimina umama wakho." Iphuphu lavula unoqhwaku walo omncane, ladla isibungu lasigwinya. UMama Wenyoni wahlala nalo phansi esidlekeni. Bobabili babejabulile kakhulu bendawonye.

**Iphela lapho indaba.**



# ★ Are you my mother?


## Story

Once upon a time there was a mother bird who built a beautiful nest in a big tree. She laid an egg in her nest and then she sat there for many days to keep it warm. Baby Bird was growing inside the egg.

After a while, Mother Bird felt hungry. She wanted to go and find food to eat so she flew away from the nest. Now what do you think happened while she was away? Baby Bird was still very small, but was ready to come out of the egg. He tapped the inside of the egg shell with his beak and made a little hole. He pushed his beak through the hole, the egg broke, and Baby Bird hatched out of the egg! He was so happy and he shook his little wings. Baby Bird looked around for his mother and said: "Where is my mother?" He looked up and down and all around, but he could not see her.

"I will go and find my mother," said Baby Bird. He stepped right out of the nest and do you know what happened? He fell straight down to the ground! Of course, Baby Bird couldn't fly yet – he was still too small. He was a strong and brave little bird, so he stood up, shook himself and went off to find his mother.

Along the way he saw a cow. "Cow, are you my mother?" he asked. "Mooooo," said the cow. "No, I am not your mother, but I will give you some milk." "No thank you," said Baby Bird, "I must find my mother," he said and walked on.





Soon he met a goat. "Goat, are you my mother?" he asked. "Meh, meh," said the goat and shook her hairy head. "No, I am not your mother, but come and eat sweet grass with me." "No thank you," said Baby Bird, "I must find my mother." And he walked on again.


Baby Bird began to feel sad. He thought: "Am I ever going to find my mother?" Just then Gogo was walking down the path with her basket and she heard a little voice saying: "Tweet-tweet, tweet-tweet." She didn't know that Baby Bird was asking where his mother was.

Now what do you think Gogo did? Well, she picked up Baby Bird and put him in her basket. "You look lost," said Gogo. "I know where your mother is." Gogo found the nest and very carefully put Baby Bird back. Then she sat down on a rock and watched. Can you guess what happened next?

Mother Bird had found some worms and she flew back to the nest with a long worm in her beak. Baby Bird had never seen her before because he had been inside the egg. He called excitedly: "Are you my mother? I know you are my mother!" And Mother Bird said: "Yes, my dear one, I am." Baby Bird happily opened his little beak, and gobbled up the worm. Mother Bird and Baby Bird settled down together in the nest. They were both very happy to be back together.

***And that is the end of the story.***





## Iculo

Laphuma iphuphu esidlekeni, laphuma esidlekeni, laphuma esidlekeni, laphuma esidlekeni  
Laphuma iphuphu esidlekeni  
Liyofunana nonina.

Nkk Nkomo, ungumama wami wena, ungumama wami, ungumama wami?  
Nkk Nkomo, ungumama wami wena?  
Ngabe ukuphi?

Angiyena umama wakho kodwa nalu ubisi, nalu ubisi, nalu ubisi  
Angiyena umama wakho kodwa nalu ubisi,  
Ngabe ukuphi?

Nkk Mbuzi ungumama wami wena, ungumama wami, ungumama wami?  
Nkk Mbuzi ungumama wami wena?  
Ngabe ukuphi?

Angiyena umama wakho kodwa woza uzodla utshani, uzodla utshani, uzodla utshani  
Angiyena umama wakho kodwa woza uzodla utshani,  
Ngabe ukuphi?

Gogo ngibuyisele esidlekeni, esidlekeni, esidlekeni  
Gogo ngibuyisele esidlekeni,  
Ngiyolinda khona umama.

Phuphu lami sengifikile, sengifikile, sengifikile  
Phuphu lami sengifikile,  
Ngifike nesibungu esicebile esimnandi.



*(Ungalricula noma yingayiphi indlela oyikhethile.)*

## Amagama amasha endabeni

Amagama awukhiye	iphuphu	isidleke	iqanda	inkomazi	imbuzi	thola
Amagama ongeziwe:	isihlahla	unoqhwaku	iphiko	isibungu	yidla	chamusela
	chofa	bulala	ndiza	phezulu	phansi	weneme





## Song

Baby Bird stepped out of the nest, out of the nest, out of the nest  
Baby Bird stepped out of the nest  
To go and find his mother.

Mrs Cow are you my mother, you my mother, you my mother?  
Mrs Cow are you my mother?  
Where can she be?

I'm not your mother but here is some milk, here is some milk, here is some milk  
I'm not your mother but here is some milk,  
Where can she be?

Mrs Goat are you my mother, you my mother, you my mother  
Mrs Goat are you my mother?  
Where can she be?

I'm not your mother but come eat grass, come eat grass, come eat grass  
I'm not your mother but come eat grass,  
Where can she be?

Gogo put me back in my nest, back in my nest, back in my nest  
Gogo put me back in my nest,  
To wait for my mother.

Baby Bird here I come, here I come, here I come,  
Baby Bird here I come,  
With a fat juicy worm!

*(Sing to the tune of "Here we go round the mulberry bush" or use your own tune.)*



## Vocabulary from the story

Key-words:	bird	nest	egg	cow	goat	find
Extra words:	tree	beak	wing	worm	eat	hatch
	tap	break	fly	up	down	excited



### Nakhu ozokudinga:

- Indaba: *Ungumama wami wena?*
- Amaphaphethi: Inyoni Engumama, iphuphu, inkomazi, imbuzi, uGogo, isihlahla, isidleke, iqanda, iphuphu eliseqandeni
- Okudingeka eshashalazini: umucu wewuli eqatha/ intanjana ezoba umswenya, isidleke senyoni, iqanda lepulasitiki, ichwane eliyithoyisi, izimpaphe, ifulemu yezibuko zikagogo, ubhasikidi
- Izinto noma amakhadi anezithombe noma amagama athathwe ohlwini lwamagama amasha



## Isonto 1 Usuku 1

### Umsebenzi wekilasi lonke

Yisho la mazwi *Amehlo amabili okubona* ukuqwashisa abafundi ukuthi sekuyisikhathi sokuxoxa izindaba.

#### Amehlo amabili okubona

Umlomo owodwa wokukhuluma nokucula,  
Amehlo amabili okubona,  
Izindlebe ezimbili zokuzwa,  
Imilenze emibili yokuhamba nokugijima;  
Nazi izandla zami

Nginike ezakho – kinina nonke, yisikhathi sezindaba!

### Ukuxoxa indaba nokwakha uhlu lwamagama amasha

#### 1 Ngaphambi kokuxoxa indaba

- 1.1 Tshela abafundi isihloko sendaba bese wethula abalingiswa usebenzisa amaphaphethi.
- 1.2 Fanisa indaba nempilo yabafundi: Zihlalaphi izinyoni? Ngabe uyazi ukuthi amaphuphu azalwa kanjani? Adlani amaphuphu?
- 6 Manje funda umyalo ngamunye bese uthi kubafundi: "Ngabe udwebe inkomazi eyodwa? Uma kunjalo, beka phawu lwalokho ohlwini lwakho."
- 7 Abafundi mabaqhubeka ngalendlela ukuze kube yilapho isithombe ngasinye sesinamatheliswa kwikholomu efanele.

#### Ukulalela imisindo okugxilwe kuyo

- 1 Cela abafundi ukuthi bahlale kukhaphethi bathule, babeke izandla ezindlebeni ukuze balalele kahle. Chaza ukuthi uzosho amagama amane. Uma sewuwashilo wonke amagama amane, abafundi bangaziphakamisa izandla uma bazi ukuthi msindo muni abawuzwile ongasekuqaleni kuwo wonke amagama.
  - ★ Uthisha nabafundi: "Lalelani, lalelani, lalelani kahle, yimuphi umsindo kwesigxile kuyo eniwuzwile?"
  - ★ Uthisha: "fana, ifu, ufudu, funda"
  - ★ Uthisha nabafundi: "Ngitsheleni, ngitsheleni, nizwani?"
  - ★ Abafundi: "/f/"
- 2 Lapho abafundi sebewutholile kula magama umsindo okugxilwe kuwo, wusho ngokucacile nangokungasheshi, ucacise ukunyakaza komlomo.
- 3 Sebenzisa amagama amane kuphela ngasikhathi sinye kulo msebenzi. Buyela emsindweni ofanayo njalo uma kunesidingo, usebenzise amagama amaningana ukuze bakhuthazeke abafundi.
  - ★ /f/: faza, fana, ifasitela, ifu, ufudu, ifulegi, ifosholo, ifulawa, ifindo, funda
  - ★ /t/: itiyeh, utamatisi, itafula, iteki, itekisi, teta
  - ★ /i/: iso, ibhikili, isipikili, isikhindi,inja, isihlilingi, isigingci, indingilizi, ikhilikithi, iphikhinikhi
  - ★ /z/: izihlangu, izinyo, uziphoh, izembe, isizenze, iziko, izizinge, izulu, izambane, izoso



### Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Khumbuza abafundi ngemisebenzi abazoyenza bengamaqenjana amancane, imithetho yomsebenzi ngamunye kanye nendlela odinga kuqoqwe ngayo.





### You will need:


- A photocopy of the **Read and do activity page**
- Jumbo wax crayons

## Week 2 Day 4

### Whole class activities


#### Read and do

- 1 Tell learners to look at the list on the activity page and talk about what they see (numbers, pictures and words).
- 2 Tell learners they are now going to do a fun activity called “read and do”. They must read each line and do what it says using the blank space on the page.
- 3 Read the first line together again. Tell learners to draw one cow, but don't tell them where to draw it.
- 4 Ask if any of the learners can “read” what to do next on the list: They must draw one goat.
- 5 Continue in this way with each of the instructions.
- 6 Now read each of the instructions again and say to the learners: “Have you drawn one cow? If you have, then tick that on your list.”
- 7 Continue checking and ticking each instruction until the end of the list.



#### Listening for focus sounds

- 1 Ask learners to sit quietly on the mat and cup their ears with their hands to listen carefully. Explain that you are going to say four words. When you have finished saying all four words, learners can put their hands up if they know what sound they heard at the beginning of all the words.
  - ★ Teacher and learners: “Listen, listen, loud and clear, what's the focus sound that you hear?”
  - ★ Teacher: “fana, ifu, ufudu, funda”.
  - ★ Teacher and learners: “Tell me, tell me, what do you hear?”
  - ★ Learners: “/f/”.
- 2 Once learners have identified the focus sound in the words, say the sound slowly and clearly while emphasising the movement of your mouth.
- 3 Use only four of these words at a time in the activity. Go back to the same sound as often as you need to, using different combinations of words to keep it interesting.
  - ★ /f/: faza, fana, ifasitela, ifu, ufudu, ifulegi, ifosholo, ifulawa, ifindo, funda
  - ★ /t/: itiyé, utamatisi, itafula, iteki, itekisi, teta
  - ★ /i/: iso, ibhikili, isipikili, isikhindi,inja, isihlilingi, isigingci, indingilizi, ikhikithi, iphikhinikhi
  - ★ /z/: izihlangu, izinyo, uziphó, izembe, isizenze, iziko, izizinge, izulu, izambane, izoso



#### Small group activities

Remind learners about the small group activities, the rules for each activity and the tidy-up process.



### Nakhu ozokudinga:


- Iphepha elikhulu elinesikhala maphakathi kanye namabhamuza enkulamo amiswe ngendlela yohlelo oludwetshiwe
- Amaphaphethi endaba *Ungumama wami wena?*
- Ipeni elikhulu lokumaka ebhodini elimnyama
- Amaqoqo ezinhlamvu ahlobene nendaba: umntwana, kuyathandeka, yena uqobo, umama, kuncane, kunoboya, ubhasikidi, uqogo, ukujabula, kuhle, ngokuqaphela
- Okuxukuzwayo noma izigubhu

## Isonto 2 Usuku 5

### Umsebenzi wekilasi lonke

#### Yakha, udwebe bese uyabhala

- 1 Yithi kubafundi: *“Namuhla sizobhala indaba yethu ngesisodwa sezilwane ezisendabeni yephuphu. Masiqale ngokukhetha isilwane esizobhala ngaso.”* Khombisa abafundi amaphaphethi ayizilwane. Uma sewusikhethile isilwane ozobhala ngaso, beka iphaphethi eyisilwane maphakathi nohlelo oludwetshiwe.
- 2 Sebenzisa le mibuzo ukuzihlahlela indlela ekubhaleni kwakho indaba:
  - ★ Ibhokisi 1: Cela abafundi ukuthi bacabange igama lesilwane. Libhale phansi.
  - ★ Ibhokisi 2: Cela kubafundi imibono mayelana nokuthi isilwane sihlala kuphi. Yichaze ngomusho owodwa le ndawo.
  - ★ Ibhokisi 3: Xoxani ngokuthi lesi silwane sithanda ukudlani; uma senivumelene, bhala umusho ngalokho.
  - ★ Ibhokisi 4: Cela kubafundi imibono mayelana nento lesi silwane esayenza ngelinye ilanga. Khetha umbono owodwa ubhale umusho ngawo.
  - ★ Ibhokisi 5: Xoxa ngokuthi yini eyenzeka ngokulandelayo. Bhala phansi amazwi omfundi abe ngumusho owodwa.
  - ★ Ibhokisi 6: Xoxa nabafundi mayelana nokuthi ingaphela kanjani le ndaba, bese ubhala umusho.
- 3 Manje sewungabafundela abafundi indaba usizwa ngamabhokisi.
- 4 Buza abafundi ukuthi bayayithanda yini indaba. Uma kukhona izinguquko abafuna ukuzenza, zibhale ohlelweni oludwetshiwe. Phinda uyifunde futhi indaba.
- 5 Uma isikhathi sikhona, ungacela abanye babafundi ukuthi badwebe imidwebo ngayo indaba. Yinamathisele odongeni indaba.



### Ukuhlanganisa nokuhlukanisa (amalunga)

- 1 Cela abafundi ukuthi bahlale kumata. Phimisela igama elilodwa kulawa asohlwini lwamagama amalunga amaningi, uveze ukuthi ahlukaniwa kanjani amalunga awo, isibonelo: **um | ntwa | na**.
- 2 Cela abafundi ukuthi baviliyele ngelunga ngalinye: **um** (isinyathelo esisodwa) **ntwa** (isinyathelo esisodwa) **na** (isinyathelo esisodwa). Nikeza abafundi okuxukuzwayo noma izigubhu ukuba bakuxukuze noma bashaye izigubhu.
- 3 Yisho amanye amagama amalunga amaningi avela endabeni ngenkathi abafundi beviliyela ngelunga ngalinye. Khuthaza abafundi ukuthi babale inani lamalunga emagameni (isibonelo: “umntwana” unamalungu amathathu).

### Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Khumbuza abafundi ngemisebenzi abazoyenza bengamaqenjana amancane, imithetho yomsebenzi ngamunye kanye nendlela odinga kuqoqwe ngayo.





### You will need:


- A large piece of paper with a space in the middle and six bubbles drawn in a mind map format
- Puppets from the story *Are you my mother?*
- A thick black marker
- A list of multisyllabic words relating to the story: umntwana, kuyathandeka, yena uqobo, umama, kuncane, kunoboya, ubhasikidi, ugogo, ukujabula, kuhle, ngokuqaphela
- Shakers or drums

## Week 2 Day 5

### Whole class activities

#### Make, draw and write

- 1 Say to the learners: *“Today we are going to write our own story about one of the animals in the baby bird story. To start, let’s choose which animal to write about.”* Show learners the animal puppets. Once you have decided which animal to write about, place the animal puppet in the middle of the mind map.
- 2 Use the following questions to guide the story-writing process:
  - ★ Box 1: Ask learners to think of a name for the animal. Write it down.
  - ★ Box 2: Ask learners for ideas about where the animal lives. Describe this place in a sentence.
  - ★ Box 3: Discuss what the animal likes to eat; once you have agreed, write a sentence.
  - ★ Box 4: Ask learners for ideas about something the animal did one day. Choose one of the ideas and write a sentence.
  - ★ Box 5: Talk about what happened next. Write the learners’ words down in a sentence.
  - ★ Box 6: Discuss with learners how they think the story should end and write a sentence.
- 3 Now read the story to the learners using the boxes to help you.
- 4 Ask learners if they like the story. If there are any changes they would like to make, write them on the mind map. Then read the story again.
- 5 If there is time, you can ask some of the learners to illustrate the story. Stick the story on the wall.



### Blending and segmenting (syllables)

- 1 Ask learners to sit on the mat. Say one of the words from the list of multisyllabic words and model how to break it into syllables, for example: **um | ntwana | na**.
- 2 Ask learners to march for each syllable: **um** (one step) **ntwana** (one step) **na** (one step). Give some learners shakers or drums to shake or tap for each syllable.
- 3 Say other multisyllabic words from the story while learners march for each syllable. Encourage learners to count the number of syllables in the word (for example: “umntwana” has three syllables).


### Small group activities

Remind learners about the small group activities, the rules for each activity and the tidy-up process.






## Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane Isonto 2


Nakhu ozokudinga	Imisebenzi		
<ul style="list-style-type: none"> <li>• Iphepha eliyi-A4 elingabhalawe lutho lomfundi ngamunye</li> <li>• Inhlanguyela yamakhrayoni asama futha</li> <li>• Ikhophi yenkondlo: <i>Ekhaya</i></li> <li>• Izithombe zamakhaya ezilwane ezahlukahlukene: isidleke, indlu yenja, ubhasikidi, isibaya, ubulwembu, igobolondo, ihhoko lezinyosi</li> </ul> <div data-bbox="296 922 499 1146" style="text-align: center;"> <p>Lena yindlu yenja yami.</p> </div>	<p><b>Umsebenzi 1: Ukudweba nokubhala okuvelayo</b></p> <ol style="list-style-type: none"> <li>1 Fundela abafundi inkondlo bese ukhomba izithombe zezinhlobo ezahlukahlukene zamakhaya ezilwane: isidleke, indlu, indlu yenja, ubhasikidi, isibaya, ubulwembu, igobolondo, ihhoko lezinyosi, njll.</li> <li>2 Abafundi kumele badwebwe izithombe zezindlu kanye nezilwane ezihlala kulelo khaya. Isibonelo:inja kanye nendlu yayo, isicabucabu nobulwembu baso.</li> </ol> <div data-bbox="678 797 1472 1054" style="background-color: #e0f0ff; padding: 10px; margin-top: 20px;"> <table style="width: 100%; border: none;"> <tr> <td style="width: 50%; vertical-align: top;"> <p><b>Ekhaya</b>  <i>Ulwembu noma igobolondo            Noma umgodi uyikhaya            Kusukela ekujuleni kolwandle            Ukuya phezulu esihlahleni            Ikhaya liyinoma yini            Ofuna ukuthi libe yiyo.</i></p> </td> <td style="width: 50%; vertical-align: top;"> <p><i>Umgede noma iqanda            Noma isidleke siyikhaya            Indawo ephithizelayo            Noma ukuzimela ngokwakho            Okudlula konke ikhaya lakho...            Ikhaya lakho            Ikhaya lakho elithandekayo!</i></p> </td> </tr> </table> </div>	<p><b>Ekhaya</b>  <i>Ulwembu noma igobolondo            Noma umgodi uyikhaya            Kusukela ekujuleni kolwandle            Ukuya phezulu esihlahleni            Ikhaya liyinoma yini            Ofuna ukuthi libe yiyo.</i></p>	<p><i>Umgede noma iqanda            Noma isidleke siyikhaya            Indawo ephithizelayo            Noma ukuzimela ngokwakho            Okudlula konke ikhaya lakho...            Ikhaya lakho            Ikhaya lakho elithandekayo!</i></p>
<p><b>Ekhaya</b>  <i>Ulwembu noma igobolondo            Noma umgodi uyikhaya            Kusukela ekujuleni kolwandle            Ukuya phezulu esihlahleni            Ikhaya liyinoma yini            Ofuna ukuthi libe yiyo.</i></p>	<p><i>Umgede noma iqanda            Noma isidleke siyikhaya            Indawo ephithizelayo            Noma ukuzimela ngokwakho            Okudlula konke ikhaya lakho...            Ikhaya lakho            Ikhaya lakho elithandekayo!</i></p>		
<ul style="list-style-type: none"> <li>• Amaphazili</li> </ul> <div data-bbox="230 1242 552 1454" style="text-align: center;"> </div>	<p><b>Umsebenzi 2: Amaphazili nemidlalo</b></p> <ol style="list-style-type: none"> <li>1 Abafundi kufanele baqale ngokubuka ngokucophelela izingcezu zephazili kanye nokuzihlela.</li> <li>2 Bese behlanganisa izingcezu zephazili benze izithombe sesilwane noma somlingiswa osendabeni. Bangayisebenzisa Incwadi Enkulu noma izithombe ezilandelanayo njengomhlahlandlela.</li> </ol>		
<ul style="list-style-type: none"> <li>• Izincwadi, amaphephabhuku, izincwajana ezigoqiwe, Izincwadi Ezinkulu kanye nezikhangisi</li> </ul> <div data-bbox="284 1603 499 1868" style="text-align: center;"> </div>	<p><b>Umsebenzi 3: Ukufunda ngokuzimela</b></p> <ol style="list-style-type: none"> <li>1 Thatha iqembu labafundi uye nalo engosini enamabhuku, noma unike iqembu labafundi amabhuku ambalwa.</li> <li>2 Ngasekuqaleni, ungabasiza abafundi ukuthi bakhethe incwadi, iphephabhuku noma ipheshana abangathanda ukulifunda.</li> <li>3 Khombisa ukuthi ibhuku livulwa kanjani, embulwe kanjani futhi amakhasi alo. Khombisa abafundi ezinye zezithombe, ubakhuthaze ukuthi bakhethe izingxenye abazokujabulela ukuzifunda.</li> <li>4 Iya engosini yamabhuku uyophonsa iso uphinde ukhuthaze abafundi ukuthi bafunde.</li> </ol>		




## Small group activities for Week 2

You will need	Activities
<ul style="list-style-type: none"> <li>• A blank A4 page for each learner</li> <li>• Jumbo wax crayons</li> <li>• A copy of the poem: <i>Home</i></li> <li>• Pictures of different animal homes: a nest, a kennel, a basket, a kraal, a web, a shell, a hive</li> </ul> 	<p><b>Activity 1: Drawing and emergent writing</b></p> <ol style="list-style-type: none"> <li>1 Read the poem to learners and point to the pictures of different types of animals' homes: a nest, a hut, a kennel, a basket, a kraal, a web, a shell, a hive, etc.</li> <li>2 Learners must draw pictures of homes and the animals that live in the homes. For example: kennel and a dog, spider and a web.</li> </ol> <div data-bbox="795 765 1340 1030" style="border: 1px solid #ccc; padding: 10px; margin: 10px 0;"> <p><b>Home</b></p> <p><i>A web or a shell or a hole is a home from deep in the sea to up in a tree home is whatever you want it to be.</i></p> <p><i>A cave or an egg or a nest is a home the busiest place or all on your own wherever you love the best is your home... your home sweet home!</i></p> </div>
<ul style="list-style-type: none"> <li>• Puzzles</li> </ul> 	<p><b>Activity 2: Puzzles and games</b></p> <ol style="list-style-type: none"> <li>1 Learners must begin by looking carefully at the puzzle pieces and sorting them.</li> <li>2 Then they must put the puzzle pieces together to make a picture of an animal or character from the story. They can use the Big Book or sequence pictures for guidance.</li> </ol>
<ul style="list-style-type: none"> <li>• Books, magazines, folded little books, Big Books and leaflets</li> </ul> 	<p><b>Activity 3: Independent reading</b></p> <ol style="list-style-type: none"> <li>1 Lead the group to the book corner or give the group a pile of books.</li> <li>2 To begin with, you may need to help learners to choose a book, magazine or leaflet that they would like to read.</li> <li>3 Demonstrate opening a book and paging through it. Show learners some of the pictures and then encourage learners to each choose something to enjoy reading.</li> <li>4 Visit the corner to observe and encourage the learners' reading.</li> </ol>






Nakhu ozokudinga	Imisebenzi
<ul style="list-style-type: none"> <li>• Isifanekiso se-A5 sohlamvu <b>e</b> somfundi ngamunye</li> <li>• Iphepha elidala noma iphephandaba</li> <li>• Isikele, iglu</li> </ul>	<p><b>Umsebenzi 4: Amakhono omzimba nokubhala ngesandla</b></p> <ol style="list-style-type: none"> <li>1 Nika umfundi ngamunye isifanekiso sezinhlamvu.</li> <li>2 Badabule iphepha libe yizicucu ezincane baligoqe libe ngamabhola bese begcwalisa ngalo isikhala bakhe uhlamvu.</li> <li>3 Bangaphinda bafake imidwebo yezinto zohlamvu lokubhekisiswa u-<b>e</b>.</li> </ol>
<ul style="list-style-type: none"> <li>• Okudingeka eshashalazini: izingubo zokulala ezinkulu, amashidi noma izindwangu zokwemboza izihlalo kanye namatafula okwenza "indlu", izipuni, izimfologo, nokunye kwepulasitiki, iziqukathi namabhodwe avuselelwe, ukudla kokudlala (izithelo, imifino yepulasitiki, amabhokisi namaphakethe okudla angenalutho), umcamelo, ingubo yokulala kanye nonodoli</li> </ul>	<p><b>Umsebenzi 5: Ukulingisa kokuzenzisa</b></p> <ol style="list-style-type: none"> <li>1 Khumbuza abafundi ngezinto zeshashalazi engosini yokwenza sengathi kuyadlalwa, ubakhuthaze ukuthi bazilungiselele ngeSonto-1 ngenkathi benza sengathi badlala umdlalo obizwa ngokuthi izindlu.</li> <li>2 Holela iqembu labafundi engosini yokulingisa bese ubabuza uthi: <i>"Lalahlala kuphi iphuphu? Esidlekeni! Abantu bahlala kuphi? Sihlala ezindlini. Ungathanda ukwakha indlu udlale kuyo nabangane bakho?"</i></li> <li>3 Iya engosini uyobukisisa uphinde ukhuthaze abafundi ngengosi yokuzenzisa. Isibonelo: Uma umdlalo wabo ukwamukela lokhu yenza sengathi ungumakhelwane ofikayo kule ndlu. Ngqongqoza "esicabheni" ubone ukuthi bazokuvulela yini.</li> </ol> 







You will need	Activities
<ul style="list-style-type: none"><li>• An A5 <b>e</b> letter template for each learner</li><li>• Scrap paper or newspaper</li><li>• Glue, scissors</li></ul>	<p><b>Activity 4: Fine motor skills and handwriting</b></p> <ol style="list-style-type: none"><li>1 Give each learner a letter template.</li><li>2 They must tear the paper into small pieces and roll it into balls to fill the space and make the letter.</li><li>3 They can also add drawings of things with the focus sound <b>e</b>.</li></ol>
<ul style="list-style-type: none"><li>• Props: some large blankets, sheets or cloths pulled over chairs and tables to make a “house”, plastic cutlery, recycled containers and pots, pretend food (plastic fruit or vegetables, empty food boxes or packets), a pillow, blanket and a doll</li></ul>	<p><b>Activity 5: Pretend play</b></p> <ol style="list-style-type: none"><li>1 Remind learners about the props in the pretend play corner and encourage them to continue from Week 1 when they pretended to play house-house.</li><li>2 Lead the group to the pretend play corner and ask learners: “Where did Baby Bird live? In a nest! Where do people live? We live in houses. Would you like to build a house and play with your friends?”</li><li>3 Visit the corner at least once to observe and encourage the learners’ game. For example: If appropriate to their game, pretend to be a neighbour arriving at the house. Knock on the “door” and see if they invite you in.</li></ol>



# ★ Umntwana ulindelwe

## Indaba

Igama lami nginguTikekile, ngineminyaka eyisithupha ubudala. Kuzozalwa umntwana womfana noma wentombazane masinyane ekhaya. Ngijabule kakhulu ngalokhu! Namhlanje ekuseni uMama ufike endlini yami wathi: “Tikekile, umntwana wethu ukhulile manje, sekuyisikhathi sokuthi afike. Ngiya esibhedlela manje. Ngizobe ngingekho ngoMsombuluko, ngoLwesibili, ngoLwesithathu, ngoLwesine kanye nangoLwesihlanu.”

Umama kaTikekile ulungela ukuya esibhedlela. “Usale kahle, mntanami,” kusho yena. “Ngizobuya ngize ekhaya masinyane, ngizoniphathela into eningayilindele.” Umntwana usekhule waba mkhulu esiswini sikanina kaTikekile, naye uTikekile akasakwazi nokuhlanganisa izingalo ngemuva uma egona unina.

Itekisi iyahutha ngaphandle. Umama sekufanele ahambe. UTikekile uzemboza ngengubo yokulala uyakhala. Uyise uyamphakamisa umbeka ehlonbe. Uyakuthanda ukuhlalela phezulu kangaka abuke phansi laphaya kude.

UTikekile kumele alinde izinsuku ezinhlanu kuphela empeleni: uMsombuluko, uLwesibili, uLwesithathu, uLwesine kanye noLwesihlanu – kodwa kuyena kungathi yisikhathi eside kakhulu. UTikekile ubuza imibuzo eminingi kuyise ngale ngane encane. Uyise wavele wafikelwa yicebo. “Awuhlali ngani phansi ubhalele umama wakho incwadi? Kuyo uzomtshela ukuthi umkhumbula kangakanani, bese umbuza imibuzo ngomntwana omncane.” UTikekile wayesethi: “Kulungile, Baba, angithi uzongisiza?”



Kuthe uma kuphuma isikole, uyise kaTikekile wahlala naye phansi wamsiza ukuthi babhalele unina.

*“Mama othandekayo*

*Ngiyakuthanda futhi ngiyakukhumbula! UBaba uthi wena nengane nizobuya ngoLwesihlanu. Ngijabula ngoba kuzobe kuyimpelasonto. Asiyi esikoleni ngoMgqibelo kanye nangeSonto. Ngizokwazi ukudlala nengane encane sizemboze ngengubo usuku lonke. Ngabe ingane yakithi ngumfana noma yintombazane? Ifana nami? Uzoqala nini ukuzihambela kanye nokukhuluma?*

*Usale kahle*

*nguTikekile (ingane yakho endala)”*

NguLwesihlanu usuku olukhulu namuhla. UTikekile akasabambeki. Uvuka ekuseni kakhulu enzela ukulinda umama ukuthi abuye nengane encane. Nakho ke esezwa ukuthi umama usesemnyango wangaphambili. Ukuthi nje uthule du. Ufuna ukungena bengazelele.

Kunento enye nje emqondweni wakhe uTikekile ayilindele kakhulu. Wo! Unina ufike namawele! UTikekile usenodadewabo nomfowabo!

***Iphela lapho indaba.***



# ★ Waiting for baby

## Story

My name is Thabi and I am six years old. Very soon I am going to have a baby brother or sister and I feel very excited about this! Early this morning Mommy came to my room and said: "Thabi, our baby has grown big and strong and is ready to come now. I'm going to the hospital today and I will be away on Monday, Tuesday, Wednesday, Thursday, and back on Friday."

Thabi's mother gets ready for the hospital. "Bye bye, sweetheart," she says. "I'll be home very soon, with a big surprise for all of us." The baby has grown so big inside her mother's tummy that Thabi can't get her arms around her body to hug her like she could before.

The taxi is hooting outside the house and it is time for her mother to leave. Thabi holds onto her blanket and starts to cry. She feels sad so her father lifts her up on his shoulders. She loves being so high up off the ground.

Thabi only has to wait for five days: Monday, Tuesday, Wednesday, Thursday, Friday – but to her it feels like a long, long time. Thabi asks her father many questions about the new baby. Her father has an idea. "Why don't you write Mommy a letter? You can tell her how much you miss her and ask her more questions about the baby." And Thabi says: "Okay Daddy, will you help me, please?"



After school, Thabi's father helps her to write the letter to her mother.



*"Dear Mommy*

*I love you and I miss you! Daddy says you and the baby will be home on Friday. I'm glad it will be the weekend. There is no school on Saturday and Sunday, so I can play with our baby all day long and wrap it in my blanket. Is our baby a boy or a girl? Will it look like me? When will our baby start to walk and talk?*

*Love from*


*Thabi (your big baby)"*

It is Friday and the big day has arrived. Thabi is so excited, she gets up very early to wait for her mother and the baby to come home. Thabi hears her mother at the front door, but she keeps very quiet. She wants to surprise her.

But Thabi is in for a much bigger surprise. Her mother has come home with twins! Thabi has a sister and a brother!

**And that is the end of the story.**





## Iculo

Thula thu-thula mntwana  
 Thula thula;  
 Thula thu-thula mntwana  
 Umam' uyeza!

*(Ungalacula ngeindlela yalo ejwayelekile neyaziwayo.)*



## Amagama amasha endabeni

Amagama awukhiye	ujabulile	ukhathazekile	akabambeki	akalindele	amawele	isibhedlela
Amagama ongeziwe:	isisu	khula	ngaphakathi	eduze	ukugona	khala
	hamba	linda	ingubo	impelasonto	khumbula	incwadi





## Song

Go to sleep my baby (babies)  
 Close your pretty eyes  
 Mama's here beside you  
 So hush now don't you cry.



## Vocabulary from the story

<b>Key-words:</b>	<b>happy</b>	<b>sad</b>	<b>excited</b>	<b>surprised</b>	<b>twins</b>	<b>hospital</b>
Extra words:	tummy	grow	inside	around	hug	cry
	leave	wait	blanket	weekend	miss	letter





### Nakhu ozokudinga:

- Indaba: *Umntwana ulindelwe*
- Amaphaphethi: uTikekile, umama kaTikekile, ubaba kaTikekile, amawele, ikhalenda
- Okudingeka eshashalazini: ingubo kaTikekile yokulala, incwadi evela kuTikekile (ipheshana kanye nepensela), ikhalenda, uthayi, onodoli ababili (noma izingubo zokulala ezisonge okuthile okubukeka kungabantwana abancane)
- Izinto noma amakhadi anezithombe noma amagama athathwe ohlwini lwamagama amasha

## Isonto 1 Usuku 1

### Umsebenzi wekilasi lonke

Yisho la mazwi *Amehlo amabili okubona* ukuqwashisa abafundi ukuthi sekuyisikhathi sokuxoxa izindaba.

### Ukuxoxa indaba nokwakha uhlu lwamagama amasha

#### 1 Ngaphambi kokuxoxa indaba

- 1.1 Tshela abafundi isihloko sendaba bese wethula abalingiswa usebenzisa amaphaphethi.
- 1.2 Fanisa indaba nempilo yabafundi: *“Bangaki abantu emndenini wakho? Ninaye umntwana womfana noma wentombazane? Akhona na amawele owaziyo?”*
- 1.3 Yithi: *“Ngaphambi kokuthi siqale, ngifuna ukunethulela incazelo yamagama amasha esizowathola kule ndaba.”* Xoxa ngamagama abalulekile asemagameni amasha, ukhombise abafundi into ethile noma isithombe, noma wenze okuthile ukubakhombisa ukuthi igama lisho ukuthini. Isibonelo: Cela abafundi ukuthi bakukhombise ukuthi babukeka kanjani uma bedangele, bejabule, besese, noma bemangele.

#### 2 Ngenkathi uxoxa indaba

- 2.1 Yixoxe ngomdlandla, uguqule izwi njalo.
- 2.2 Nyakaza uphinde usebenzise amaphaphethi nezinto zeshashalazi.
- 2.3 Cela abafundi ukuthi baqagele ukuthi kungahle kwenzekeni endabeni ngokulandelayo ubenze babe yingxenye yendaba ngokubabuza imibuzo enezimpindulo eziningi, efana nokuthi: *“Ubuye ngaluphi usuku ekhaya umama kaTikekile? Yini ebibangela uTikekile ukuthi afune ukukhala? Ucabanga ukuthi uTikekile wabhala wathini encwadini eyayiya kumama wakhe? Ucabanga ukuthi wayefuna ukummangaza ngani?”*

#### 3 Emva kokuxoxa indaba

- 3.1 Buza abafundi uthi: *“Yini eniyithandile endabeni? Yini eningayithandanga? Iyiphi ingxenye ebe mnandi kakhulu? Mibuzo mini eninayo ngendaba? Uma usalindele into ethile uvame ukulinda ngokwenzani?”*


### Ukwethula umsindo othathwe endabeni

- 1 Cela abafundi bahlale phansi kumata balalele okushoyo ngokuqikelela. Yisho la mazwi owathathe endabeni: *“itekisi, uTikekile. Uyayizwa imisindo okugxilwe kuyo: itekisi, uTikekile? Yebo, uqinisile! Wonke anomsindo /t/.”*
- 2 *“Lalelisisa, nanka amagama aqala ngomsindo /t/: itiyi, utamatisi, itafula, iteki, teta.”* (Gcizelela imisindo engasekuqaleni ngenkathi usho la magama.).
- 3 Yisho lo msindo /t/ ngokucacile bese utshela abafundi ukuthi babukisise umlomo wakho.
- 4 Cela abafundi ukuthi basho lo msindo /t/: **“t-t-t”**. Yenza lokhu kube wumdlalo omnandi: yisholo phansi, phakamisa izwi, wusho ubheke odongeni, wusho uwubhekise kusilingi kanye nakubafundi abanye.

### Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Chazela abafundi ukuthi sebezosebenza ngamaqenjana nsuku zonke. Chaza uphinde ukhombise ukuthi lo msebenzi wokwenziwa wenziwa kanjani, uchaze ukudedelana kwabo ngosuku nosuku. Chaza ukuthi bazozoqa kanjani ekugcineni.





### You will need:

- Story: *Waiting for baby*
- Puppets: Thabi, Thabi's mother, Thabi's father, twins, a calendar
- Props: Thabi's blanket, a letter from Thabi (a piece of paper and pencil), a calendar, a tie, two dolls (or blankets wrapped around something to look like babies)
- Objects or picture cards for some of the words from the vocabulary list

## Week 1 Day 1

### Whole class activities

Say the rhyme *Two eyes to see* to bring learners to the mat for story time.

#### Two eyes to see

One mouth to talk and sing,  
Two eyes to see,  
Two ears to hear,  
Two legs to walk and run;  
Here are my hands  
Give yours to me – time for  
stories everyone!

### Storytelling and building vocabulary

#### 1 Before you tell the story

- 1.1 Tell learners the title of the story and introduce the characters using the puppets.
- 1.2 Relate the story to learners' lives by asking: "How many people are in your family? Do you have a baby brother or sister? Do you know any twins?"
- 1.3 Say: "Before we begin, I want to tell you the meaning of some new words which we will find in the story." Discuss the keywords from the vocabulary list, and show learners an object or a picture or do an action to show them what a word means. For example: Ask learners to show you how they look when they are sad, happy, excited and surprised.

#### 2 While you tell the story

- 2.1 Tell the story in a lively way and use different voices.
- 2.2 Do actions and make use of the puppets and props.
- 2.3 Ask learners to predict what happens next in the story and involve them through open-ended questions, such as: "On what day will Thabi's mom come home? Why did Thabi want to cry? What do you think Thabi wrote in the letter to her mom? What do you think the surprise was?"

#### 3 After you tell the story

- 3.1 Ask learners: "What did you like about the story? What didn't you like? What was your best part? What questions do you have about the story? What do you like to do when you are waiting for something?"



### Introducing a sound from the story

- 1 Ask learners to sit on the mat and listen carefully to you. Say these words from the story: "itekisi, uTikekile. Can you hear the focus sound: itekisi, uTikekile? Yes, you are right! They all have the sound /t/."
- 2 "Listen carefully, here are some more words with /t/: itiyе, utamatisi, itafula, iteki, teta." (Emphasise the focus sound as you say these words.)
- 3 Say the sound /r/ clearly and tell learners to watch your mouth carefully.
- 4 Ask learners to say the sound /t/: "t-t-t". Make this fun: Say it softly, loudly, to the wall, to the ceiling and to each other.

### Small group activities

Explain that learners will be working in small groups each day. Explain and show how each activity is done and explain the daily rotation. Explain the tidy-up process.



#### Nakhu ozokudinga:

- Amaphaphethi asendabeni
- Umculo kanye nezithombe/nezidingeka eshashalazini okomculo



## Isonto 1 Usuku 2


### Umsebenzi wekilasi lonke

#### Ukuxoxa indaba kanye nokucula

- 1 Qala ngokukhumbuza abafundi incazelo yamagama owethule ngoSuku-1.
- 2 Phinda uxoxe indaba ngamaphaphethi. Buza imibuzo ngenkathi uxoxa indaba. Khuthaza abafundi ukuthi baqagele ukuthi yini ezokwenzeka ngokulandelayo endabeni.
- 3 Tshela abafundi ukuthi uzobafundisa iculo elisha elizohambisana nendaba.
- 4 Yisho imigqa embalwa yeculo ngokucacile, usho ngokungasheshi, bese ucela abafundi ukuthi bangene bacule kanye nawe. Kungaba lukhuni khona kubafundi ukukhumbula amagama, ngakho bafundise ngezingxenyana ezincane zeculo.
- 5 Yiba nezithombe kanye nezinto zeshashalazi ukusiza abafundi ukuthi baluqonde ulimi lweculo.
- 6 Buza abafundi ukuthi ikhona yini eminye imilolozelo abayaziyo noma amaculo okulala abangawaculela ikilasi.

#### Ukwakha uhlamvu

- 1 Khumbuza abafundi ngomsindo okugxilwe kuwo. Buza kubo ukuthi ukhona yini onegama eliqala ngohlamvu /t/ noma akhona yini amanye amagama abangawacabanga aqala ngohlamvu /t/.
- 2 Fundisa abafundi iminyakazo ehambisana nomsindo lowo. Isibonelo: Abafundi bengenza sengathi baphuza **itiye** elishisayo.
- 3 Bonisa abafundi ukuthi uhlamvu **t** lubhalwa kanjani. Bhala uhlamvu olukhulu ebhodini noma emoyeni ngenkathi usho la mazwi: "Qala echashazini, yehla jikeleza. Yeqa, faka isiphambano maphezulu."
- 4 Dedela abafundi bazejwayeze ukwakha uhlamvu emoyeni, kukhaphethi, emhlane womunye nomunye noma ezandleni. Bangazama futhi ukusebenzisa imizimba yabo ukwakha uhlamvu.
- 5 Uma sewuqedile ukubakhombisa ukuthi uhlamvu lubhalwa kanjani, khuthaza abafundi ukubhala uhlamvu enhlabathini ngokhuni.
- 6 Khuthaza abafundi ukuthi basho umsindo bawenze futhi ngenkathi bebhala uhlamvu.




### Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Khumbuza abafundi ngemisebenzi abazoyenza bengamaqenjana amancane, imithetho yomsebenzi ngamunye kanye nendlela odinga kuqoqwe ngayo.







#### You will need:

- Puppets for the story
- Music and props or pictures for the song



## Week 1 Day 2


### Whole class activities

#### Storytelling and singing

- 1 Begin by reminding learners of the meaning of words that you introduced on Day 1.
- 2 Retell the story using the puppets. Ask questions as you tell the story. Encourage learners to predict what will happen next.
- 3 Tell learners you are going to teach them a new song to go with the story.
- 4 Say a few lines of the song clearly and slowly, and then ask learners to join in and sing together with you. It may be difficult for learners to remember all the words, so teach the song in parts.
- 5 Have pictures or props or do actions to help learners understand the language of the song.
- 6 Ask learners if they know any other lullabies or sleeping songs that they can share with the class. Have fun singing in more than one language.

#### Forming the letter

- 1 Remind learners of the focus sound. Ask learners if anyone's name starts with /t/ or if they can think of any other words that start with the sound /t/.
- 2 Teach learners an action associated with the sound. For example: Learners can pretend to be sipping a cup of hot tea (**itiye**).
- 3 Show learners how to write the letter **t**. Praise their attempts, then write a large letter on the board or in the air while saying the following: "Start at the dot, go down and around. Lift and cross near the top."
- 4 Let learners practise the letter formation in the air, on the mat, on each other's backs or on their hands. They can also try using their own body to make the letter.
- 5 Once you have modelled how to write the letter, go outside and encourage learners to use a stick to write the letter in the sand.
- 6 Encourage learners to say the sound the letter makes as they write the letter.



#### Small group activities

Remind learners about the small group activities, the rules for each activity and the tidy-up process.



#### Nakhu ozokudinga:

- Okudingeka eshashalazini namaphaphethi asendabeni
- Ibhokisi lezinhlamvu eliqukethe izinto noma izithombe zezinto ngomsindo **t**: itiye, utamatisi, itafula, iteki, itekisi



## Isonto 1 Usuku 3

### Umsebenzi wekilasi lonke

#### Ukuxoxa indaba kanye nokuyidlala

- 1 Cula iculo.
- 2 Buza abafundi ukuthi bayayikhumbula yini incazelo yamagama asohlwini lwamagama amasha. Isibonelo: *“Ungayichaza into ekwenze wesasa? Uba njani uma wesese?”*
- 3 Khetha abafundi abazoba ngabادلali endabeni.
- 4 Khuluma kubafundi ngendaba. Tshela abafundi ukuthi bazoba ngobani uma kudlalwa indaba, bese ubakhombisa izinto abazozisebenzisa ukuxoxa indaba.
- 5 Chazela abafundi ukuthi wena (thisha) uzoba ngumxoxi wendaba, kanti futhi uzokwaziwa njengomlandi. Abafundi abazolingisa bazoyenza yonke into ozoyisho. Basize ukuhlela ukuthi bazokuma kanjani.
- 6 Qala uxoxe indaba, bese ukhuthaza abafundi ukuthi benze iminyakazo ehambisana namagama, ngenkathi ikilasi lonke libukela kudlalwa.
- 7 Uma isikhathi sikhona, bangawuphinda umdlalo sewudlalwa ngabanye abafundi.

#### Amabhokisi ezinhlamvu


- 1 Cela abafundi ukuthi bahlale kumata bese ubakhombisa ngamunye izinto noma izithombe ezisebhokisini lezinhlamvu. Babuze amagama ezinto. Uma kunabafundi abakhuluma ezinye izilimi, bacele batshele abanye abafundi ukuthi bazibiza ngani lezi zinto ngezilimi abazikhuluma emakhaya. Bese unikeza igama lento ngayinye ngolimi okufundiswa ngalo. Banike izinto noma izithombe baziphathe bazidlulisele komunye nomunye umfundi.
- 2 Buza imibuzo ephathelene nezinto: *“Uke wayibona into efana nale? Sensani ngalokhu? Kumbala muni? Kuzwakala kanjani uma ukuthinta?”*
- 3 Yisho amagama ezinto, ugcizelele umsindo okugxilwe kuwo. Buza abafundi ukuthi bayawuzwa yini umsindo okugxilwe kuwo.
- 4 Cela abafundi ukuthi basho igama lento ngayinye bese ugcizelele umsindo okugxilwe kuwo.
- 5 Uma abafundi sebezewayezile imisindo emisha, bakhombise uhlamvu olusebhokisini lezinhlamvu, bese uthi: *“Lolu hlamvu luveza ukuthi silubhala kanjani uhlamvu **t**”*. Cela abambalwa kubafundi ukuthi babhale phezu kwemigqa yohlamvu ngeminwe yabo.



### Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Khumbuzwa abafundi ngemisebenzi abazoyenza bengamaqenjana amancane, imithetho yomsebenzi ngamunye kanye nendlela odinga kuqoqwe ngayo.





#### You will need:

- Puppets and props for the story
- A letter box containing objects or pictures of objects have the focus sound **t**: itiyé, utamatisi, itafula, iteki, itekisi



## Week 1 Day 3

### Whole class activities

#### Storytelling and role play

- 1 Sing the song.
- 2 Ask learners if they can remember the meaning of words from the vocabulary list. For example: *“Can you describe something that made you excited? How do you look when you are excited?”*
- 3 Choose learners to play the characters in the story.
- 4 Talk about each character in the story. Tell learners who they are going to be in the role play and show them the props that will be used to tell the story.
- 5 Explain to learners that you (the teacher) are going to be the storyteller, also known as the narrator. The acting learners are going to act out everything you say. Help them to organise where they are going to stand.
- 6 Start telling the story and encourage learners to do the actions to match your words while the rest of the class watches the role play.
- 7 If there is time, you may want to repeat the role play with different learners.

#### Letter boxes

- 1 Ask learners to sit on the mat and show them the objects and pictures in the letter box one at a time. Ask them for the names of the objects. If there are learners who speak different languages, ask them to tell the class what they call the object in their home language. Then give the word in the language of instruction. Let them hold the objects or pictures and pass them around.
- 2 Ask questions about the objects: *“Have you seen one of these? What do we use this for? What colour is it? How does it feel?”*
- 3 Say the names of the objects while emphasising the focus sound. Ask learners if they can hear the focus sound.
- 4 Ask learners to say the name of each object and emphasise the focus sound when they say the words.
- 5 Once learners have practised the new sound, show them the letter on the letter box and say: *“This letter is how we write t.”* Let some learners trace over the letter on the lid with their fingers.



### Small group activities

Remind learners about the small group activities, the rules for each activity and the tidy-up process.



### Nakhu ozokudinga:

- Izithombe ezinkulu ezilandelanayo
- Izinto noma izithombe ezinohlamvu okugxilwe kulo olufanayo

### UStella uthi:



Lena yimibuzo ewusizo engabuzwa ngesithombe ngasinye:

- "Ngabe ubona bani?" (abalingiswa)
- "Ngabe wenzani?" (izenzo neminyakazo)
- "Yini enye oyibonayo?" (ukubheka futhi)
- "Ikuphi i...?" (amagama ezindawo)
- "Kungani ucabanga ukuthi ...?" (Ukucabanga okunokuqamba, ukuveza imibono)

## Isonto 1 Usuku 4

### Umsebenzi wekilasi lonke


#### Ukulandelanisa izithombe

- 1 Cula iculo futhi.
- 2 Yethula amagama owacaphune ohlwini lwamagama amasha.
- 3 Khetha esisodwa sezithombe usibambe usiphakamise. Buza abafundi ukuthi babonani, bese ukhuluma ngesithombe ngokujulile.
- 4 Uma sewuxoxile ngesithombe ngasinye, sinamathisele ebhodini ukuze abafundi basibone. Kuqinisekise lokho izithombe azilandelani okwamanje kulo msebenzi.
- 5 Emva kokukhuluma ngazo zonke izithombe, buza abafundi uthi: "Ngabe izithombe zilandelana ngokwamukelekile na?"
- 6 Cela abafundi ukuthi bakhombe isithombe esihambelana nesiqalo sendaba. Sebenzisananani ukulandelanisa izithombe ukuze indaba ilandeleke.
- 7 Gcina abafundi benamathela kukho konke okwenziwayo. Buza imibuzo efana nokuthi: "Kwase kulandelani? Ngubani okhumbula into eyenzeka emva kwalokho?"
- 8 Uma izithombe sezilandelana kahle, cela abafundi abambalwa ukuthi baphinde bayixoxe indaba ngokulandelana kwezehlakalo.



#### Ukulalela imisindo okugxilwe kuyo

- 1 Khetha imisindo emibili okugxilwe kuyo uthole izithombe noma izinto eziqala ngalolo hlamvu okugxilwe kulo (ungazisebenzisa izinto ezisemabhokisini ezinhlamvu). Cela abafundi abane ukuthi bame ngaphambi kwakilasi. Banike ngamunye izinto ezihamba ngambili noma izithombe eziqala ngohlamvu olunomsindo okugxilwe kuwo olufanayo baziphakamise ukuze abafundi abanye bakwazi ukuzibona kahle. Cela abafundi bakusize usho amagama ezithombe noma ezinto.
- 2 Yisho ngesineke igama lesithombe noma lento ngayinye, ube ugqizelela umsindo okugxilwe kuwo.
- 3 Cela abafundi basho ukuthi yiziphi izinto noma izithombe ezinemisindo efanayo kuleyo okugxilwe kuyo. Abafundi abaphethe lezo zithombe noma izinto kufanele bayoma ndawonye. Qhubeka namakhadi ezithombe noma izinto ezintathu noma ezine.
- 4 Kuzothi uma abafundi sebewujwayele lo mdlalo, bazame lolu hlobo olunye olulandelayo: Kuqinisekise lokho unazo zanele izinto noma izithombe ukuze umfundi ngamunye umuphe okukodwa kwazo. Chazela abafundi ukuthi kumele bathole omunye umfundi osithombe sakhe noma into inomsindo ofanayo kuleyo okugxilwe kuyo bese ubahlalisa ndawonye kumata.



### Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Khumbuza abafundi ngemisebenzi abazoyenza bengamaqenjana amancane, imithetho yomsebenzi ngamunye kanye nendlela odinga kuqoqwe ngayo.





### You will need:

- Big sequence pictures
- Objects or pictures with the same focus sound

## Week 1 Day 4

### Whole class activities

#### Sequencing pictures

- 1 Sing the song again.
- 2 Introduce new words from the vocabulary list.
- 3 Choose one of the sequence pictures and hold it up. Ask learners what they see, then talk about the picture in detail.
- 4 Once you have discussed each picture, stick it on the board so learners can see it. Make sure the pictures are not in sequence at this stage of the activity.
- 5 After talking about all the pictures, ask learners: "Are the pictures in the correct order?"
- 6 Ask learners to point out the picture for the beginning of the story. Work together to arrange the sequence of the pictures so the story makes sense.
- 7 Keep learners actively involved in this process. Ask questions like: "What happened next? Who can remember the next part of the story?"
- 8 When the pictures are in the correct order, invite a few learners to retell the story in the correct sequence.

### Stella says:




These are useful questions to ask about each picture:

- "Who can you see?" (characters)
- "What is he/she/it doing?" (verbs and actions)
- "What else can you see?" (looking again)
- "Where is the ...?" (naming places/position)
- "Why do you think ...?" (creative thinking, expressing opinions)




#### Listening for focus sounds

- 1 Select two focus sounds and find sets of pictures or objects starting with those focus sounds (you can use objects from the letter boxes).
- 2 Ask four learners to stand in front of the class. Give each pair of learners objects or pictures starting with the same focus sound to hold up so all the learners can see. Ask learners to help you name the pictures or objects.
- 3 Say the name of each picture or object slowly, while emphasising the focus sound.
- 4 Ask learners to say which two objects or pictures have the same focus sound. Learners holding these pictures or objects must move and stand next to each other. Continue with three or four more picture cards or objects.
- 5 Once learners are familiar with this game, try the following variation: Make sure you have enough objects or pictures so that you can give each learner one. Explain to learners that they must find another learner whose object or picture has the same focus sound and sit together on the mat.



#### Small group activities

Remind learners about the small group activities, the rules for each activity and the tidy-up process.



### Nakhu ozokudinga:

- **Umntwana osebhookisini likamentshiso:** umntwana ngamunye makabe nebhokisi elilodwa likamentshiso kanye nesampula lomntwana osebhookisini likamentshiso atshengiswe abafundi
- Amatshe amancane, ukhokho, isiponji, ikotiniwuli, intambo, izidwedwe, amaphepha anemibala, amaribhini
- **Isikhehlekehle:** ibhodlela lepulasitiki elingenalutho kumfundi ngamunye, amatshe amancane, ubuhlalu, ubhontshisi, inhlabathi, amaphepha anemibala
- Inhlanganisela yamakhrayoni asamafutha kanye namapeni okumaka amnyama noma amakoki
- Isikele, iglu
- Amagama anamalunga amaningi ahlobene nendaba: umntwana, owesese, ukuhutha, itekisi, okumangazayo, isibhedlela, mfowethu, dadewethu, isisu, uMsombuluko, uLwesibili, uLwesithathu, uLwesine, uLwesihlanu, impelasonto

## Isonto 1 Usuku 5

### Umsebenzi wekilasi lonke

#### Yakha, udwebe bese uyabhala

- 1 Chazela abafundi ukuthi bazokwakha ababo abantwana kanye nemibhede ebhokisini likamentshiso. Sekufanele basebenzise izinto ezisetafuleni ezihambisana nekoki ukudweba ubuso bomntwana etsheni noma kukhokho. Kufanele futhi balihlobise ibhokisi likamentshiso uma benza umbhede womntwana. Khombisa abafundi isampula olenzile.
- 2 Cela abafundi ukuthi banike "umntwana" igama bese belibhala ephepheni balinamathisele ohlangothini olungaphambili lwebhokisi likamentshiso. Bachazele ukuthi igama bazolibhala ngendlela abacabanga ukuthi libhalwe ngayo.
- 3 Khuthaza abafundi ukuthi babuze umngane "ngomntwana" wabo: Ngubani igama lakhe? Ngumfana noma yintombazane? Uvamisile ukukhala?

#### NOMA

- 1 Chazela abafundi ukuthi bazokwakha isikhehlekehle somntwana. Kufanele bafake amatshe amancane, ubuhlalu noma inhlabathi ebhodleleni lepulasitiki bese bemboza ibhodlela ngamaphepha ambalwa anemibala ukwenza isikhehlekehle sibukeke kahle kumntwana.



#### Ukuhlanganisa nokuhlukanisa (amalunga)


- 1 Cela abafundi ukuthi bahlale kumata. Phimisela igama elilodwa kulawa asohlwini lwamagama anamalunga amaningi, uveze ukuthi ahlukani kwanjani amalunga awo, Isibonelo: **i | su | su**.
- 2 Cela umfundi ngamunye ukuthi ame abhekane nomngane, bashaye izandla njalo uma kushiwo ilungu: **i** (shayanise izandla) **su** (shayanise izandla) **su** (shayanise izandla).
- 3 Yisho amanye amagama anamalunga amaningi avela endabeni ngenkathi abafundi beshayanisa izandla behambisana namalungu.
- 4 Khuthaza abafundi ukuthi babale inani lamalunga emagameni (isibonelo: "isusu" sinamalungu amathathu).



### Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Khumbuza abafundi ngemisebenzi abazoyenza bengamaqenjana amancane, imithetho yomsebenzi ngamunye kanye nendlela odinga kuqoqwe ngayo.





### You will need:

- **Matchbox baby:** one matchbox per learner and a sample of a baby in a matchbox to show the learners
- Small rocks, corks, foam, cotton wool, string, fabric pieces, coloured paper, ribbon
- **Rattle:** an empty plastic bottle for each learner, little stones, beads, beans, sand, coloured paper
- Jumbo wax crayons and black markers or kokis
- Scissors and glue
- A list of multisyllabic words relating to the story: umntwana, owesese, ukuhutha, itekisi, okumangazayo, isibhedlela, mfowethu, dadewethu, isisu, uMsombuluko, uLwesibili, uLwesithathu, uLwesine, uLwesihlanu, impelasonto

## Week 1 Day 5

### Whole class activities

#### Make, draw and write

- 1 Explain to learners that they are going to make their own baby and baby bed in a matchbox. They must use the materials on the table and a koki to draw the baby's face on the rock or cork. They must also decorate the matchbox to make a bed for their baby. Show learners the sample you have made.
- 2 Ask learners to give their "baby" a name and write the name on a piece of paper which they can stick onto the front or the side of the matchbox. Explain to them that they write the name the way they think it is written.
- 3 Encourage learners to ask a friend about their "baby": What is its name? Is it a boy or a girl? Does he/she cry a lot?

OR

- 1 Explain to learners that they are going to make a rattle for a baby. They must put little stones, beads or sand in the plastic bottle and then cover the bottle with little bits of torn coloured paper to make it look nice for the baby.




### Blending and segmenting (syllables)

- 1 Ask learners to sit on the mat. Say one of the words from the list of multisyllabic words and model how to break it into syllables, for example: **i | su | su**.
- 2 Ask learners to face a friend and do high fives for each syllable: **i** (high five) **su** (high five) **su** (high five).
- 3 Say other multisyllabic words from the story while learners do high fives for each syllable.
- 4 Encourage learners to count the number of syllables in the word (for example: "isusu" has three syllables).



### Small group activities


Remind learners about the small group activities, the rules for each activity and the tidy-up process.







# Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane Isonto 1


Nakhu ozokudinga	Imisebenzi
<ul style="list-style-type: none"> <li>phepha eliyi-A4 elingabaliwe lutho lomfundi ngamunye</li> <li>Inhlanganisela yamakhrayoni asamafutha</li> </ul> <div data-bbox="274 724 534 1078"> <p>Umntwana ulindelwe</p> <p>UThabi unenhlamba ukuba no dadawabo omncane kanye nomfawabo.</p> </div> <div data-bbox="187 1090 583 1379"> <p>Uma abafundi bedinga usizo ngokuthi bazodweba ini, babonise izithombe ezilandelayo ukuze bazothola amacebo ngabazokudweba.</p> </div>	<p><b>Umsebenzi 1: Ukudweba nokubhala okuvelayo</b></p> <ol style="list-style-type: none"> <li>Bhala isihloko sendaba phezulu ekhasini lomfundi elingenalutho ngaphambi kokuthi kuqale isifundo.</li> <li>Cela abafundi ukuthi bakhombe amagama esihloko ngenkathi uwafunda.</li> <li>Buza abafundi ukuthi bathande kakhulu yiphi ingxenye yendaba. Nikeza imibono nawe.</li> <li>Khuthaza abafundi ukuthi badwebwe ingxenye abayithanda kakhulu endabeni.</li> <li>Nikeza imibono yakho noma ucele umfundi ngamunye ukuthi akhulume ngomdwebo wakhe.</li> <li>Buza abafundi ukuthi bayathanda yini ukubhala okuthile ngezithombe zabo noma mhlawumbe bafuna kubhale wena yini ngazo.</li> <li>Uma kungukuthi bafuna kube nguwe obhalayo, babandakanye nabo ngokubacela basho amagama ngesineke ngenkathi uwabhala. Bhala ukhuluma kuyo yonke imisho yabo. Isibonelo: <i>“UTikekile unenhlamba ukuba nodadewabo kanye nomfawabo abangabantwana.”</i></li> <li>Kubhale njengoba kunjalo okushiwo ngabafundi, igama negama, noma ubabuze ukuthi bayalwamukela yini uguquko emagameni abo ngaphambi kokuthi ulwenze. Khumbula ukubhala kuhlanzeke kucace.</li> <li>Uma sewuqedile ukubhala, bakhuthaze abafundi ukuthi bawufunde kanye nawe umusho. Khomba igama ngalinye ngenkathi ulifunda, bese ubabonga ngemizamo yabo.</li> </ol>
<ul style="list-style-type: none"> <li>Iphazili enemisindo</li> </ul> <div data-bbox="253 1471 534 1671"> </div>	<p><b>Umsebenzi 2: Amaphazili nemidlalo</b></p> <ol style="list-style-type: none"> <li>Abafundi baqala ngokuthola isinqamu sephazili esinezithombe ezine. Kufanele bafake lolu cezu maphakathi netafula.</li> <li>Abafundi kufanele basho amagama kanye nemisindo okugxilwe kuyo esithombeni ngasinye.</li> <li>Abafundi ngamunye kufanele bacoshe olunye ucezu lwephazili baqathanise imisindo okugxilwe kuyo ekuzo zonke izithombe ezikuphazili yabo. Lisuke seliphelele iphazili uma zonke izingcezu sezakhe isikwele.</li> </ol>
<ul style="list-style-type: none"> <li>Izincwadi, amaphephabhuku, izincwajana ezigoqiwe, Izincwadi Ezinkulu kanye nezikhangisi</li> </ul> <div data-bbox="309 1832 491 2066"> </div>	<p><b>Umsebenzi 3: Ukufunda ngokuzimela</b></p> <ol style="list-style-type: none"> <li>Thatha iqembu labafundi uye nalo engosini enamabhuku, noma unike iqembu labafundi amabhuku ambalwa.</li> <li>Ngasekuqaleni, ungabasiza abafundi ukuthi bakhethe incwadi, iphephabhuku noma ipheshana abangathanda ukulifunda.</li> <li>Khombisa ukuthi ibhuku livulwa kanjani, embulwe kanjani futhi amakhasi alo. Khombisa abafundi ezinye zezithombe, ubakhuthaze ukuthi bakhethe izingxenye abazokujabulela ukuzifunda.</li> <li>Iya engosini yamabhuku uyophonsa iso uphinde ukhuthaze abafundi ukuthi bafunde.</li> </ol>








## Small group activities for Week 1



You will need	Activities
<ul style="list-style-type: none"> <li>A blank A4 page for each learner</li> <li>Jumbo wax crayons</li> </ul>   <p>If learners need help thinking of what to draw, show them the sequence pictures to give them ideas.</p>	<p><b>Activity 1: Drawing and emergent writing</b></p> <ol style="list-style-type: none"> <li>Write the title of the story at the top of each learner's blank page before the lesson.</li> <li>Ask learners to point to the words of the title as you read them together.</li> <li>Ask learners what part of the story they liked best. Give some suggestions.</li> <li>Encourage learners to draw their favourite part of the story.</li> <li>Make a comment or ask each learner to tell you about their drawing.</li> <li>Ask learners if they would like to write something about their picture or if they would like you to write for them.</li> <li>If learners would like you to write for them, keep them involved by asking them to say the words slowly as you write them down. Think aloud as you write their sentence. For example: <i>"Thabi is lucky to have a baby sister and a brother."</i></li> <li>Write exactly what learners tell you, word for word, or ask learners if they agree before making any changes to their wording. Remember to write neatly and clearly.</li> <li>When you have finished writing, encourage learners to read the sentence with you. Point to each word as you read and acknowledge their efforts.</li> </ol>
<ul style="list-style-type: none"> <li>Sounds puzzle</li> </ul> 	<p><b>Activity 2: Puzzles and games</b></p> <ol style="list-style-type: none"> <li>Learners begin by finding the puzzle piece with four pictures. They must put this puzzle piece in the middle of the table.</li> <li>Learners must say the names and focus sounds of each picture.</li> <li>Learners must each pick up another puzzle piece and match the focus sounds of all the pictures on their puzzle piece. The puzzle is complete when all the pieces form a square.</li> </ol>
<ul style="list-style-type: none"> <li>Books, magazines, folded little books, Big Books and leaflets</li> </ul> 	<p><b>Activity 3: Independent reading</b></p> <ol style="list-style-type: none"> <li>Lead the group to the book corner or give the group a pile of books.</li> <li>To begin with, you may need to help learners to choose a book, magazine or leaflet that they would like to read.</li> <li>Demonstrate opening a book and paging through it. Show learners some of the pictures and then encourage learners to each choose something to enjoy reading.</li> <li>Visit the corner to observe and encourage the learners' reading.</li> </ol>



Nakhu ozokudinga	Imisebenzi
<ul style="list-style-type: none"> <li>• Isifanekiso se-A5 sohlamvu <b>t</b> somfundi ngamunye</li> <li>• Iphepha elidala noma iphephandaba</li> <li>• Isikele, iglu</li> </ul>	<p><b>Umsebenzi 4: Amakhono omzimba nokubhala ngesandla</b></p> <ol style="list-style-type: none"> <li>1 Nikeza umfundi ngamunye isifanekiso sezinhlamvu.</li> <li>2 Badabule iphepha libe yizicucu ezincane baligoqe libe ngamabhola bese begcwalisa ngalo isikhala bakhe uhlamvu. Bangaphinda bafake imidwebo yezinto zohlamvu lokubhekiswa u-<b>t</b>.</li> </ol> 
<ul style="list-style-type: none"> <li>• Okudingeka eshashalazini: izingubo zokulala, onodoli, amanabukeni, inqola yomntwana, umbhede womntwana, amabhodlela, ubhavu womntwana, izikali, amathawula amancane</li> </ul>	<p><b>Umsebenzi 5: Ukulingisa kokuzenzisa</b></p> <ol style="list-style-type: none"> <li>1 Yana engosini yokwenza sengathi kuyadlalwa neqembu labafundi, ubabonise impahla yeshashalazi entsha.</li> <li>2 Chaza ukuthi bazokwenza sengathi bangabazali abanomntwana omncane. Bangagqoka baphinde bancelise umntwana bavakashela abanye abazali abanabantwana. Bangaya nasemtholampilo bakale abantwana babo bavumele nomhlangikazi abahle abantwana.</li> <li>3 Iya engosini uyobukisisa uphinde ukhuthaze abafundi ngengosi yokuzenzisa. Isibonelo: Ungafika nave wenze sengathi ulethe isipho somntwana ozelwe. Babuze "abazali" ngomntwana, bese usho kubo ukuthi umntwana muhle kangakanani!</li> </ol> 





You will need	Activities
<ul style="list-style-type: none"><li>• An A5 <b>t</b> letter template for each learner</li><li>• Scrap paper or newspaper</li><li>• Glue and scissors</li></ul>	<p><b>Activity 4: Fine motor skills and handwriting</b></p> <ol style="list-style-type: none"><li>1 Give each learner a letter template.</li><li>2 They must tear the paper into small pieces and roll it into balls to fill the space and make the letter. They can also add drawings of things with the focus sound <b>t</b>.</li></ol> 
<ul style="list-style-type: none"><li>• Props: blankets, dolls, nappies, pram, cot, bottles, baby bath, scales, small towel</li></ul>	<p><b>Activity 5: Pretend play</b></p> <ol style="list-style-type: none"><li>1 Lead the group to the pretend play corner and show them the new props.</li><li>2 Explain that they are going to pretend to be parents with a new baby. They can dress and feed their baby and go on a visit to other parents with their baby. They could also go to visit the clinic and get the babies weighed and checked by a nurse.</li><li>3 Visit the corner at least once to observe and encourage the learners' game. For example: You could arrive and pretend to bring a gift for the new baby. Ask the "parents" about their baby, and tell them how beautiful their baby is!</li></ol> 





#### Nakhu ozokudinga:

- Izithombe ezinkulu ezilandelanayo
- Amakhophi kanye nezincwajana ezigoqiwe zomfundi ngamunye

## Isonto 2 Usuku 1

### Umsebenzi wekilasi lonke

#### Okunye ukulandelanisa izithombe



- 1 Qala ngabafundi abahlezi kumata. Khetha abafundi abahlezi ngaphambili ekilasini, umfundi ngamunye abambe isithombe esinombala ngokulandelana kwayo (nokho angayilandelanisi imibala).
- 2 Buza abafundi ukuthi izithombe zilandelana ngokwamukelekayo yini. Bacele bakhombe isithombe okumele siveze indaba lapho iqala khona.
- 3 Cela abafundi bendawonye ukuthi baye le nale nezithombe kuze kuhleleke kahle ukulandelana kwendaba. Buza imibuzo efana nokuthi: *“Ngubani okhumbula into eyenzeka ngokulandelayo?”*
- 4 Uma sewulandelanise kahle izehlakalo zendaba, abafundi kumele baphindele ematafuleni abo.
- 5 Nikeza umfundi ngamunye incwadi encane. Bakhuthaze ukuthi babuke ikhava, bafunde isihloko sendaba.
- 6 Siza abafundi ukuthi balandele indaba ngezithombe encwadini encane, ubasize ukuthi baqaphele ukuthi izithombe encwadini ziyafana nezithombe ezilandelanisa indaba.
- 7 Uma isikhathi sikhona, abafundi *“bangafunda”* incwadi encane ngamunye, bayifundele abangane babo ekilasini.
- 8 Khuthaza abafundi ukuthatha izincwadi baye nazo emindenini yabo emakhaya.



#### Ukwethula umsindo othathwe endabeni


- 1 Cela abafundi bahlale phansi kumata balalele okushoyo ngokuqikelela. Yisho la mazwi owathathe endabeni: *“incwadi, Lwesibili, nini. Uyayizwa imisindo okugxilwe kuyo: incwadi, Lwesibili, nini? Yebo, uqinisile! Wonke anomsindo lii.”*
- 2 *“Lalelisa, nanka amagama aqala ngomsindo lii: iso, isipikili, isikhindi, isihlilingi, isigingci, irisidi, indishi, indingilizi, ilitshi, ikhilikithi.”* (Gcizelela imisindo engasekuqaleni ngenkathi usho la magama.)
- 3 Yisho lo msindo /i/ ngokucacile bese utshela abafundi ukuthi babukisise umlomo wakho.
- 4 Cela abafundi ukuthi basho lo msindo /i/: **“i-i-i”**. Yenza lokhu kube wumdlalo omnandi: yisholo phansi, phakamisa izwi, wusho ubheke odongeni, wusho uwubhekise kusilingi kanye nakubafundi abanye.



### Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Chazela abafundi ukuthi sebezosebenza ngamaqenjana nsuku zonke. Chaza uphinde ukhombise ukuthi lo msebenzi wokwenziwa wenziwa kanjani, uchaze ukudedelana kwabo ngosuku nosuku. Chaza ukuthi bazoqoqa kanjani ekugcineni.






#### You will need:

- Big sequence pictures
- Photocopied and folded little book for each learner

## Week 2 Day 1

### Whole class activities

#### More sequencing pictures



- 1 Begin with learners sitting on the mat. Choose learners to stand in front of the class, each holding one of the colour sequence pictures (not in the correct order).
- 2 Ask learners if the pictures are in the correct order. Ask them to point out the picture which should be at the beginning of the story.
- 3 Together as a group, ask learners who are holding the pictures to move around until the story makes sense. Ask questions such as: *"Who can remember what happened next?"*
- 4 Once you have sequenced the story, learners must move to their tables.
- 5 Give each learner a little book. Encourage them to look at the cover and read the title of the story with them.
- 6 Take learners on a picture walk through the little book, helping them to notice that the pictures in the book are the same as the sequence pictures.
- 7 If there is time, learners can "read" their little book to a partner in the class. Encourage learners to take the books home to read with their families.
- 8 Encourage learners to take the books home to read with their families.



### Introducing a sound from the story

- 1 Ask learners to sit on the mat and listen carefully to you. Say these words from the story: *"incwadi, Lwesibili, nini. Can you hear the focus sound: incwadi, Lwesibili, nini? Yes, you are right! They all have the sound /i/."*
- 2 *"Listen carefully, here are some more words with /i/: iso, isipikili, isikhindi, isihlilingi, isigingci, irisidi, indishi, indingilizi, ilitshi, ikhilikithi."* (Emphasise the focus sound as you say these words.)
- 3 Say the sound /i/ clearly and tell learners to watch your mouth carefully.
- 4 Ask learners to say the sound /i/: **"i-i-i"**. Make this fun: Say it softly, loudly, to the wall, to the ceiling and to each other.

### Small group activities

Explain that learners will be working in small groups each day. Explain and show how each activity is done and explain the daily rotation. Explain the tidy-up process.



#### Nakhu ozokudinga:

- Incwadi eNkulu: *Umntwana ulindelwe*
- Isifanekiso se-A5 sohlamvu **i** somfundi ngamunye
- Inhlanguisela yamakhrayoni asamafutha

## Isonto 2 Usuku 2

### Umsebenzi wekilasi lonke

#### Ukufunda ngokubambisana – Incwadi Enkulu

- 1 Khuthaza abafundi ukuthi babuke ikhava, bese bekhuluma ngalokho abakubonayo nababona ukuthi bayakwazi.
- 2 Fundela ikilasi isihloko sendaba. Khomba igama ngalinye ngenkathi ufunda. Sifunde futhi isihloko, bese ucela abafundi ukuthi basifunde kanye nawe.
- 3 Siza abafundi ukuthi balandele izithombe encwadini yonke, baxoxe ngazo, bese ubakhuthaza ukuthi babuze imibuzo.
- 4 Khomba izinombolo zekhasi, ukhulume ngokuthi iyiphi inamba ezolandela.
- 5 Uma “sewuyiphenyaphenyile” yonke incwadi, buyela ekuqaleni uyofunda isihloko futhi. Bese uphenya amakhasi ufunde umusho ngamunye ngezwi elicacile owazalwa nalo. Khomba igama ngalinye ngenkathi ufunda.
- 6 Phinda uyifunde incwadi ukhuthaze abafundi ukuthi “bafunde” kanye nawe.




### Ukwakha uhlamvu

- 1 Khumbuza abafundi ngomsindo okugxilwe kuwo. Buza kubo ukuthi ukhona yini onegama eliqala ngohlamvu /i/ noma akhona yini amanye amagama abangawacabanga aqala ngohlamvu /i/.
- 2 Fundisa abafundi iminyakazo ehambisana nomsindo lowo. Isibonelo: Abafundi bengenza uphawu lokuthula ngeminwe (emibili) yabo benze sengathi badonsa isihlilingi ngesikhathi bethi: “**isihlilingi**”.
- 3 Buza abafundi ukuthi uhlamvu **i** lubhalwa kanjani. Bhala uhlamvu olukhulu ebhodini noma emoyeni ngenkathi usho la mazwi: “*Qala echashazini, yehla. Yeqa ufake ichashazi.*”
- 4 Dedela abafundi bazejwayeze ukwakha uhlamvu emoyeni, kukhaphethi, emhlane womunye nomunye noma ezandleni. Bangazama futhi ukusebenzisa imizimba yabo ukwakha uhlamvu.
- 5 Chazela abafundi ukuthi kumele baphindele emuva emathebhuleni abo bayokwenza izinhlamvu ezimibalabala. Lokhu kusho ukuthi bazobhala phezu kohlamvu ekhasini labo ngamakhrayoni anemibala ehlukehlukehene.
- 6 Uma abafundi bekwazi ukucabanga izinto eziqala ngomsindo owenziwa wuhlamvu, bangazidweba zizungeze uhlamvu olunemibala. Khuthaza abafundi ukuthi bawusho umsindo wohlamvu ngenkathi belubhala.

### Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Khumbuza abafundi ngemisebenzi abazoyenza bengamaqenjana amancane, imithetho yomsebenzi ngamunye kanye nendlela odinga kuqoqwe ngayo.





### You will need:

- Big Book: *Waiting for baby*
- An A5 **i** letter template for each learner
- Jumbo wax crayons

## Week 2 Day 2

### Whole class activities

#### Shared reading – Big Book

- 1 Encourage learners to look at the cover picture and talk about what they see and recognise.
- 2 Read the title of the story to the class. Point to each word as you read. Read it again and ask learners to read with you.
- 3 Take learners on a picture walk through the book, discussing the pictures and encouraging learners to ask questions.
- 4 Point out the page numbers and talk about what number will come next.
- 5 When you have “walked” through the whole book, go back to the beginning and read the title again. Then turn the pages and read each sentence in a clear and natural voice. Point to each word as you read.
- 6 Read the book again and encourage learners to “read” with you.



### Forming the letter

- 1 Remind learners of the focus sound. Ask learners if anyone’s name starts with /i/ or if they can think of any other words that start with the sound /i/.
- 2 Teach learners an action associated with the sound. For example: Learners can make a peace sign with their (two) fingers and pretend to be pulling a sling while saying: “**isihlilingi**”.
- 3 Show learners how to write the letter **i**. Praise their attempts, then write a large letter on the board or in the air while saying the following: “*Start at the dot, go down. Lift and dot.*”
- 4 Let learners practise the letter formation in the air, on the mat, on each other’s backs or on their hands. They can also try using their bodies to make the letter.
- 5 Explain to learners that they must go back to their tables to make rainbow letters. This means they will write over the letter on their page with different colour crayons.
- 6 If learners are able to think of things that start with the sound the letter makes, they can draw them around the rainbow letter. Encourage them to say the sound the letter makes as they write the letter.



### Small group activities

Remind learners about the small group activities, the rules for each activity and the tidy-up process.



### Nakhu ozokudinga:

- Isikhelekhehle sokuzakhela
- Amaphaphethi asendabeni
- Izithombe zamalungu omndeni ezivela ephaphabhukwini
- Ibhokisi lezinhlamvu eliqukethe izinto noma izithombe zezinto ngomsindo **i**: iso, ithini/ibhikili, isipikili, isikhindi, isihlilingi, isingcingi, ishidi, irisidi,inja, indishi, indingilizi, impisi, ithikithi, ilitshi, ikhilikithi, ijini, iphikhinikhi

## Isonto 2 Usuku 3

### Umsebenzi wekilasi lonke

#### Ukuzejwayeza ukulalela

- 1 Tshela abafundi babuke amaphaphethi endabeni ngokucophelela. Bakhombise libe linye ngesikhathi bese ubacela bakusize ekuwachazeni ngalinye: *“Ingabe made noma mafushane? Aneziboya ezinde noma ezimfushane? Madala noma asemasha? Agqokeni?”* Landelisa ngokuchaza izithombe ozisike ephaphabhukwini. Namathisela amaphaphethi kanye nezithombe odongeni.
- 2 Chazela abafundi ukuthi kufanele balalele ngokucophelela ngenkathi uchaza oyedwa wabantu. Cela abafundi baphakamise izandla uma bazi ukuthi yimuphi umuntu omchazayo. Isibonelo: *“Umuntu engimcabangayo mude. Ugqoke izingubo zasebusika. Ubukeka enomusa.”*
- 3 Buza abafundi ukuthi ukhona yini kubo ongathanda ukuchaza oyedwa wabalingiswa ngenkathi abanye abafundi belalele.

#### Amabhokisi ezinhlamvu

- 1 Cela abafundi ukuthi bahlale kumata bese ubakhombisa ngamunye izinto noma izithombe ezisebhokisini lezinhlamvu. Babuze amagama ezinto. Uma kunabafundi abakhuluma ezinye izilimi, bacele batshele abanye abafundi ukuthi bazibiza ngani lezi zinto ngezilimi abazikhuluma emakhaya. Bese unikeza igama lento ngayinye ngolimi okufundiswa ngalo. Banike izinto noma izithombe baziphathe bazidlulisele komunye nomunye umfundi.
- 2 Buza imibuzo ephathelene nezinto: *“Uke wayibona into efana nale? Senzani ngalokhu? Kumbala muni? Kuzwakala kanjani uma ukuthinta?”*
- 3 Yisho amagama ezinto, ugcizelele umsindo okugxilwe kuwo. Buza abafundi ukuthi bayawuzwa yini umsindo okugxilwe kuwo.
- 4 Cela abafundi ukuthi basho igama lento ngayinye bese ugcizelela umsindo okugxilwe kuwo.
- 5 Uma abafundi sebezwayezile imisindo emisha, bakhombise uhlamvu olusebhokisini lezinhlamvu, bese uthi: *“Lolu hlamvu luveza ukuthi silubhala kanjani uhlamvu **i**”*. Cela abambalwa kubafundi ukuthi babhale phezu kwemigqa yohlamvu ngeminwe yabo.



### UStella uthi:



*Indlela enhle yokwenza abafundi bethamele umsebenzi wokulalela ukubatshelela ukuthi mabavale amehlo. Sewungaya engosini yekilasi ufike uxukuze isikhelekhehle kakhulu. Cela abafundi ukuthi bakhombe lapho umsindo uqhamuka ngakhona. Hamba ngaphandle kokubanga umsindo uye emuva nekilasi bese uxukuza isikhelekhehle futhi. Lokhu kuphindaphinde umi ezingxenyeni ezahlukahlukene zekilasi, isikhelekhehle usixukuze kakhulu kuqala bese usixukuza kancane emva kwalokho*

### Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Khumbuza abafundi ngemisebenzi abazoyenza bengamaqenjano amancane, imithetho yomsebenzi ngamunye kanye nendlela odinga kuqoqwe ngayo.







### You will need:

- A home-made baby rattle
- Puppets from the story
- Pictures from a magazine of different family members
- A letter box containing objects or pictures of objects that have the focus sound **i**: iso, ithini/ibhikili, isipikili, isikhindi, isihlilingi, isigingci, ishidi, irisidi,inja, indishi, indinglizi, impisi, ithikithi, ilitshi, ikhilikithi, ijini, iphikhinikhi

## Week 2 Day 3


### Whole class activities

#### Learning to listen

- 1 Tell learners to look carefully at the puppets from the story. Show them one at a time and ask them to help you describe each one: *“Are they tall or short? Do they have long or short hair? Are they old or young? What are they wearing?”* Then describe the pictures you have cut out of a magazine. Stick the puppets and pictures on the wall.
- 2 Explain to learners that they must listen carefully while you describe one of the people. Ask learners to put up their hand if they know which person you are describing. For example: *“The person I am thinking of is quite tall. He is wearing winter clothes. He looks friendly.”*
- 3 Ask learners if anyone would like to describe one of the characters while the other learners listen.

#### Letter boxes

- 1 Ask learners to sit on the mat and show them the objects and pictures in the letter box one at a time. Ask them for the names of the objects. If there are learners who speak different languages, ask them to tell the class what they call the object in their home language. Then give the word in the language of instruction. Let them hold the objects or pictures and pass them around.
- 2 Ask questions about the objects: *“Have you seen one of these? What do we use this for? What colour is it? How does it feel?”*
- 3 Say the names of the objects while emphasising the focus sound. Ask learners if they can hear the focus sound.
- 4 Ask learners to say the name of each object and emphasise the focus sound when they say the words.
- 5 Once learners have practised the new sound, show them the letter on the letter box and say: *“This letter is how we write i.”* Let some learners trace over the letter on the lid with their fingers.



### Stella says:



*A good way to get learners to settle for the listening activity is to tell them to close their eyes. Then walk to the corner of the classroom and shake the rattle loudly. Ask learners to point to where the sound is coming from. Move quietly to the back of the room and shake the rattle again. Do this from different directions, shaking the rattle loudly at first and then softly.*

### Small group activities

Remind learners about the small group activities, the rules for each activity and the tidy-up process.



### Nakhu ozokudinga:

- **Ubuso be- Imoji** bomfundi ngamunye (okugayiwe kwasikwa kwikhasi **lobuso bama-Imoji**)
- 8 imibala **yobuso bama-Imoji**, obusikiwe
- Inhlama yokudlala noma umata wenhlama yokudlala somfundi ngamunye
- Izinswazi, iwuli, ubuhlalu noma ipulasitiki "amehlo"
- Okungaphoqelekile: amaphephabhuku
- Izinto noma izithombe ezinohlamvu okugxilwe kulo olufanayo

## Isonto 2 Usuku 4

### Umsebenzi wekilasi lonke

#### Funda bese wenza

- 1 Tshela abafundi ukuba bahlale kumata babuke ubuso bakho ngokucophelela. Yenza ubuso bukhombise umuzwa othile bese ucela abafundi benze kanjalo nabo, bese usho ukuthi muzwa muni lowo.
- 2 Kwenze futhi lokho, kodwa ukhombise abafundi i-emoji ngenkathi ukhuluma ngomuzwa ngamunye. Emva kwalokho yenza ubuso ucele umfundi akhombe ubuso obufanele kuma-emoji. Cela umfundi enze umuzwa omunye umfundi akhombe i-emoji efanele.
- 3 Emva kokwenza lokhu ezithombeni ezimbalwa, abafundi kumele baphindele ematafuleni abo. Umfundi ngamunye uzodinga inhlama yokudlala, umata wenhlama kanye ne-emoji.
- 4 Kufanele abafundi basebenzise inhlama yabo ukwakha ibhola bese beligcinezela benze isimo sendilinga esiwubuso. Bakhuthaze abafundi ukuthi "bafunde" i-emoji benzea ubuso ngenhlama yokudlala bufane nomuzwa we-emoji besebenzisa izinto ezisetifuleni. Bangashintshisana nabanye abafundi nge-emoji ukwenza umuzwa ohlukile wobuso.


#### OKANYE

- 1 Abafundi bangasika ephephabhukwini izithombe zabantu abanobuso obufanayo nobe-emoji. Isithombe singalengiswa eshadini lephepha eduze nophawu lwe-emoji.



### Ukulalela imisindo okugxilwe kuyo


- 1 Khetha izinhlamvu ezimbili kulezo okugxilwe kuzo uthole izithombe noma izinto eziqala ngaleyo misindo okugxilwe kuyo (ungazisebenzisa izinto ezisemabhokisini ezinhlamvu). Cela abafundi abane ukuthi bame phambi kwekilasi. Nikeza ngababili kulabo bafundi izinto noma izithombe eziqala ngomsindo ofanayo nowemisindo okugxilwe kuyo awuphakamise ukuze bawubone bonke abafundi. Cela abafundi bakusize ukunika izithombe noma izinto amagama.
- 2 Yisho ngesineke igama lesithombe noma lento ngayinye, ngenkathi ugcizelela umsindo okugxilwe kuwo.
- 3 Cela abafundi basho izinto noma izithombe ezimbili ezinomsindo okugxilwe kuwo ofanayo. Abafundi abaphethe lezi zithombe noma izinto kumele basuke bayokuma ndawonye. Qhubeka namakhadi ezithombe noma nezinto ezintathu noma ezine.
- 4 Uzothi uma abafundi sebewujwayele lo mdlalo, bazame lolu hlobo olunye olulandelayo: Kuqinisekise lokho unazo zanele izinto noma izithombe ukuze umfundi ngamunye umuphe okukodwa kwazo. Chazela abafundi ukuthi kumele bathole omunye umfundi osithombe sakhe noma into inomsindo ofanayo nomsindo okugxilwe kuwo ubahlalise ndawonye kumata.



### Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Khumbuza abafundi ngemisebenzi abazoyenza bengamaqenjana amancane, imithetho yomsebenzi ngamunye kanye nendlela odinga kuqoqwe ngayo.





### You will need:

- An emoji face for each learner (photocopied and cut out from the **Emoji faces** page)
- 8 colour **Emoji faces**, cut up
- Playdough and playdough mats for each learner
- Sticks, wool, beads or plastic "eyes"
- Optional: magazines
- Objects or pictures with the same focus sound

## Week 2 Day 4

### Whole class activities

#### Read and do

- 1 Tell learners to sit on the mat and watch your face carefully. Make a face to show a feeling and ask learners to copy your face, and then name the feeling.
- 2 Do this again, but show learners a picture of each colour emoji as you talk about each feeling. Then make a face and ask a learner to come up and point to the correct emoji picture. Ask a learner to show a feeling, and another learner to find the correct emoji.
- 3 After you have done this with a few pictures, learners must move to their tables. Each learner will need some playdough, a playdough mat and a photocopied emoji face.
- 4 Learners must use some of their playdough to roll a ball and then flatten it to make a round shape for the face. Encourage learners to "read" the emoji and make a face with playdough to match the feeling emoji using the materials on the table. They can then swap the emoji with another learner to make a different facial expression.


OR

- 1 Learners can cut out magazine pictures of people with matching expressions to the emojis. The picture can be stuck on a piece of flipchart paper next to the emoji sign.




### Listening for focus sounds

- 1 Select two focus sounds and find sets of pictures or objects starting with those focus sounds (you can use objects from the letter boxes). Ask four learners to stand in front of the class. Give each pair of learners objects or pictures starting with the same focus sound to hold up so all the learners can see. Ask learners to help you name the pictures or objects.
- 2 Say the name of each picture or object slowly, while emphasising the focus sound.
- 3 Ask learners to say which two objects or pictures have the same focus sound. Learners holding these pictures or objects must move and stand next to each other. Continue with three or four more picture cards or objects.
- 4 Once learners are familiar with this game, try the following variation: Make sure you have enough objects or pictures so that you can give each learner one. Explain to learners that they must find another learner whose object or picture has the same focus sound and sit together on the mat.



### Small group activities

Remind learners about the small group activities, the rules for each activity and the tidy-up process.



#### Nakhu ozokudinga:

- Iphepha eliyi-A3 noma ikhadibhodi
- Ipeni lokumaka ebhodini elimhlophe
- Inhlanguanisele yamakhrayoni asamafutha
- Amaqoqo ezinhlamvu ahlobene nendaba: umntwana, owesese, ukuhutha, itekisi, okumangazayo, isibhedlela, mfowethu, dadewethu, isisu, uMsombuluko, uLwesibili, uLwesithathu, uLwesine, uLwesihlanu, impelasonto
- Okuxukuzwayo noma izigubhu

## Isonto 2 Usuku 5

### Umsebenzi wekilasi lonke

#### Yakha, udwebe bese uyabhala

- 1 Chazela abafundi ukuthi bazokwenza sengathi banguTikekile bakusize nenze ikhadi lokwamukela uMama namawele.
- 2 Buza kubafundi ukuthi ukhona yini okwaziyo ukuqala abhale umlayezo ekhadini. Chaza ukuthi sivame ukuqala ikhadi ngegama lomuntu kanye namazwi athi: ... othandekayo.
- 3 Emva kwalokho xoxani ngokuthi kubhalwani ngokulandelayo. Uma senivumelene, bhala amazwi abafundi ekhadini. Emva kokubakhombisa ukubhala imisho emibili noma emithathu, cela abafundi bakusize nicabange enizokusho ekugcineni kwekhadi.
- 4 Abanye abafundi bangalihlobisa ikhadi kuye nokuthi isikhathi sisekhona yini.


#### Ukuhlanguanisa nokuhlukanisa (amalunga)

- 1 Cela abafundi ukuthi bahlale kumata. Phimisela igama elilodwa kulawa asohlwini lwamagama anamalunga amaningi, uveze ukuthi ahlukani noma kanjani amalunga awo, isibonelo: **i | si | bhe | dle | la**.
- 2 Cela abafundi ukuthi baviliyele ngelunga ngalinye: **i** (isinyathelo esisodwa) **si** (isinyathelo esisodwa) **bhe** (isinyathelo esisodwa) **dle** (isinyathelo esisodwa) **la** (isinyathelo esisodwa). Nikeza abafundi okuxukuzwayo noma izigubhu ukuba bakuxukuze noma bashaye izigubhu.
- 3 Yisho amanye amagama anamalunga amaningi avela endabeni ngenkathi abafundi beviliyela ngelunga ngalinye. Khuthaza abafundi ukuthi babale inani lamalunga emagameni (isibonelo: "isibhedlela" sinamalungu ayisihlanu).



### Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Khumbuza abafundi ngemisebenzi abazoyenza bengamaqenjane amancane, imithetho yomsebenzi ngamunye kanye nendlela odinga kuqoqwe ngayo.



#### You will need:

- An A3 piece of paper or cardboard
- Whiteboard marker
- Jumbo wax crayons
- A list of multisyllabic words relating to the story: umntwana, owesese, ukuhutha, itekisi, okumangazayo, isibhedlela, mfowethu, dadewethu, isisu, uMsombuluko, uLwesibili, uLwesithathu, uLwesine, uLwesihlanu, impelasonto
- Shakers or drums

## Week 2 Day 5

### Whole class activities

#### Make, draw and write

- 1 Explain to learners that they are going to pretend to be Thabi and help you make a card to welcome Mom and the twins.
- 2 Ask learners if anyone knows how to start writing a message in a card. Explain that we usually start cards with the words: Dear ...
- 3 Then discuss what to write next. Once you have agreed, write the words of the learners on the card. After modelling writing two to three sentences, ask learners to help you think of what to say at the end of the card.
- 4 Some learners can decorate the card if there is time.

#### Blending and segmenting (syllables)

- 1 Ask learners to sit on the mat. Say one of the words from the list of multisyllabic words and model how to break it into syllables, for example: **i | si | bhe | dle | la**.
- 2 Ask learners to march for each syllable: **i** (one step) **si** (one step) **bhe** (one step) **dle** (one step) **la** (one step). Give some learners shakers or drums to shake or tap for each syllable.
- 3 Say other multisyllabic words from the story while learners march for each syllable. Encourage learners to count the number of syllables in the word (for example: "isibhedlela" has five syllables).






### Small group activities


Remind learners about the small group activities, the rules for each activity and the tidy-up process.






## Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane Isonto 2


Nakhu ozokudinga	Imisebenzi
<ul style="list-style-type: none"> <li>Ikhophi yekhasi <b>Lomsebenzi Wefulemu Yezithombe</b> inikwe umfundi ngamunye</li> <li>Iphepha elinemibala noma amakhasi akhishwe ephephabhukwini abangalidabula abafundi libe zicucu</li> </ul>	<p><b>Umsebenzi 1: Ukudweba nokubhala okuvelayo</b></p> <ol style="list-style-type: none"> <li>Abafundi kufanele badabule iphepha elinemibala noma amakhasi akhishwe ephephabhukwini banamathisele echosheni lephepha benze umphetho.</li> <li>Uma sebewenzile umphetho, kumele badwebe isithombe somndeni wabo maphakathi nekhasi.</li> <li>Khuthaza abafundi ukuthi babhale igama eduze komdwebo bona uqobo lwabo, bazame futhi ukubhala amagama amanye amalungu omndeni uma kuvuma. Ngakolunye uhlangothi, bacele baktshela amagama amalungu emindeni yabo ubabhalele wona.</li> </ol> 
<ul style="list-style-type: none"> <li>Iphazili enemisindo</li> </ul> 	<p><b>Umsebenzi 2: Amaphazili nemidlalo</b></p> <ol style="list-style-type: none"> <li>Abafundi baqala ngokuthola ucezu lwephezili olunezithombe ezine. Kumele balubeke etafuleni phakathi nendawo.</li> <li>Abafundi kufanele basho amagama nemisindo okugxilwe kuyo esithombeni ngasinye.</li> <li>Abafundi kufanele bacoshe olunye ucezu lwephezili baqhathanise imisindo okugxilwe kuyo ezithombeni zonke ezisocezwini lwephezili. Lisuke seliphelele iphezili uma zonke izingcezu sezakhe isikwele.</li> </ol>
<ul style="list-style-type: none"> <li>Izincwadi, amaphephabhuku, izincwajana ezigoqiwe, Izincwadi Ezinkulu kanye nezikhangisi</li> </ul> 	<p><b>Umsebenzi 3: Ukufunda ngokuzimela</b></p> <ol style="list-style-type: none"> <li>Thatha iqembu labafundi uye nalo engosini enamabhuku, noma unike iqembu labafundi amabhuku ambalwa.</li> <li>Ngasekuqaleni, ungabasiza abafundi ukuthi bakhethe incwadi, iphephabhuku noma ipheshana abangathanda ukulifunda.</li> <li>Khombisa ukuthi ibhuku livulwa kanjani, embulwe kanjani futhi amakhasi alo. Khombisa abafundi ezinye zezithombe, ubakhuthaze ukuthi bakhethe izingxenye abazokujabulela ukuzifunda.</li> <li>Iya engosini yamabhuku uyophonsa iso uphinde ukhuthaze abafundi ukuthi bafunde.</li> </ol>







## Small group activities for Week 2


You will need	Activities
<ul style="list-style-type: none"> <li>A photocopy of the <b>Picture frame activity page</b> for each learner</li> <li>Coloured paper or pages from a magazine that learners can tear into small pieces</li> </ul>	<p><b>Activity 1: Drawing and emergent writing</b></p> <ol style="list-style-type: none"> <li>Learners must tear and stick coloured paper or pages from a magazine around the edge of the paper to make a frame.</li> <li>Once they have made a frame, they must draw a picture of their family in the middle of the page.</li> <li>Encourage learners to write their name next to their drawing of themselves, and to try and write the names of other family members if they can. Alternatively, ask them to tell you the names of members of their family and write for them.</li> </ol> 
<ul style="list-style-type: none"> <li>Sounds puzzle</li> </ul> 	<p><b>Activity 2: Puzzles and games</b></p> <ol style="list-style-type: none"> <li>Learners begin by finding the puzzle piece with four pictures. They must put this puzzle piece in the middle of the table.</li> <li>Learners must say the names and focus sounds of each picture.</li> <li>Learners must each pick up another puzzle piece and match the focus sounds of all the pictures on their puzzle piece. The puzzle is complete when all the pieces form a square.</li> </ol>
<ul style="list-style-type: none"> <li>Books, magazines, folded little books, Big Books and leaflets</li> </ul> 	<p><b>Activity 3: Independent reading</b></p> <ol style="list-style-type: none"> <li>Lead the group to the book corner or give the group a pile of books.</li> <li>To begin with, you may need to help learners to choose a book, magazine or leaflet that they would like to read.</li> <li>Demonstrate opening a book and paging through it. Show learners some of the pictures and then encourage learners to each choose something to enjoy reading.</li> <li>Visit the corner to observe and encourage the learners' reading.</li> </ol>





Nakhu ozokudinga	Imisebenzi
<ul style="list-style-type: none"> <li>• Isifanekiso se-A5 sohlamvu i somfundi ngamunye</li> <li>• Iphepha elidala noma iphephandaba</li> <li>• Isikele, iglu</li> </ul>	<p><b>Umsebenzi 4: Amakhono omzimba nokubhala ngesandla</b></p> <ol style="list-style-type: none"> <li>1 Nika umfundi ngamunye isifanekiso sezinhlamvu.</li> <li>2 Badabule iphepha libe yizicucu ezincane baligoqe libe ngamabhola bese begcwalisa ngalo isikhala bakhe uhlamvu. Bangaphinda bafake imidwebo yezinto zohlamvu lokubhekiswa u-i.</li> </ol> 
<ul style="list-style-type: none"> <li>• Okudingeka eshashalazini: izingubo zokulala, onodoli, amanabukeni, inqola yomntwana, umbhede womntwana, amabhodlela, ubhavu womntwana, izikali, amathawula amancane</li> </ul>	<p><b>Umsebenzi 5: Ukulingisa kokuzenzisa</b></p> <ol style="list-style-type: none"> <li>1 Khumba abafundi ngezinto zeshashalazi engosini yokwenza sengathi kuyadlalwa, ubakhuthaze ukuthi bazilungiselele ngeSonto-1 ngenkathi benza sengathi bangabazali abanakekela abantwana babo abancane.</li> <li>2 Yana engosini yokwenza sengathi kuyadlalwa neqembu labafundi, ubabonise impahla yeshashalazi entsha.</li> <li>3 Chaza ukuthi bazokwenza sengathi bangabazali abanomntwana omncane. Bangagqoka baphinde bancelise umntwana bavakashela abanye abazali abanabantwana. Bangaya nasemtholampilo bakale abantwana babo bavumele nomhlengikazi abahlole abantwana.</li> <li>4 Iya engosini uyobukisiza uphinde ukhuthaze abafundi ngengosi yokuzenzisa. Isibonelo: Ungafika nawe wenze sengathi ulethe isipho somntwana ozelwe. Babuze “abazali” ngomntwana, bese usho kubo ukuthi umntwana muhle kangakanani!</li> </ol> 







You will need	Activities
<ul style="list-style-type: none"><li>• An A5 <b>i</b> letter template for each learner</li><li>• Scrap paper or newspaper</li><li>• Glue and scissors</li></ul>	<p><b>Activity 4: Fine motor skills and handwriting</b></p> <ol style="list-style-type: none"><li>1 Give each learner a letter template.</li><li>2 They must tear the paper into small pieces and roll it into balls to fill the space and make the letter. They can also add drawings of things with the focus sound <b>i</b>.</li></ol> 
<ul style="list-style-type: none"><li>• Props: blankets, dolls, nappies, pram, cot, bottles, baby bath, scales, small towel</li></ul>	<p><b>Activity 5: Pretend play</b></p> <ol style="list-style-type: none"><li>1 Remind learners about the props in the pretend play corner. Encourage learners to continue from Week 1 when they pretended to be parents looking after their new babies.</li><li>2 Lead the group to the pretend play corner and show them the props.</li><li>3 Explain that they are going to pretend to be parents with a new baby. They can dress and feed their baby and go on a visit to other parents with their baby. They could also go to visit the clinic and get the babies weighed and checked by a nurse.</li><li>4 Visit the corner at least once to observe and encourage the learners' game. For example: You could arrive and pretend to bring a gift for the new baby. Ask the "parents" about their baby, and tell them how beautiful their baby is!</li></ol> 

# ★ Isidleke esakhiwe ngesigqoko sewuli

## Indaba

Kwakubanda kusekwindla. UQalazile nonina babeveze amakhanda efasiteleni, bebheke izihlahla zinyakaziswa wumoya. "Ngicela ukuyodlala ngaphandle," kucela uQalazile kunina. "Qalazile, umoya uyavunguza. Kufanele ugqoke ufudumale uma ufuna ukuphumela ngaphandle," kusho unina.

Wagqoka ijakhethi yakhe efudumele uQalazile wayesephuma. Kuthe uma eseyophuma ngomnyango, uMama wathi, "Thatha nasi isigqoko sakho sewuli usigqoke, ufudumeze ikhanda nezindlebe."

Waphumela emnyango emoyeni obandayo uQalazile. Wafika wabheka phezulu ezihlahleni wabona ukuthi ezinye zezihlahla zinamacembe awayo.

Ngesikhashana nje, umoya wavunguza futhi, saphephuka isigqoko sewuli. "Hhayi bo! Isigqoko sami sewuli asisekho! Nasiya; angikwazi ukusibamba!" kukhala uQalazile esiphuthuma. Wavunguza kakhulu umoya, sasuka isigqoko sakhe sewuli saya phezulu emoyeni, samdukela.

Wabuyela emuva ekhaya uQalazile wafika waxoxela unina ngokwenzekile. "Mama, umoya uvunguze kakhulu, wasisusa ekhanda isigqoko sami sewuli. Angisitholi! Ngizamile ukusiphuthuma, saphakama saya phezu kwezihlahla." UMama kaQalazile wathi, "Kubuhlungu-ke ukuthi isigqoko sakho sewuli silahlekile. Akulona iphutha lakho, Qalazile. Vele lesi sigqoko sincane kakhulu kunawe manje. Mhlawumbe kukhona ozosithola asisebenzise."


Kwaqala kwabanda kakhudlwana, kwase kufika ubusika. Emva kwezinyanga ezimbalwa, uQalazile wabona sekumila amacembe aluhlaza ezihlahleni, kwaphinda kwafudumala futhi. Kusentwasahlobo, ubusika balo nyaka sebudlulile.

Masinyane uQalazile uzobe esezigqokela ophaca bakhe kanye nesigqoko selanga; aphume ayodlala ngaphandle aze akhathale.

Ekuseni kusentwasahlobo ngelinye ilanga, kufudumele, uQalazile nomama wakhe bavakashela omunye wabangane. Bakhamisa uma befika kwesinye sezihlahla ezinde zakhona. Laphaya phezulu kwakulenga isigqoko sikaQalazile sewuli. Phakathi kusona kwakuhlezi inyoni engumama. Yayakha isidleke sokuzalela amaqanda.

"Bonani phela!" kusho umama kaQalazile. "Isigqoko sakho sewuli sesithole ozosisebenzisa kahle. Sizoba yisidleke esifudumele kamnandi samaphuphu uma echamusela!" UQalazile benonina bafikelwa uhleko olukhulu. UQalazile wayengasakwazi ukuzibamba efuna ukuxoxela abangane bakhe ngesidleke esakhiwe ngesigqoko sewuli.

***Iphela lapho indaba.***



# ★ The beanie nest

## Story

It was a cold day in autumn and Wendy and her mom were looking out of the window, watching the wind blowing in the trees. "Please can I go and play outside?" Wendy asked her mom. "Wendy, the wind is blowing. You must dress warmly if you want to go outside," said her mom.

Wendy put on her warmest jacket and off she went. Just as she was going out of the door her mom said: "Here, take your beanie to keep your head and your ears warm."

Wendy ran outside into the cold wind. She looked up at the trees and noticed that some trees had lost most of their leaves.

Suddenly the strong wind whipped her beanie right off her head. "Oh dear! My beanie has gone! I can't catch it!" cried Wendy as she ran after it. But the wind blew harder and the beanie flew further and further away until it disappeared.

Wendy ran back home and told her mom what had happened. "Mommy, a gust of wind blew so hard, it took my beanie right off my head and now I can't find it! I tried running after it, but it blew over the trees." Wendy's mom said: "It's a pity that your beanie is lost, but it's not your fault, Wendy. That beanie was getting too small for you and maybe someone will find it who can use it."



The weather got colder and colder and soon it was winter. After a few months, Wendy noticed that there were new green leaves on the trees and she could feel that the weather was getting warmer. It was spring and winter was over for another year. Soon Wendy would be wearing her slip-slops and sunhat and playing outside as much as she wanted to.

One warm spring morning Wendy and her mom decided to visit some friends. What a surprise they got when they came to a tall tree. There, high up, was Wendy's beanie and sitting inside was a mommy bird. She was making a little nest for her eggs.

"Look!" said Wendy's mom. "Your beanie is being put to good use and will make a warm nest when the little chicks hatch!" Wendy and her mom laughed as they walked on. Wendy couldn't wait to tell her friend about the beanie nest.



***And that is the end of the story.***





## Iculo

Woza we moya, uzosiwola we,  
 Ngaso isivunguvungu sesishwilishwili.  
 Siyakuthanda thina bantwanyana  
 Uma sidlala uwola we moya,  
 Wi, wi, umoya usuyawola.  
 Uz' uyasitshela  
 Ukuth' asilindele  
 Um' usuzofika.


*(Ungalricula noma yingayiphi indlela oyikhethile.)*



## Amagama amasha endabeni


Amagama awukhiye	isigqoko sewuli	ikwindla	umoya	ubusika	kuyabanda	intwasahlobo
Amagama ongeziwe:	izihlahla	amaqabunga	isivunguvungu	nyamalala	kufudumele	bamba
	phephula	kude	okungalindelekile	isimo sezulu	ngaphandle	chamusela





## Song

Blow, blow, blow the wind  
 Gently through the trees,  
 Blow and blow and blow and blow,  
 How I like the breeze!  
 Blow, blow, blow the clouds  
 Blow them through the sky.  
 Blow, and blow and blow and blow,  
 Watch the clouds roll by!



*(Sing to the tune of "Row, row, row your boat" or use your own tune.)*

## Vocabulary from the story

<b>Key-words:</b>	<b>beanie</b>	<b>autumn</b>	<b>wind</b>	<b>winter</b>	<b>cold</b>	<b>spring</b>
Extra words:	trees	leaves	gust of wind	disappear	warm	catch
	blow	tall	surprise	weather	outside	hatch





### Nakhu ozokudinga:

- Indaba: *Isidleke esakhiwe ngesigqoko sewuli*
- Amaphaphethi: uMama, uQalazile, isihlahla, amaqabunga, iphuphu, isigqoko selanga, ihlobo, izingubo, izingubo zasebusika, isigqoko sewuli
- Okudingeka eshashalazini: ibhantshi, isigqoko sewuli, isitshalo/isihlahla esincane esingenawo amaqabunga, isitshalo/isihlahla esincane esinamaqabunga, inyoni yepulasitiki, isigqoko selanga
- Izinto noma amakhadi anezithombe noma amagama athathwe ohlwini lwamagama amasha



## Isonto 1 Usuku 1

### Umsebenzi wekilasi lonke

Yisho la mazwi *Amehlo amabili okubona* ukuqwashisa abafundi ukuthi sekuyisikhathi sokuxoxa izindaba.

#### Amehlo amabili okubona

Umlomo owodwa wokukhuluma nokucula,  
Amehlo amabili okubona,  
- 1 Tell learners to look at the list on the activity page and talk about what they see (numbers, pictures and words).
- 2 Tell learners they are now going to do a fun activity called "read and do". They must read each line and do what it says using the blank space on the page.
- 3 Read the first line together again. Tell learners to draw five leaves.
- 4 Ask if any of the learners can "read" what to do next on the list: They must draw one beanie.
- 5 Continue in this way with each of the instructions.
- 6 Now read each of the instructions again and say to the learners: "Have you drawn five leaves? If you have, then tick that on your list."
- 7 Continue checking and ticking each instruction until the end of the list.



### Listening for focus sounds

- 1 Select sets of six letters and matching picture cards that have already been introduced to the learners.
- 2 Hide the letter cards around the room.
- 3 Learners stand in a circle. Explain to them that you are going to give them each a picture card. When you say "go", they must say the focus sound for their picture and find others in their group who have pictures with the same focus sound. Then they must find the letter to go with the focus sound.
- 4 Once they have found their matching letter, they sit down on the mat with all their cards.



### Small group activities

Remind learners about the small group activities, the rules for each activity and the tidy-up process.



### Nakhu ozokudinga:

- Ibhodi lephepha
- Inhlanguisela yamakhrayoni asamafutha
- Ipeni lokumaka ebhodini elimhlophe
- Ukukhethwa kwezigqoko zewuli ngabafundi
- Amaqoqo ezinhlamvu ahlobene nendaba: impelasonto, ngaphandle, ukuvunguza, ngemfudumalo, phambili, isimo sezulu, ukuhlala, nyamalala, ikwindla, ubusika
- Okuxukuzwayo noma izigubhu

## Isonto 2 Usuku 5

### Umsebenzi wekilasi lonke

#### Yakha, udwebe bese uyabhala

- 1 Qala ngokuxoxa ngezinto ebezilahlekile ngaphambilini, isibonelo, isokisi kanye/noma isidlo sasemini. Bacele bachaze ukuthi bakuthole kanjani lokho. Xoxa ngezindlela ezahlukahlukene zokwazisa abantu ukuthi ulahlekelwe okuthile nokubacela ukuthi bakusize ukukuthola. isibonelo: Ungacela uthisha nekilasi ukuthi likubhekise isidlo sakho sasemini ngaphambi kokuya ekhaya. Ungaphinde wenze iphosta ukwazisa abantu ukuthi kukhona okulahlekile.
- 2 Chazela abafundi ukuthi nizosizana ekwenzeni iphosta “ okulahlekile kwatholwa ”.
- 3 Khetha isigqoko sewuli/uvolo esenziwe ngumfundi othile ekilasini. Cela abafundi bakusize ukusichaza ukuze ukwazi ukusidweba uphinde usichaze ngokombhalo kwiphosta.
- 4 Lalela incazelo yabafundi bese udweba isithombe sesigqoko, ubhale nencazelo yaso emfushane.
- 5 Buza abafundi yini enye edingekayo kwiphosta : isihloko esithi “**Kulahlekile!**”, Igama nenombolo yokuxhumana nalowomuntu olahlekelwe.

### Kulahlekile!



Sicela ushayele u Busisiwe  
uma uyithola ku  
089 654 2330


### Ukuhlanguanisa nokuhlukanisa (amalunga)

- 1 Cela abafundi ukuthi bahlale kumata. Phimisela igama elilodwa kulawa asohlwini lwamagama anamalunga amaningi, uveze ukuthi ahlukani kanjani amalunga awo, isibonelo: **nga | pha | ndle**.
- 2 Cela abafundi ukuthi baviliyele ngelunga ngalinye: **nga** (isinyathelo esisodwa) **pha** (isinyathelo esisodwa) **ndle** (isinyathelo esisodwa). Nikeza abafundi okuxukuzwayo noma izigubhu ukuba bakuxukuze noma bashaye izigubhu.
- 3 Yisho amanye amagama anamalunga amaningi avela endabeni ngenkathi abafundi beviliyela ngelunga ngalinye. Khuthaza abafundi ukuthi babale inani lamalunga emagameni (isibonelo: “ngaphandle” kunamalungu amathathu).
- 4 Ukwelula lo msebenzi wokwenziwa, ungasusa ingxenye yegama ubone ukuthi abafundi bayakwazi yini ukusho ukuthi kuyini okusele. Isibonelo: Tshela abafundi ukuhamba mabathi “isidleke”, ubacele baphinde futhi, kodwa ungasho ukuthi “isidle”. Yini esele? (“ke”). Qhubeka namanye amagama:
  - ★ “ikwindla” ngaphandle “ikwi” ngu...(ndla).
  - ★ “isimo sezulu” ngaphandle “sezulu” ngu...(isimo).

### Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Khumbuza abafundi ngemisebenzi abazoyenza bengamaqenjana amancane, imithetho yomsebenzi ngamunye kanye nendlela odinga kuqoqwe ngayo.





#### You will need:

- Flipchart paper
- Jumbo wax crayons
- Whiteboard marker
- Selection of beanies made by learners
- A list of multisyllabic words relating to the story: impelasonto, ngaphandle, ukuvunguza, ngemfudumalo, phambili, isimo sezulu, ukuhlala, nyamalala, ikwindla, ubusika
- Shakers or drums

## Week 2 Day 5

### Whole class activities

#### Make, draw and write

- 1 Begin by discussing things that they have lost before, for example, a sock and/or lunch box. Ask them to explain how they found it. Discuss different ways of letting people know you have lost something and asking them to help you find it. For example: You could tell the teacher and she could ask the class to look for your lunch box before they go home. You could also make a poster to tell people that something is lost.
- 2 Explain to learners that they are going to help you make a “Lost and found” poster.
- 3 Choose one of the beanies made by someone in the class. Ask learners to help describe it so that you can do a drawing and write about it on the poster.
- 4 Listen to the learners’ description and then draw a picture of the beanie, and write a short description.
- 5 Ask learners what else you need to put on the poster: a big heading saying “**Lost!**”, the name and contact number for the person who lost it.



### Blending and segmenting (syllables)






- 1 Ask learners to sit on the mat. Say one of the words from the list of multisyllabic words and model how to break it into syllables, for example: **nga | pha | ndle**.
- 2 Ask learners to march for each syllable: **nga** (one step) **pha** (one step) **ndle** (one step). Give some learners shakers or drums to shake or tap for each syllable.
- 3 Say other multisyllabic words from the story while learners march for each syllable. Encourage learners to count the number of syllables in the word (for example: “ngaphandle” has three syllables).
- 4 As an extension for this activity, you can delete part of a word and see if learners can say what is left. For example: Tell learners to say “isidleke”, then ask them to say it again, but don’t say “isidle”. What is left? (“ke”). Now continue with more words:
  - ★ “ikwindla” without “ikwi” is ... (ndla).
  - ★ “isimo sezulu” without “sezulu” is ... (isimo).


### Small group activities

Remind learners about the small group activities, the rules for each activity and the tidy-up process.








## Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane Isonto 2

Nakhu ozokudinga	Imisebenzi
<ul style="list-style-type: none"> <li>Izithombe zezinhlobo ezahlukene zesimo sezulu</li> <li>Iphepha eliyi-A4 elingabhaliwe lutho lomfundi ngamunye</li> <li>Inhlanganisela yamakhrayoni asamafutha</li> </ul>	<p><b>Umsebenzi 1: Ukudweba nokubhala okuvelayo</b></p> <ol style="list-style-type: none"> <li>Khombisa abafundi izinhlobo ezahlukene zesimo sezulu.</li> <li>Chaza ukuthi kufanele benze umdwebo wesimo abasithanda kakhulu sezulu (isibonelo: libalele, liyana). Kufanel e bacabange ukuthi bazobe begqokeni uma izulu linjena, bese bedweba lokho abathanda ukukwenza kulesi simo.</li> </ol> 
<ul style="list-style-type: none"> <li>Ibhokisi elilingana amaqanda ayisi-6</li> <li>Uhlamvu lukabhontshisi noma itshe elilodwa</li> <li>Amakhadi ezithombe, asikwe</li> </ul>	<p><b>Umsebenzi 2: Amaphazili nemidlalo</b></p> <ol style="list-style-type: none"> <li>Beka etafuleni amakhadi ezithombe abheke phezulu.</li> <li>Abafundi kufanele baxukuze ibhokisi lamaqanda bese bebheka ukuthi siwela kuphi isigqoko sewuli (isibonelo: q)</li> <li>Kufanele balandelise ngokuthola isithombe ngohlamvu q (for isibonelo: "iqabunga").</li> <li>Abafundi baqoqa izithombe ngokudedelana.</li> </ol> 
<ul style="list-style-type: none"> <li>Izincwadi, amaphephabhuku, izincwajana ezigoqiwe, Izincwadi Ezinkulu kanye nezikhangisi</li> </ul> 	<p><b>Umsebenzi 3: Ukufunda ngokuzimela</b></p> <ol style="list-style-type: none"> <li>Thatha iqembu labafundi uye nalo engosini enamabhuku, noma unike iqembu labafundi amabhuku ambalwa.</li> <li>Ngasekuqaleni, ungabasiza abafundi ukuthi bakhethe incwadi, iphephabhuku noma ipheshana abangathanda ukulifunda.</li> <li>Khombisa ukuthi ibhuku livulwa kanjani, embulwe kanjani futhi amakhasi alo. Khombisa abafundi ezinye zezithombe, ubakhuthaze ukuthi bakhethe izingxenye abazokujabulela ukuzifunda.</li> <li>Iya engosini yamabhuku uyophonsa iso uphinde ukhuthaze abafundi ukuthi bafunde.</li> </ol>
<ul style="list-style-type: none"> <li>Iphepha eliyi-A4 elingabhaliwe lutho lomfundi ngamunye</li> <li>Inhlanganisela yamakhrayoni asamafutha</li> <li>Izinhlobo ezahlukahlukene zamaqabunga</li> </ul>	<p><b>Umsebenzi 4: Izakhono zezihlunu ezincinci nokubhala ngesandla</b></p> <ol style="list-style-type: none"> <li>Abafundi bangabeka ngaphansi kwephepha izinhlobo ezahlukahlukene zamaqabunga bese behlikihla ngekhrayoni belibambe baliqinisa iphepha. Kuzobe sekugqama iphethini leqabunga!</li> </ol> 
<ul style="list-style-type: none"> <li>Okudingeka eshashalazini: ishadi lesimo sezulu, induku yokukhomba, ibhokisi elikhulu elinembobo phakathi nendawo (malibukeke njengomabonakude), imayikhrofoni yepulasitiki noma ibhulashi, izingubo zokuswenka zomuntu kamabonakude wenhlolo-khono, ividiyo-khamera yokudlala</li> </ul>	<p><b>Umsebenzi 5: Ukulingisa kokuzenzisa</b></p> <ol style="list-style-type: none"> <li>Khumbuza abafundi ngezinto zeshashalazi engosini yokwenza sengathi kuyadlalwa, ubakhuthaze ukuthi bazilungiselele ngeSonto-1 lapho bezokwenza khona sengathi bangabethuli bezinhlelo zikamabonakude abethula isimo sezulu.</li> <li>Yana engosini yokwenza sengathi kuyadlalwa neqembu labafundi, ubabonise impahla yeshashalazi entsha.</li> <li>Chaza ukuthi bazokwenza sengathi bangabethuli bezinhlelo zikamabonakude besimo sezulu. Kufanele kube nabethuli ababili: owekhamera kanye nombukeli obuka ukwethulwa kwesimo sezulu kumabonakude.</li> <li>Iya engosini uyobukisisa uphinde ukhuthaze abafundi ngengosi yokuzenzisa.</li> </ol> 



## Small group activities for Week 2

You will need	Activities
<ul style="list-style-type: none"> <li>• Pictures of different kinds of weather</li> <li>• A blank A4 page for each learner</li> <li>• Jumbo wax crayons</li> </ul> 	<p><b>Activity 1: Drawing and emergent writing</b></p> <ol style="list-style-type: none"> <li>1 Show learners pictures of different kinds of weather.</li> <li>2 Explain that they must draw a picture of their favourite weather (for example: sunny, rainy). They must think about what they will be wearing when the weather is like this, and also draw what they like to do in this weather.</li> </ol>
<ul style="list-style-type: none"> <li>• A 6-egg box</li> <li>• One bean or stone</li> <li>• Picture cards, cut up</li> </ul> 	<p><b>Activity 2: Puzzles and games</b></p> <ol style="list-style-type: none"> <li>1 Place the picture cards face up on the table.</li> <li>2 Learners must shake the egg box and look where the bean has landed (for example: letter <b>q</b>).</li> <li>3 They must then find a picture that begins with <b>q</b> (for example: "iqabunga").</li> <li>4 Learners take turns and collect pictures.</li> </ol>
<ul style="list-style-type: none"> <li>• Books, magazines, folded little books, Big Books and leaflets</li> </ul> 	<p><b>Activity 3: Independent reading</b></p> <ol style="list-style-type: none"> <li>1 Lead the group to the book corner or give the group a pile of books.</li> <li>2 To begin with, you may need to help learners to choose a book, magazine or leaflet that they would like to read.</li> <li>3 Demonstrate opening a book and paging through it. Show learners some of the pictures and then encourage learners to each choose something to enjoy reading.</li> <li>4 Visit the corner to observe and encourage the learners' reading.</li> </ol>
<ul style="list-style-type: none"> <li>• A blank A4 page for each learner</li> <li>• Jumbo wax crayons</li> <li>• Different types of leaves</li> </ul>	<p><b>Activity 4: Fine motor skills and handwriting</b></p> <ol style="list-style-type: none"> <li>1 Learners can put different types of leaves under the paper and rub with a crayon while holding the paper firmly in place. A leaf pattern will become visible!</li> </ol> 
<ul style="list-style-type: none"> <li>• Props: weather chart, pointing stick, big box with a hole cut in the middle (to look like a TV screen), plastic microphone or brush, smart clothes for a TV interviewer, pretend video camera</li> </ul> 	<p><b>Activity 5: Pretend play</b></p> <ol style="list-style-type: none"> <li>1 Remind learners about the props in the pretend play corner and encourage them to continue from Week 1 when they pretended to be TV presenters giving a weather report.</li> <li>2 Lead the group to the pretend play corner and show them the props.</li> <li>3 Explain that they are going to pretend that they are TV presenters giving the weather report. There need to be two presenters: a cameraman and someone watching the weather report on TV.</li> <li>4 Visit the corner at least once to observe and encourage the learners' game.</li> </ol>



# ★ Ufudu negobolondo lalo

## Indaba

UThomi ufudu wayehlala yedwa ensimini. Nsuku zonke wayeye ame ekupheleni kwesikhotha lapho ayekwazi ukubona khona ezwe ezinye izilwane zigijima zizijabulela. Wakhathazeka uThomi. Wayenesifiso esisodwa vo – wayefisa ukuthi ngabe uyakwazi ukugijima njengezinye izilwane. Ngelinye ilanga ekuseni uThomi wayesekupheleni kwesikhotha futhi, enqampuna utshani obumnandi. “Ngisola sengathi igobolondo lami lisinda kakhulu,” wayecabanga, “kungakho ngingakwazi ukugijima ngesivinini esikhulu. Mhlawumbe uma ngiphuma kuleli gobolondo ngilishiya laphaya, ngizokwazi ukugijima ngesivinini esilingana nesezinye izilwane.”

Wakwenza lokho uThomi, ufudu. Wagoba, walidudula igobongo laze laphuma. Kuthe uma seliphumile, wezwa utshani bumhasha esikhunjeni sakhe esithambile, wezwa nelanga limfudumeza emhlane. Wasuka ngejubane uThomi ememeza ngenjabulo: “Ngibhekeni nonke! Ngibhekeni! Sengikwazi ukugijima ngejubane.”

Wama emva kwesikhashana uThomi ezwa kuthanda ukushisa kakhulu. Wayengakwejwayele ukwenza le nto ayenzayo, wezwa nemilenze ikhathala. Akazange akuthande ukuzwa ilanga limshisa kanje esikhunjeni. Wayezwa sengathi isikhumba sakhe emhlane siyavutha kanti sithambile.



Wathukuthela manje uThomi. Lalingasekho phela igobolondo elalizomvikela. “Ngicabanga ukuthi kuhle ngime kulesi sihlahla ngiphumule emthunzini waso ngize ngiphole,” kucabanga uThomi. Waphumula-ke waze wazizwa esengcono, wayeselungela ukugijima futhi.



Emva kokuphumula endleleni, uThomi wasuka wagijima. Kuthe emva kwesikhathi eside wezwa umsindo onswininizayo esibhakabhakeni. Waqalaza phezulu, kanti uzobona ukhozi. “Awu cha!” ekhononda. “Loluya lukhozi luzongidla ngoba anginalo igobolondo lokungivikela!” wabona isihlahla maduzane uThomi, wabona nembobo esiqwini. Wangena embotsheni ngokushesha, wahlala khona lwaze lwasuka ukhozi lwandiza.

Uthe lapho ephuma khona uThomi, wabheka esibhakabhakeni futhi. Wabona amafu amnyama. Masinyane, laduma izulu. Wezwa kuthi qha! Kwalandela into ebandayo emthela emhlane njengoba wawungembozwe yilutho nje. “Kodwa liphi igobolondo lami, lingivikele?” ezibuza egijima ephindela emuva ukuyofuna igobolondo.

Wafika lishona ilanga, sekuqala ukuba mnyama. Wezwa uThomi ukuthi akajabulile. Wayenovalo nje, egodola. Waligqoka igobolondo lakhe elilukhuni futhi elifudumele. “Anginandaba noma ngingangakwazi ukugijima ngejubane,” kucabanga yena. “Ngiwufudu. Ngiyakuthanda ukuhlala ngifudumele. Ngiyakuthanda ukuhlala ngiphephile. Ngiyakuthanda ukuba yimina!”

Kuze kube ilolusuku, ufudu angeke lukwazi ukukhumula igobolondo lalo.

***Iphela lapho indaba.***







# ★ Tortoise and his shell

## Story


Tommy the tortoise lived in a field all by himself. Every day he would stand at the edge of the long grass where he could see and hear the other animals running about and having fun. Tommy was sad. He had just one wish – he wished he could run as fast as the other animals. One morning Tommy was in his usual place nibbling crunchy, juicy grass. “I think my shell is too heavy,” he thought, “and that’s why I can’t run fast. Maybe if I crawl out of my heavy shell and leave it here, I will be able to run as fast as the other animals.”

And so that’s just what he did. Tommy the tortoise wriggled and pushed until he could crawl out of his shell. When his shell was off, he could feel the tall grasses tickling his soft skin and the warm sun shining on his back. Tommy ran off happily calling: “Look at me! Look at me! Now I can also run fast.”



After a short while Tommy stopped, he was hot. He wasn’t used to running like this and his legs felt tired. Tommy didn’t like the feeling of the hot sun shining right onto his skin. It felt like the sunlight was burning the soft skin on his back.

Tommy felt upset. He didn’t have his shell to protect him anymore. “I think I’ll stop and rest in the shade of this tree until I feel cool again,” he thought. He rested there until he felt better and ready to run again.



After Tommy had rested, he ran off along the path. It wasn’t long before he heard a swishing noise in the sky above him. Tommy looked up and saw an eagle. “Oh no!” he cried. “That eagle will eat me and I don’t have my shell to protect me!” Tommy saw a tree nearby with a hole in its trunk. He quickly hid in the hole and waited for the eagle to fly away.


As Tommy crept out of the hole in the tree, he looked up at the sky and saw dark clouds. Suddenly he heard a loud clap of thunder – boom! Then he felt something cold and wet splash onto his bare back. It was raining! “I wish I had my shell on my back to protect me,” he said as he ran back to find his shell.

By the time he found his shell, the sun was going down and it was getting darker. Tommy felt unhappy. He was scared and he was cold. And so Tommy crawled back into his strong, warm shell. “I don’t care if I can’t run fast,” he thought. “I am a tortoise. I like being warm. I like being safe. I am happy to be me!”

And to this day, tortoises cannot take off their shells.

***And that is the end of the story.***





## Iculo

Ngiwufudu, ngifuna ukugijima ntinini! [izandla! izandla!]  
 Ngiwufudu, ngifuna ukugijima ntinini! [izandla! izandla!]  
 Suka gobolondo, usuke ngithi ntinini.  
 Ngiwufudu, ngifuna ukugijima ntinini. [izandla! izandla!]

Maye babo! Ngizw' ilanga lishis' umhlane! [izandla! izandla!]  
 Maye babo! Ngibon' ukhozi lungisukela! [izandla! izandla!]  
 Nans' imvula ngimanzi, liph' ikhaya ngicashe?  
 Ngithol' igobolondo lami ngiligqoke. [izandla! izandla!]

Ngiwufudu, ngiyajabul' ukuba yimina. [izandla! izandla!]  
 Ngiwufudu, ngiyajabul' ukuba yimina. [izandla! izandla!]  
 Ngiwufudu uyangibona, ngingebolondo lami.  
 Ngiwufudu, ngiyajabul' ukuba yimina! [izandla! izandla!]



*Phakathi nesonto, uma abafundi sebelazi iculo, bangasebenzisa amagama abo evesini lokugcina. Isibonelo: Ngingu-Asanda, ngiyajabul' ukuba yimina!*

*(Cula ulingise iculo elithi, "Uma ujabule futhi wazi, shaya izandla ..." noma usebenzise elakho iculo.)*

## Amagama amasha endabeni

Amagama awukhiye	ufudu	igobolondo	kulukhuni	vikela	ukhozi	kuthambile
Amagama ongeziwe:	kunejubane	kuyasinda	hasha	isikhumba	shisa	phumula
	umthunzi	kukhathele	imbobo	ukuduma	gqoka	kufudumele





## Song

I'm a tortoise and I want to run so fast! [clap! clap!]  
 I'm a tortoise and I want to run so fast! [clap! clap!]  
 If I take off my shell, I can do very well.  
 I'm a tortoise and I want to run so fast. [clap! clap!]

Oh dear! I feel the sun is burning me! [clap! clap!]  
 Oh dear! I see an eagle chasing me! [clap! clap!]  
 Now it's raining and I'm wet, and I'm not at my home yet.  
 So, I think I'll put my shell back onto me. [clap! clap!]

I'm a tortoise and I'm happy to be me. [clap! clap!]  
 I'm a tortoise and I'm happy to be me. [clap! clap!]  
 I'm a tortoise, can't you see? And my shell's protecting me.  
 I'm a tortoise and I'm happy to be me! [clap! clap!]

*(Sing to the tune of "If you're happy and you know it, clap your hands ..." or use your own tune.)*



*During the week, once learners know the song, they can swap their names in the last verse. For example: I'm Asanda and I'm happy to be me!*

## Vocabulary from the story

<b>Key-words:</b>	<b>tortoise</b>	<b>shell</b>	<b>scared</b>	<b>protect</b>	<b>eagle</b>	<b>soft</b>
Extra words:	fast	heavy	tickle	skin	hot	rest
	shade	tired	hole	thunder	crawl	warm





### Nakhu ozokudinga:

- Indaba: *Ufudu negobolondo lalo*
- Amaphaphethi: ufudu olungenagobolondo, igobolondo, ukhozi, isihlahla esinembobo, ilanga, amafu ezulu uma lizoduma
- Okudingeka eshashalazini: amaphaphethi, indwangu/izinto zokwakha igobolondo lofudu noma isikhwama esigaxwa emhlane sokwenza igobolondo, izimpaphe zokhozi, into ezosetshenziswa njengesihlahla
- Izinto noma amakhadi anezithombe noma amagama athathwe ohlwini lwamagama amasha



## Isondo 1 Usuku 1

### Umsebenzi wekilasi lonke

Yisho la mazwi *Ameblo amabili okubona* ukuqwashisa abafundi ukuthi sekuyisikhathi sokuxoxa izindaba.

### Ukuxoxa indaba nokwakha uhlu lwamagama amasha

#### 1 Ngaphambi kokuxoxa indaba

- 1.1 Tshela abafundi isihloko sendaba bese wethula abalingiswa usebenzisa amaphaphethi.
- 1.2 Fanisa indaba nempilo yabafundi: Buza ukuthi ukhona yini owake walubona ufudu. Chaza ukuthi ufudu lunomzimba othambile, lunegobolondo elilukhuni, kanti luhamba kancane. Khombisa abafundi isithombe sezimfudu. Buza abafundi ukuthi zikhona yini ezinye izilwane ezinegobolondo (umnenke).
- 1.3 Yithi: *“Ngaphambi kokuthi siqale, ngifuna ukunethulela incazelo yamagama amasha esizowathola kule ndaba.”* Xoxa ngamagama abalulekile asemagameni amasha, ukhombise abafundi into ethile noma isithombe, noma wenze okuthile ukubakhombisa ukuthi igama lisho ukuthini. Isibonelo: Ukuze kube nencazelo yegama “vikela”, ungababuza abafundi ukuthi bake bayizwa yini imvula ibanetha emzimbeni noma ukuzwa ilanga lishisa isikhumba sabo. Uma kungathiwa azinalo igobolondo, zisebenzisani ukuzivikela? (ijakhethi, isambulela, isigqoko).

#### 2 Ngenkathi uxoxa indaba

- 2.1 Yixoxe ngomdlandla, uguqule izwi njalo.
- 2.2 Nyakaza uphinde usebenzise amaphaphethi nezinto zeshashalazi.
- 2.3 Cela abafundi ukuthi baqagele ukuthi kungahle kwenzekeni endabeni ngokulandelayo ubenze babe yingxenywe yendaba ngokubabuza imibuzo enezimpendulo eziningi, efana nokuthi: *“Ucabanga ukuthi kuzokwenzekani kuThomi uma likhishwa igobolondo? Angalucashela kuphi ukhozi uThomi?”*

#### 3 Emva kokuxoxa indaba

- 3.1 Buza abafundi uthi: *“Yini eniyithandile endabeni? Yini eningayithandanga? Iyiphi ingxenywe ebe mnandi kakhulu? Mibuzo mini eninayo ngendaba?”*


### Ukwethula umsindo othathwe endabeni

- 1 Cela abafundi bahlale phansi kumata balalele okushoyo ngokuqikelela. Yisho la mazwi owathathe endabeni: *“obumnandi, igobolondo, onswininizayo. Uyayizwa imisindo okugxilwe kuyo: obumnandi, igobolondo, onswininizayo? Yebo, uqinisile! Wonke anomsindo /o/.”*
- 2 *“Lalelisa, nanka amagama aqala ngomsindo /o/: upopo, isondo, inombolo, i-othsi, i-olivi.”* (Gcizelela imisindo engasekuqaleni ngenkathi usho la magama).
- 3 Yisho lo msindo /o/ ngokucacile bese utshela abafundi ukuthi babukisise umlomo wakho.
- 4 Cela abafundi ukuthi basho lo msindo /o/: *“o-o-o”*. Yenza lokhu kube wumdlalo omnandi: yisholo phansi, phakamisa izwi, wusho ubheke odongeni, wusho uwubhekise kusilingi kanye nakubafundi abanye.

### Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Chazela abafundi ukuthi sebezosebenza ngamaqenjane nsuku zonke. Chaza uphinde ukhombise ukuthi lo msebenzi wokwenziwa wenziwa kanjani, uchaze ukudedelana kwabo ngosuku nosuku. Chaza ukuthi bazozoqa kanjani ekugcineni.





### You will need:

- Story: *Tortoise and his shell*
- Puppets: tortoise without a shell, a shell, an eagle, a tree with a hole, sun, thunder clouds
- Props: puppets, cloth/material for the tortoise's shell or a backpack used as a shell, feathers for the eagle, an object to use as a tree
- Objects or picture cards for some of the words from the vocabulary list

## Week 1 Day 1

### Whole class activities

Say the rhyme *Two eyes to see* to bring learners to the mat for story time.

#### Two eyes to see

One mouth to talk and sing,  
Two eyes to see,  
Two ears to hear,  
Two legs to walk and run;  
Here are my hands  
Give yours to me – time for  
stories everyone!

### Storytelling and building vocabulary

#### 1 Before you tell the story

- 1.1 Tell learners the title of the story and introduce the characters using the puppets.
- 1.2 Relate the story to learners' lives: Ask if anyone has seen a tortoise. Explain that a tortoise has a soft body, a hard shell and moves slowly. Show learners pictures of tortoises. Ask learners if they know any other creatures that have shells (snail).
- 1.3 Say: *"Before we begin, I want to tell you the meaning of some new words which we will find in the story."* Discuss keywords from the vocabulary list and show learners objects to help them understand what words mean. For example: To explain the word "protect", you could ask learners if they have ever felt rain on their body or felt the sun burn their skin. If they don't have shells, what do they use to protect themselves? (jacket, umbrella, hat).

#### 2 While you tell the story

- 2.1 Tell the story in a lively way and use different voices.
- 2.2 Do actions and make use of the puppets and props.
- 2.3 Ask learners to predict what happens next in the story and involve them through open-ended questions, such as: *"What do you think will happen to Tommy's body when his shell is off? Where can Tommy go to hide from the eagle?"*

#### 3 After you tell the story

- 3.1 Ask learners: *"What did you like about the story? What didn't you like? What was your best part? What questions do you have about the story?"*



### Introducing a sound from the story

- 1 Ask learners to sit on the mat and listen carefully to you. Say these words from the story: *"obumnandi, igobolondo, onswininizayo. Can you hear the focus sound: obumnandi, igobolondo, onswininizayo? Yes, you are right! They all have the sound /o/."*
- 2 *"Listen carefully, here are some more words with /o/: upopo, isondo, inombolo, i-othsi, i-olivi."* (Emphasise the focus sound as you say these words.)
- 3 Say the sound /o/ clearly and tell learners to watch your mouth carefully.
- 4 Ask learners to say the sound /o/: *"o-o-o"*. Make this fun: Say it softly, loudly, to the wall, to the ceiling and to each other.

### Small group activities

Explain that learners will be working in small groups each day. Explain and show how each activity is done and explain the daily rotation. Explain the tidy-up process.



#### Nakhu ozokudinga:

- Amaphaphethi asendabeni
- Umculo kanye nezithombe/nezidingeka eshashalazini okomculo



## Isonto 1 Usuku 2


### Umsebenzi wekilasi lonke

#### Ukuxoxa indaba kanye nokucula

- 1 Qala ngokukhumbuza abafundi incazelo yamagama owethule ngoSuku-1.
- 2 Phinda uxoxe indaba ngamaphaphethi. Buza imibuzo ngenkathi uxoxa indaba. Khuthaza abafundi ukuthi baqagele ukuthi yini ezokwenzeka ngokulandelayo endabeni.
- 3 Tshela abafundi ukuthi uzobafundisa iculo elisha elizohambisana nendaba.
- 4 Yisho imigqa embalwa yeculo ngokucacile, usho ngokungasheshi, bese ucela abafundi ukuthi bangene bacule kanye nawe. Kungaba lukhuni khona kubafundi ukukhumbula amagama, ngakho bafundise ngezingxenyana ezincane zeculo.
- 5 Yiba nezithombe kanye nezinto zeshashalazi ukusiza abafundi ukuthi baluqonde ulimi lweculo.
- 6 Fundisa abafundi iminyakazo yeculo, kube umdlalo omnandi ukulicula ngezilimi ezahlukene.

#### Ukwakha uhlamvu


- 1 Khumbuza abafundi ngomsindo okugxilwe kuwo. Buza kubo ukuthi ukhona yini onegama eliqala ngohlamvu /o/ noma akhona yini amanye amagama abangawacabanga aqala ngohlamvu /o/.
- 2 Fundisa abafundi iminyakazo ehambisana nomsindo lowo. Isibonelo: Abafundi bengenza sengathi bathukile bese benza isimo sika 'o' ngezandla zabo bese besibeka emlonyeni yabo esandingilizi ngesikhathi bethi /o/.
- 3 Bonisa abafundi ukuthi uhlamvu o lubhalwa kanjani. Bhala uhlamvu olukhulu ebhodini noma emoyeni ngenkathi usho la mazwi: "Qala eechashazini, jikeleza."
- 4 Dedela abafundi bazejwayeze ukwakha uhlamvu emoyeni, kukhaphethi, emhlane womunye nomunye noma ezandleni. Bangazama futhi ukusebenzisa imizimba yabo ukwakha uhlamvu.
- 5 Uma sewuqedile ukubakhombisa ukuthi uhlamvu lubhalwa kanjani, khuthaza abafundi ukubhala uhlamvu enhlabathini ngokhuni.
- 6 Khuthaza abafundi ukuthi basho umsindo bawenze futhi ngenkathi bebhala uhlamvu.



### Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Khumbuza abafundi ngemisebenzi abazoyenza bengamaqenjana amancane, imithetho yomsebenzi ngamunye kanye nendlela odinga kuqoqwe ngayo.





#### You will need:

- Puppets for the story
- Music and props or pictures for the song



## Week 1 Day 2


### Whole class activities

#### Storytelling and singing

- 1 Begin by reminding learners of the meaning of words that you introduced on Day 1.
- 2 Retell the story using the puppets. Ask questions as you tell the story. Encourage learners to predict what will happen next.
- 3 Tell learners you are going to teach them a new song to go with the story.
- 4 Say a few lines of the song clearly and slowly, and then ask learners to join in and sing together with you. It may be difficult for learners to remember all the words, so teach the song in parts.
- 5 Have pictures or props or do actions to help learners understand the language of the song.
- 6 Teach learners the actions for the song and have fun singing in more than one language.

#### Forming the letter

- 1 Remind learners of the focus sound. Ask learners if anyone's name starts with /o/ or if they can think of any other words that start with the sound /o/.
- 2 Teach learners an action associated with the sound. For example: Learners can pretend to be shocked and make an 'o' shape with their hand and put it in front of a rounded mouth while saying /o/.
- 3 Show learners how to write the letter o. Praise their attempts, then write a large letter on the board or in the air while saying the following: "Start at the dot, go around."
- 4 Let learners practise the letter formation in the air, on the mat, on each other's backs or on their hands. They can also try using their own body to make the letter.
- 5 Once you have modelled how to write the letter, go outside and encourage learners to use a stick to write the letter in the sand.
- 6 Encourage learners to say the sound the letter makes as they write the letter.



### Small group activities

Remind learners about the small group activities, the rules for each activity and the tidy-up process.



#### Nakhu ozokudinga:

- Okudingeka eshashalazini namaphaphethi asendabeni
- Ibhokisi lezinhlamvu eliqukethe izinto noma izithombe zezinto ngomsindo **o**: upopo, isondo, inombolo, igobolondo, ishongololo, ifosholo, isonto, ogogo, isobho



## Isonto 1 Usuku 3

### Umsebenzi wekilasi lonke

#### Ukuxoxa indaba kanye nokuyidlala

- 1 Cula iculo.
- 2 Buza abafundi ukuthi bayayikhumbula yini incazelo yamagama asohlwini lwamagama amasha. Isibonelo: Cela abafundi ukuthi bazithinte isikhumba ezingalweni. Babuze ukuthi ingabe siyashisa noma sifudumele. Bayakwazi ukusizwa ukuthi sithambe kangakanani isikhumba sabo?
- 3 Khetha abafundi abazoba ngabidlali endabeni.
- 4 Khuluma kubafundi ngendaba. Tshela abafundi ukuthi bazoba ngobani uma kudlalwa indaba, bese ubakhombisa izinto abazozisebenzisa ukuxoxa indaba.
- 5 Chazela abafundi ukuthi wena (thisha) uzoba ngumxoxi wendaba, kanti futhi uzokwaziwa njengomlandi. Abafundi abazolingisa bazoyenza yonke into ozoyisho. Basize ukuhlela ukuthi bazokuma kanjani.
- 6 Qala uxoxe indaba, bese ukhuthaza abafundi ukuthi benze iminyakazo ehambisana namagama, ngenkathi ikilasi lonke libukela kudlalwa.
- 7 Uma isikhathi sikhona, bangawuphinda umdlalo sewudlalwa ngabanye abafundi.

#### Amabhokisi ezinhlamvu

- 1 Cela abafundi ukuthi bahlale kumata bese ubakhombisa ngamunye izinto noma izithombe ezisebhokisini lezinhlamvu. Babuze amagama ezinto. Uma kunabafundi abakhuluma ezinye izilimi, bacele batshele abanye abafundi ukuthi bazibiza ngani lezi zinto ngezilimi abazikhuluma emakhaya. Bese unikeza igama lento ngayinye ngolimi okufundiswa ngalo. Banike izinto noma izithombe baziphathe bazidlulisele komunye nomunye umfundi.
- 2 Buza imibuzo ephathelene nezinto: *“Uke wayibona into efana nale? Senzani ngalokhu? Kumbala muni? Kuzwakala kanjani uma ukuthinta?”*
- 3 Yisho amagama ezinto, ugcizelele umsindo okugxilwe kuwo. Buza abafundi ukuthi bayawuzwa yini umsindo okugxilwe kuwo.
- 4 Cela abafundi ukuthi basho igama lento ngayinye bese ugcizelele umsindo okugxilwe kuwo.
- 5 Uma abafundi sebezwayezile imisindo emisha, bakhombise uhlamvu olusebhokisini lezinhlamvu, bese uthi: *“Lolu hlamvu luveza ukuthi silubhala kanjani uhlamvu **o**”*. Cela abambalwa kubafundi ukuthi babhale phezu kwemigqa yohlamvu ngeminwe yabo.




### Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Khumbuza abafundi ngemisebenzi abazoyenza bengamaqenjana amancane, imithetho yomsebenzi ngamunye kanye nendlela odinga kuqoqwe ngayo.







#### You will need:

- Puppets and props for the story
- A letter box containing objects or pictures of objects that have the focus sound **o**: upopo, isondo, inombolo, igobolondo, ishongololo, ifosholo, isonto, ogogo, isobho



## Week 1 Day 3

### Whole class activities

#### Storytelling and role play

- 1 Sing the song.
- 2 Ask learners if they can remember the meaning of words from the vocabulary list. For example: Ask learners to feel the skin on their arms. Ask them if it is hot or warm. Can they feel how soft their skin is?
- 3 Choose learners to play the characters in the story.
- 4 Talk about each character in the story. Tell learners who they are going to be in the role play and show them the props that will be used to tell the story.
- 5 Explain to learners that you (the teacher) are going to be the storyteller, also known as the narrator. The acting learners are going to act out everything you say. Help them to organise where they are going to stand.
- 6 Start telling the story and encourage learners to do the actions to match your words while the rest of the class watches the role play.
- 7 If there is time, you may want to repeat the role play with different learners.


#### Letter boxes

- 1 Ask learners to sit on the mat and show them the objects and pictures in the letter box one at a time. Ask them for the names of the objects. If there are learners who speak different languages, ask them to tell the class what they call the object in their home language. Then give the word in the language of instruction. Let them hold the objects or pictures and pass them around.
- 2 Ask questions about the objects: *"Have you seen one of these? What do we use this for? What colour is it? How does it feel?"*
- 3 Say the names of the objects while emphasising the focus sound. Ask learners if they can hear the focus sound.
- 4 Ask learners to say the name of each object and emphasise the focus sound when they say the words.
- 5 Once learners have practised the new sound, show them the letter on the letter box and say: *"This letter is how we write o."* Let some learners trace over the letter on the lid with their fingers.



### Small group activities

Remind learners about the small group activities, the rules for each activity and the tidy-up process.



### Nakhu ozokudinga:

- Izithombe ezinkulu ezilandelanayo
- Kuzokhethwa izinto emabhokisini amane ezinhlamvu (izoba yinye into kumfundi ngamunye)
- Isikhwama noma ikhava yomcamelo
- Umakhalekhukhwini wokudlala umculo

### UStella uthi:



Lena yimibuzo ewusizo engabuzwa ngesithombe ngasinye:

- "Ngabe ubona bani?" (abalingiswa)
- "Ngabe wenzani?" (izenzo neminyakazo)
- "Yini enye oyibonayo?" (ukubheka futhi)
- "Ikuphi i...?" (amagama ezindawo)
- "Kungani ucabanga ukuthi ...?" (Ukucabanga okunokuqamba, ukuveza imibono)

## Isonto 1 Usuku 4

### Umsebenzi wekilasi lonke

#### Ukulandelanisa izithombe

- 1 Cula iculo futhi.
- 2 Yethula amagama owacaphune ohlwini lwamagama amasha.
- 3 Khetha esisodwa sezithombe usibambe usiphakamise. Buza abafundi ukuthi babonani, bese ukhuluma ngesithombe ngokujulile.
- 4 Uma sewuxoxile ngesithombe ngasinye, sinamathisele ebhodini ukuze abafundi basibone. Kuqinisekise lokho izithombe azilandelani okwamanje kulo msebenzi.
- 5 Emva kokukhuluma ngazo zonke izithombe, buza abafundi uthi: "Ngabe izithombe zilandelana ngokwamukelekile na?"
- 6 Cela abafundi ukuthi bakhombe isithombe esihambelana nesiqalo sendaba. Sebenzisananani ukulandelanisa izithombe ukuze indaba ilandeleke.
- 7 Gcina abafundi benamathele kukho konke okwenziwayo. Buza imibuzo efana nokuthi: "Kwase kulandelani? Ngubani okhumbula into eyenzeka emva kwalokho?"
- 8 Uma izithombe sezilandelana kahle, cela abafundi abambalwa ukuthi baphinde bayixoxe indaba ngokulandelana kwezehlakalo.




#### Ukulalela imisindo okugxilwe kuyo

- 1 Faka esikhwameni ezinto ezisemabhokisini ezinhlamvu.
- 2 Mabahlale phansi abafundi babe yindilinga ngenkathi kudlala umculo. Kuzothi uma uma umculo, athathe into umfundi onesikhwama, asho ukuthi iyini leyo nto nokuthi msindo muni bawuzwa ekuqaleni. Umdlalo ungaqhubeka wonke umuntu aze agcine ethole ithuba.
- 3 Ekugcineni, labo bafundi abazinto zabo ziqala ngomsindo ofanayo, bayasukuma bafake izinto zabo emabhokisini afanele ezinhlamvu.



### Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Khumbuzwa abafundi ngemisebenzi abazoyenza bengamaqenjama amancane, imithetho yomsebenzi ngamunye kanye nendlela odinga kuqoqwe ngayo.



### You will need:


- Big sequence pictures
- A selection of objects from four letter boxes (one for each learner)
- A bag or pillowcase
- A cellphone to play music

## Week 1 Day 4

### Whole class activities

#### Sequencing pictures

- 1 Sing the song again.
- 2 Introduce new words from the vocabulary list.
- 3 Choose one of the sequence pictures and hold it up. Ask learners what they see, then talk about the picture in detail.
- 4 Once you have discussed each picture, stick it on the board so learners can see it. Make sure the pictures are not in sequence at this stage of the activity.
- 5 After talking about all the pictures, ask learners: "Are the pictures in the correct order?"
- 6 Ask learners to point out the picture for the beginning of the story. Work together to arrange the sequence of the pictures so the story makes sense.
- 7 Keep learners actively involved in this process. Ask questions like: "What happened next? Who can remember the next part of the story?"
- 8 When the pictures are in the correct order, invite a few learners to retell the story in the correct sequence.



### Stella says:



These are useful questions to ask about each picture:

- "Who can you see?" (characters)
- "What is he/she/it doing?" (verbs and actions)
- "What else can you see?" (looking again)
- "Where is the ...?" (naming places/position)
- "Why do you think ...?" (creative thinking, expressing opinions)

#### Listening for focus sounds

- 1 Put some objects from the letter boxes into a bag.
- 2 Learners sit in a circle while music is played and the bag is passed around. When the music stops, the learner who has the bag takes an object, says what it is and what sound they hear at the beginning. The game can continue until everyone gets a turn.
- 3 At the end, groups of learners who have objects that start with the same sound, stand up and put their objects back into the correct letter boxes.



#### Small group activities

Remind learners about the small group activities, the rules for each activity and the tidy-up process.



#### Nakhu ozokudinga:

- Umfundi ngamunye makathole uhhafu wepuleti
- Izidwedwe noma iphepha elinemibala, ikhadibhodi noma ikhanda nemilenze
- Isikele, iglu
- Inhlanguisela yamakhrayoni asamafutha NOMA
- Inhlama yokudlala, ubhontshisi noma amantongomane
- Amaqoqo ezinhlamvu ahlobene nendaba: ufudu, ukhozi, kuyasinda, ujabule, ukugijima, ukushwiba, ekuseni, vikela, akajabule, isilwane

## Isonto 1 Usuku 5

### Umsebenzi wekilasi lonke


#### Yakha, udwebe bese uyabhala

- 1 Chazela abafundi ukuthi bazokwakha ufudu besebenzisa ipuleti lephepha kanye nezidwedwe noma nephepha elinemibala.
- 2 Abafundi basika indwangu noma iphepha elinemibala banamathisela ngegulu epuletini lephepha kwakheka igobolongo lofudu.
- 3 Kuzodingeka basike imilenze kanye nekhandla bakunamathisele epuletini lephepha kube yigobolondo.



#### KANA

- 1 Nika umfundi ngamunye ibhola lenhlama yokudlala bese ubachazela ukuthi bazokwakha ngalo ufudu.
- 2 Chaza ukuthi bangasebenzisa ubhontshisi/amantongomane ukuhlobisa ufudu lusetafuleni.
- 3 Uma abafundi sebeqedile ukwakha ufudu, kumele balomise ngokulubeka elangeni.
- 4 Beka eceleni isikhathi sokuthi abafundi ngababili bakhulume ngofudu lwabo.
- 5 Khangisa ngofudu uma sebeqede ukulwakha ngokuzulazula nalo ekilasini.




### Ukuhlanguanisa nokuhlukanisa (amalunga)

- 1 Cela abafundi ukuthi bahlale kumata. Phimisela igama elilodwa kulawa asohlwini lwamagama anamalunga amaningi, uveze ukuthi ahlukani kwanjani amalunga awo, Isibonelo: **u | fu | du**.
- 2 Cela umfundi ngamunye ukuthi ame abhekane nomngane, bashaye izandla njalo uma kushiwo ilungu: **u** (shayanise izandla) **fu** (shayanise izandla) **du** (shayanise izandla).
- 3 Yisho amanye amagama anamalunga amaningi avela endabeni ngenkathi abafundi beshayanisa izandla behambisana namalungu.
- 4 Khuthaza abafundi ukuthi babale inani lamalunga emagameni (isibonelo: "ufudu" unamalungu amathathu).

### Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Khumbuza abafundi ngemisebenzi abazoyenza bengamaqenjane amancane, imithetho yomsebenzi ngamunye kanye nendlela odinga kuqoqwe ngayo.





#### You will need:

- Half a paper plate for each learner
- Pieces of fabric or coloured paper, cardboard for legs and head
- Glue, scissors
- Jumbo wax crayons OR
- Playdough, beans or lentils
- A list of multisyllabic words relating to the story: ufudu, ukhozi, kuyasinda, ujabule, ukugijima, ukushwiba, ekuseni, vikela, akajabule, isilwane

## Week 1 Day 5

### Whole class activities


#### Make, draw and write

- 1 Explain to learners that they are going to make a tortoise using a paper plate and some fabric or coloured paper.
- 2 Learners cut up pieces of fabric or coloured paper and glue it onto the paper plate to make the shell of the tortoise.
- 3 They will need to cut out legs and a head to stick onto the the paper plate which is the shell.



OR

- 1 Give each learner a ball of playdough and explain that they are going to make a playdough tortoise.
- 2 Explain that they can use the beans/lentils on the table to decorate the tortoise.
- 3 When learners have finished making their tortoise, they must put it in the sun to dry.
- 4 Create time for learners to talk about their tortoise in pairs.
- 5 Display the tortoises around the classroom when they are complete.



### Blending and segmenting (syllables)

- 1 Ask learners to sit on the mat. Say one of the words from the list of multisyllabic words and model how to break it into syllables, for example: **u | fu | du**.
- 2 Ask learners to face a friend and do high fives for each syllable: **u** (high five) **fu** (high five) **du** (high five).
- 3 Say other multisyllabic words from the story while learners do high fives for each syllable.
- 4 Encourage learners to count the number of syllables in the word (for example: "ufudu" has three syllables).





### Small group activities


Remind learners about the small group activities, the rules for each activity and the tidy-up process.









# Imisebenzi yokwenziwa ngamaqenjana Isonto 1

Nakhu ozokudinga	Imisebenzi
<ul style="list-style-type: none"> <li>• Iphepha eliyi-A4 elingabhalwe lutho lomfundi ngamunye</li> <li>• Inhlanguanisa yamakhrayoni asamafutha</li> </ul>  <p>Ufudu lukhase lwabuyela egobolondweni lalo.</p>  <p>Ukuba abafundi badinga uncedo ekucingeni izinto amabazizobe, babonise imifanekiso elandelelaniswayo ukubanika iimbono.</p>	<p><b>Umsebenzi 1: Ukudweba nokubhala okuvelayo</b></p> <ol style="list-style-type: none"> <li>1 Bhala isihloko sendaba phezulu ekhasini lomfundi elingenalutho ngaphambi kokuthi kuqale isifundo.</li> <li>2 Cela abafundi ukuthi bakhombe amagama esihloko ngenkathi uwafunda.</li> <li>3 Buza abafundi ukuthi bathande kakhulu yiphi ingxenye yendaba.</li> <li>4 Khuthaza abafundi ukuthi badwebe ingxenye abayithanda kakhulu endabeni.</li> <li>5 Nikeza imibono yakho noma ucele umfundi ngamunye ukuthi akhulume ngomdwebo wakhe.</li> <li>6 Buza abafundi ukuthi bayathanda yini ukubhala okuthile ngezithombe zabo noma mhlawumbe bafuna kubhale wena yini ngazo.</li> <li>7 Uma kungukuthi bafuna kube nguwe obhalayo, babandakanye nabo ngokubacela basho amagama ngesineke ngenkathi uwabhala. Bhala ukhuluma kuyo yonke imisho yabo. Isibonelo: "Ufudu ... lwahuquzela ... lubuyela ... emuva ... Yiliphi igama obufuna ukulisho ngokulandelayo? igobolondo. Ngizobhala igama elithi 'igobolondo'."</li> <li>8 Kubhale njengoba kunjalo okushiwo ngabafundi, igama negama, noma ubabuze ukuthi bayalwamukela yini uguquko emagameni abo ngaphambi kokuthi ulwenze. Khumbula ukubhala kuhlanzeke kucace.</li> <li>9 Uma sewuqedile ukubhala, bakhuthaze abafundi ukuthi bawufunde kanye nawe umusho. Khomba igama ngalinye ngenkathi ulifunda, bese ubabonga ngemizamo yabo.</li> </ol>
